1.2 **Bala uye phambili nasemuva**	Bala ukusuka phambili uye emuva ngakunye kusukela koku 1 – 10; Sebenzisa imilolozelo efaka izinombolo kanye namaculo	Bala uya phambili ubuye uye emumva ngakunye kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka 0 – 100; **Bala uye phambili:** • Bala ngama -10 phakathi kuka - 0 kuya e – 100 • Bala ngokuyisi – 5 phakathi kuka -0 kuya e – 100 • Bala ngoku -2 phakathi kuka -0 kuya e – 100	Bala uye phambili ubuye uye emumva: • Ngakunye kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka 0-kuya e 200 • Bala ngama – 10 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka -0 kuya e – 200 • Bala ngokuyisi – 5 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka – 0 kuya e – 200 • Bala ngaku – 2 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka 0-kuya e 200 • Bala ngaku – 3 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka – 0 kuya e – 200 • Bala ngaku – 4 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka – 0 kuya e – 200	Bala uye phambili ubuye uye emumva: • Ngakunye kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka 0-kuya e 1000 • Bala ngama – 10 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka -0 kuya e – 1000 • Bala ngokuyisi – 5 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka – 0 kuya e – 1000 • Bala ngaku – 2 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka 0-kuya e-1000 • Bala ngaku – 3 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka – 0 kuya e – 1000 • Bala ngaku – 4 kusukela kunoma iyiphi inombolo phakathi kuka – 0 kuya e – 1000 • Ngama – 20, 25, 50, 100 kuze kufike okungenani e – 1000

ULWAZI	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
UKUTHUTHUKISWA KOLWAZI LWEZINOMBOLO: Okumele izinombolo eziphelele				
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	**Buka, ukhombe ubuye ufunde izinombolo** • Buka, ukhombe ubuye ufunde uphawu lwezinombolo kusukela koku – 1 kuya e – 10. • Buka, ukhombe ubuye ufunde amagama ezinombolo kusukela koku – 1 kuya e – 10	**Buka, ukhombe ubuye ufunde izimpawu zezinombolo** • Buka, ukhombe ubuye ufunde uphawu lwezinombolo kusukela koku – 1 kuya e – 100. • Bhala izimpawu zezinombolo kusuka ko -1 kuya ema - 20 • Buka, ukhombe ubuye ufunde amagama ezinombolo kusukela koku – 1 kuya e – 10. • Bhala amagama ezinombolo kusukela koku – 1 kuya e - 10	**Buka, ukhombe ubuye ufunde izinombol** • Buka, ukhombe ubuye ufunde uphawu lwezinombolo kusukela ku – 0 kuya e – 200. • Bhala izimpawu zezinombolo kusuka ko -1 kuya ema - 200 • Buka, ukhombe ubuye ufunde amagama ezinombolo kusukela ku – 0 kuya e – 100. • Bhala amagama ezinombolo kusukela ku – 0 kuya e - 100	**Buka, ukhombe ubuye ufunde izinombolo** • Buka, ukhombe ubuye ufunde uphawu lwezinombolo kusukela ku – 0 kuya e – 1 000. • Bhala izimpawu zezinombolo kusuka ko -1 kuya ema – 1 000 • Buka, ukhombe ubuye ufunde amagama ezinombolo kusukela ku – 0 kuya e – 1 000. • Bhala amagama ezinombolo kusukela ku – 0 kuya e – 1 000
• UKUTHUTHUKISWA KOLWAZI L WEZINOMBOLO: Chaza, qhathanisa uphinde uhlele izinombolo eziphelele				
1.4 **Chaza, qhathanisa ubuye uhlele izinombolo**	**Chaza, qhathanisa bese uhlela iqoqo lezinto kuyofika e-10.** • Chaza izinombolo eziphelele kuya e-10. • Qhathanisa lezizinto ezimbili ozinikiwe ngobukhulu, ngobuncane, okuncane kunokunye, okukhulu kunokunye, okungaphezulu kunokunye, okungaphansi kunokunye, okulinganayo, okuningi kakhulu, okuncane kakhulu, okumbalwa kuze kufike e-10. • Hlela izinto eziqoqiwe ezingaphezu kokubili kusuka kokuncane kakhulu kuya kokukhulu kakhulu kuze kufike e-10.	**Chaza, qhathanisa bese uhlela izinto kuyofika e-20.** • Chaza uqhathanise iqoqo lezinto ngokuningi, okuncane, okulinganayo • Chaza uhlele iqoqo lezinto kusukela kokuningi kuya kokuncane, nokuncane kuya kokuningi		

ULWAZI	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
1.4 **Chaza, qhathanisa ubuye uhlele izinombolo**		**Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo kuyofika e-20.** • Chaza bese uqhathanisa izinombolo eziphelele ngokubancane ukunenye,enkulu ukunenye kanye neningi ukunenye, nengaphansi ukunenye, nelinganayo • Chaza bese uhlela izinombolo kusukela kwencane kakhulu kuyofika kwenkulu kakhulu nakwenkulu kakhulu kuyofika kwencane kakhulu	**Chaza, uqhathanise ubuye uhlele izinombolo kuya ema – 99** • Chaza bese uqhathanisa izinombolo eziphelele kuze ufike ema – 99 usebenzisa okuncane kunokunye, okukhulu kunokunye, okungaphezulu kunokunye, okungaphansi kunokunye kanye nokulinganayo • Chaza bese uhlela izinombolo eziphelele kuyofika ema-99 kusukela kwencane kakhulu kuyofika kwenkulu kakhulu nakwenkulu kakhulu kuyofika kwencane kakhulu	**Chaza, uqhathanise ubuye uhlele izinombolo kuya ema – 999** • Chaza bese uqhathanisa izinombolo eziphelele kuze ufike ema – 999 usebenzisa okuncane kunokunye, okukhulu kunokunye, okungaphezulu kunokunye, okungaphansi kunokunye kanye nokulinganayo • Chaza bese uhlela izinombolo eziphelele kuze kufike ema - 999 kusukela kwezincane kakhulu kuya kwezinkulu kakhulu, ezinkulu kakhulu kuya kwezincane kakhulu.
	Sebenzisa izinombolo ezisho isikhundla ukukhombisa ukuhleleka, indawo noma isikhundla. • Thuthukusa ukuqaphela izinombolo ezisho isikhumdla isib. Okokuqala, okwesibili, okwesithathu kuyofika kwesithupha nokokugcina	**Sebenzisa izinombolo ezisho isikhundla ukukhombisa ukuhleleka, indawo noma isikhundla.** • Beka izinto emugqeni ngokulandelana kusukela kweyokuqala kuya kweyeshumi noma eyokuqala kuya kweyokugcina. Isib. Okokuqala, okwesibili, okwesithathu ... okweshumi	**Sebenzisa izinombolo ezisho isikhundla ukukhombisa ukuhleleka, indawo noma isikhundla.** • Beka izinto emugqeni ngokulandelana kusukela kweyokuqala kuya kweyamashumi amabili noma eyokuqala kuya kweyokugcina. Isib. Okokuqala, okwesibili, okwesithathu ... okwamashumi amabili	**Sebenzisa izinombolo ezisho isikhundla ukukhombisa ukuhleleka, indawo noma isikhundla.** • Sebenzisa, ufunde uphinde ubhale izinombolo ezimele isikhundla
UKUTHUTHUKISWA KOLWAZI LWEZINOMBOLO: Ubungako benani lenombolo				
1.5 **Ubungako benani lenombolo**		**Qala ukubona ubungako benani benombolo okungenani izinombolo ezingambili kufinyelela ema – 20** • Hlakaza izinombolo ezihamba ezingambili kubalwa ngamashumi nangokukodwa /imivo.	**Qala ukubona ubungako benani benombolo okungenani izinombolo ezingambili kufinyelela ema – 99** • Hlakaza izinombolo ezihamba ngambili kufinyelela ema – 99 kubalwa ngamashumi nangokukodwa /imivo. • Ukukhomba ubuye usho ubungako benombolo ngayinye.	**Qala ukubona ubungako benani benombolo okungenani izinombolo ezingantathu kufinyelela ema – 999** • Hlakaza izinombolo ezihamba ngantathu kufinyelela kuma – 999 bebala ngamakhulu, ngamashumi nangokukodwa/imivo. • Ukukhomba ubuye usho ubungako benombolo ngayinye

ULWAZI	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
XAZULULA IZINKINGA EZISESIMWENI ESEJWAYELEKILE				
1.6 **Amasu okuxazulula izinkinga**	Sebenzisa lamasu kuze kufike e - 10: • Izinsiza kufundisa eziphathekayo, Isib. Izinto zokubala • Isitebhisi sezinombolo esiphathekayo	Sebenzisa lamasu alandelayo ukuxazulula izinkinga nokuchaza izixazululo zezinkinga: • Izinsiza kufundisa eziphathekayo, isib. (izinto zokubala)Amatshe, ummbila, ubhontshisi njll. • Izithombe ukuze kudwetshwe izibalo zengxoxo • Ukwakha nokuhlakaza izinombolo • Ukuphinda kabili nokuhlukanisa kabili ngokulingana • Umugqa wezinombolo ohambisana nezinto eziphathekayo	Sebenzisa lamasu alandelayo ukuxazulula izinkinga nokuchaza izixazululo zezinkinga: • Imidwebo noma izinsiza kufundisa eziphathekayo, isib. (izinto zokubala) amatshe, ummbila, ubhontshisi • Ukwakha nokuhlakaza izinombolo • Ukuphinda kabili nokuhlukanisa kabili ngokulingana • Umugqa wezinombolo	Sebenzisa lamasu alandelayo ukuxazulula izinkinga nokuchaza izixazululo zezinkinga: • Ukwakha nokuhlakaza izinombolo • Ukuphinda kabili nokuhlukanisa kabili ngokulingana • Umugqa wezinombolo • Sondezela emashumini
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa**	Xazulula izibalo zamagama (izibalo zengxoxo) ngokwesimo esejwayelekile ubuye uchaze isixazululo sakho esifaka ukuhlanganisa nokususa esinezimpendulo ezifinyelela e – 10.	Xazulula izibalo zamagama ngokwesimo esejwayelekile ubuye uchaze isixazululo sakho esifaka ukuhlanganisa nokususa esinezimpendulo ezifinyelela ema – 20.	Xazulula izibalo zamagama ngokwesimo esejwayelekile ubuye uchaze isixazululo sakho esifaka ukuhlanganisa nokususa esinezimpendulo ezifinyelela ema – 99	Xazulula izibalo zamagama ngokwesimo esejwayelekile ubuye uchaze isixazululo sakho ezinkingeni ezifaka ukuhlanganisa nokususa eziholela ezimpendulweni kufinyelela ema – 999
1.8 **Ukuhlanganisa okuphindaphin-dayo okuholela ekuphindaphin-deni**		Xazulula izibalo zamagama ngokwesimo esejwayelekile ubuye uchaze isixazululo sakho esifaka ukuhlanganisa okuphindaphindayo okunemiphumela efinyelela ema – 20.	Xazulula izibalo zamagama ngokwesimo esejwayelekile ubuye uchaze isixazululo sakho esifaka ukuhlanganisa okuphindaphindayo okunemiphumela efinyelela ema – 50	Xazulula izibalo zamagama ngokwesimo esejwayelekile ubuye uchaze isixazululo sakho esifaka ukuhlanganisa okuphindaphindayo okunemiphumela efinyelela e – 100
1.9 **Ukuhlela nga-maqoqo nokuh-lukaniselana okuholela ekwahl-ukaniseni**	Chaza uxazulule izisombululo ezimayelana nezibalo zamagama ngokwesimo esejwayelikle (izibalo zengxoxo) okufaka ukwahlukaniseana ngokulinganayo, ukuhlele ngamaqoqo izinombolo eziphelele kuze kufike e 10 kanye nezimpendulo ezingafaka izinsalela.	Xazulula uchaze izixazululo zezinkinga eziphathekayo kufaka ukwahlukaniselana ngokulinganayo, uhlele ngamaqoqo ezinombolo eziphelele kuze kufike ema – 20 kanye nezimpendulo ezingafaka izinsalela.	Xazulula uchaze izixazululo zezinkinga eziphathekayo kufaka ukwahlukaniselana ngokulinganayo, uhlele ngamaqoqo kufinyelela ema – 50 kanye nezimpendulo ezingafaka izinsalela.	Xazulula uchaze izixazululo zezinkinga eziphathekayo kufaka ukwahlukaniselana ngokulinganayo, uhlele ngamaqoqo kufinyelela e – 100 kanye nezimpendulo ezingafaka izinsalela.

ULWAZI	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
1.10 **Ukuhlukaniselana okuholela kumaqhezu**			Xazulula uchaze izixazulo ngezinkinga eziphathekayo ezifaka ukwabelana ngokulinganayo okuholela kwizixazululo ezifaka ingxenye eyodwa kokuphelele.	Xazulula uchaze izixazulo ngezinkinga eziphathekayo ezifaka ukwabelana ngokulinganayo okuholela kwizixazululi ezifaka ingxenye eyodwa kokuphelele kanye nezingxenye ezingaphezu kweyodwa kokuphelele.
1.11 **Imali**	Thuthukisa ulwazi lwemali esetshenziswa eNingizimu Afrika ewuhlweza nengamaphepha.	• Ukukwazi ukubona nokukhomba imali yaseNingizimu Afrika ewuhlweza (5c, 10c, 50c,R1, R2, R5), nengamaphepha (R10, R20) • Ukuxazululwa kwezinkinga zemali ezifaka isamba noshintshi kulemali – 20c, R20	• Ukuwazi ukubona nokukhomba imali yaseNingizimu Afrika ewuhlweza (5c, 10c, 50c,R1, R2, R5), nengamaphepha (R10, R20,R50) • Ukuxazululwa kwezinkinga zemali ezifaka isamba noshintshi kulemali – 90c, R99	• Ukuwazi ukubona nokukhomba yonke imali ewuhlweza nengamaphepha esetshenziswa eNingizimu Africa • Ukuxazululwa kwezinkinga zemali ezifaka isamba noshintshi owuhlweza nemali yamaphepha • Guqula imali ewuhlweza ibe amaphepha; eyamaphepha ibe uhlweza .
UKUBALA OKUKHULULEKILE				
1.12 **Amasu (izindlela noma amaqhinga)**		Sebenzisa lamasu alandelayo uma ubala: • Imidwebo noma izinsiza kufundisa eziphathekayo zokubala • Ukwakha nokuhlakaza izinombolo • Ukuphinda kabili nokuhlukanisa kabili ngokulingana • Umugqa wezinombolo ohambisana nezinto eziphathekayo.	Sebenzisa lamasu alandelayo uma ubala: • Imidwebo noma izinsiza kufundisa eziphathekayo zokubala • Ukwakha nokuhlakaza izinombolo • Ukuphinda kabili nokuhlukanisa kabili ngokulingana • Umugqa wezinombolo	Sebenzisa lamasu alandelayo uma ubala: • Ukwakha nokuhlakaza izinombolo • Ukuphinda kabili nokuhlukanisa kabili ngokulingana • Umugqa wezinombolo • Ukusondezela emashumini
1.13 **Ukuhlanganisa nokususa**	Xazulula ngomlomo izinkinga zokuhlukanisa nokuhlanganisa ezinezixazululo ezifinyelela e-10.	• Hlanganisa kuze kufike kuma – 20 • Susa ema – 20 • Sebenzisa izimpawu ezifanele (+, –, =, □) • Yenza uphindelela amabhondi kuze kufike e – 10	• Hlanganisa kuze kufike kuma – 99 • Susa ema – 99 • Sebenzisa izimpawu ezifanele (+, –, =, □) • Yenza uphindelela amabhondi kuze kufike e – 20	• Hlanganisa kuze kufike kuma – 999 • Susa ema – 999 • Sebenzisa izimpawu ezifanele (+, –, =, □) • Yenza uphindelela amabhondi kuze kufike ema – 30

ULWAZI	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
1.14 **Ukuhlanganisa ngokuphindelela okuholela ezibalweni zokuphindaphinda**		• Hlanganisa inombolo efanayo ngokuphindelela kufinyelela ema – 20 • Sebenzisa izimpawu ezifanele (+, =, □)	• phindaphinda izinombolo kusukela kweyodwa kuya kwezilishumi ngoku - 2,5,3 nangoku-4 kuze kufike ema – 50 • Sebenzisa izimpawu ezifanele (+, x, =, □)	• Phindaphinda noma iyiphi inombolo ngoku -2,3,4,5,10 kuze kufike e– 100 • Sebenzisa izimpawu ezifanele (x, □)
1.15 **Ukwahlukanisa**				• Hlukanisa izinombolo kufinyelela e - 100 ngalezi zinombolo: 2,3,4,5,10 • Sebenzisa izimpawu ezifanele (÷, =, □)
1.16 **Izibalo zekhanda**	**Ulwazi lwezinombolo: Uhla olufinyelela e-10** Umsebenzi ngamunye uqala ngezibalo zekhanda: • Bala izinto zansukuzonke • Bala uye phambili ubuye uye emumva • Ukubala ngezinombolo ezisho isikhundla • Shaya izandla kaningi/ kambalwa • Ikuphi ukushaya okuningi/ okuncane/okungaphezulu/ okumbalwa • Iyiphi inombolo eba ngaphambili/ ngemimva/ ephakathi	**Ulwazi lwezinombolo: uhla olufinyelela e – 20** • Shono inombolo engaphambi noma emuva kwenombolo enikiwe. • Hlela iqoqo olinikwe lezinombolo ezikhethiwe. • Qhathanisa izinombolo kufinyelela ema-20 usho ukuthi iyiphi enkulu noma encane ngokukodwa noma okubili.	**Ulwazi lwezinombolo: uhla olufinyelela e – 99** • Hlela iqoqo olinikwe lezinombolo ezikhethiwe. • Qhathanisa izinombolo kufinyelela ema-99 bese usho ukuthi iyiphi enkulu noma encane ngoku -1.2,3,4,5,10	**Ulwazi lwezinombolo: uhla olufinyelela e –1000** • Hlela iqoqo olinikwe lezinombolo ezikhethiwe. • Qhathanisa izinombolo kufinyelela ema-1000 usho ukuthi iyiphi enkulu noma encane ngoku -1.2,3,4,5,10
		Ukukhumbula okusheshayo: • Imigomo yokuhlanganisa nokususa ukufika e -10.	**Ukukhumbula okusheshayo:** • Imigomo yokuhlanganisa nokususa kufika ema-20 • Susa noma uhlanganise ubala ngokuyishumi kusukela ku-0 kuya e-100	**Ukukhumbula okusheshayo:** • Khumbula imigomo yokuhlanganisa nokususa kufika ema-20 • Susa noma uhlanganise ubala ngokuyishumi kusukela ku-0 kuya e-100 • Imigomo yikuphindaphinda usebenzisa: - Ithebula lokuphindaphinda ngokubili kufika ema - 20 - Ithebula lokuphindaphinda ngokuyi - 10 kufika e – 100

ULWAZI	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
1.16 **Izibalo zekhanda**		**Amaqhinga okubala:** Sebenzisa amaqhinga okuhlanganisa nokususa ngokuyikho: • Beka inombolo enkulu kuqala ukuze ubale uqhubeke noma ubala uya emumva. • Umugqa wezinombolo. • Ukuphinda kabili nokuhlukanisa kabili ngokulingana • Ukwakha nokuhlakaza izinombolo	**Amaqhinga okubala:** Sebenzisa amaqhinga okuhlanganisa nokususa ngokuyikho: • Beka inombolo enkulu kuqala ukuze ubale uqhubeke noma ubala uya emumva. • Umugqa wezinombolo. • Ukuphinda kabili nokuhlukanisa kabili ngokulingana • Ukwakha nokuhlakaza izinombolo • Sebenzisa ubudlelwano phakathi kokuhlanganisa nokususa.	• Imigomo yokuhlukanisa izinombolo: - Hlukanisa ngokubili kufinyelela ema – 20 - Hlukanisa ngokuyi – 10 kufinyelela e – 100 **Amaqhinga okubala:** Sebenzisa lamaqhinga alandelayo: • Beka inombolo enkulu kuqala ukuze ubale uqhubeke noma ubala uya emumva. • Umugqa wezinombolo. • Ukuphinda kabili nokuhlukanisa kabili ngokulingana • Ukwakha nokuhlakaza izinombolo • Sebenzisa ubudlelwano phakathi kokuhlanganisa nokususa. • Sebenzisa ubudlelwano phakathi kokuphindaphinda nokuhlukanisa.
1.17 **Amaqhezu**			• Sebenzisa bese usho ingxenye eyodwa kokuphelele kwizimo ezejwayelekile ufaka ohhafu, amakota, okukodwa kokuthathu nokukodwa kokuhlanu. • Ukukwazi ukubona amaqhezu emidwebweni • Bhala amaqhezu kahhafu o-1	• Sebenzisa bese usho ingxenye eyodwa kokuphelele kanye nezingxenye ezingaphezulu kweyodwa kokuphelele kwizimo ezejwayelekile kufaka ohhafu, amakota, okukodwa kokuyisishiyagalombili, okukodwa kokuthathu, okukodwa kokuhlanu, okukodwa kokuyisithupha. • Ukukwazi ukubona amaqhezu kwimidwebo • Ukukwazi ukubona ukuthi ohhafu ababili noma okuthathu kokuthathu kwenza okuphelele, nokuthi uhhafu owodwa kanye namakota amabili kuyalingana. • Bhala amaqhezu njengohhafu, nokubili kokuthathu (Isib. ½)

ULWAZI JIKELELE EMABANGENI APHANSI

2. AMAPHETHINI, UKUXHUMANAKANYE NE-ALJEBHRA

Inqubekela phambili kumaphethini, imisebenzi kanye ne-Aljebhra

- Kumaphethini, Imisebenzi kanye ne-Aljebhra, abafundi bathola amathuba oku:
  - qedela bese uqhubeke amaphethini lela ezahlukene; kanye
  - nokukhomba nokuchaza amaphethini.
- Ukuchaza amaphethini kwenza isisekelo kubafundi bamaBanga Aphakathi (Intermediate Phase) ukuchaza imithetho yamaphethini. Lokho kuphenduka kube ngokuhleliwe emsebenzini wama-aljebhra kumaBanga Aphezulu (Senior Phase).

IZIHLOKO	IBANGA- R	IBANGA-1	IBANGA-2	IBANGA-3
2.1 **Amaphethini asazibalomdwebo**	**Kopisha bese uqhubeka** Kopisha bese uqhubeka namaphethini alula usebenzisa izinto eziphathekayo nemidwebo (Isib: usebenzisa imibala nezimo).	**Kopisha, uqhubeke bese uchaza** Kopisha, uqhubeke bese uchaza • ngamagama • Amaphethini alula enziwe ngezinto eziphathekayo. • Amaphethini alula enziwe ngemidwebo yemigqa, izimo noma izinto **Ukwakha amaphethini akho** Akha amaphethini akho okusazibalo mdwebo • Ngezinto eziphathekayo • Ngokudweba imigqa, izimo noma izinto **Amaphethini asizungezile** Khomba, uchaze ngamagama ukopishe amaphethini okusazibalo mdwebo • emvelweni • kusuka empilweni yesimanje yansuku zonke, • kusuka emasikweni ethu ayigugu	**Kopisha, uqhubeke bese uchaza** Kopisha, uqhubeke bese uchaza • ngamagama • Amaphethini alula enziwe ngezinto eziphathekayo. • Amaphethini axube izinto eziningi enziwe ngemidwebo yemigqa, izimo noma izinto **Ukwakha nokuchaza amaphethini akho** • Ngezinto eziphathekayo • Ngokudweba imigqa, izimo noma izinto **Amaphethini asizungezile** Khomba, uchaza ngamagama ukopishe amaphethini okusazibalo mdwebo • emvelweni • kusuka empilweni yesimanje yansuku zonke. • kusuka emasikweni ethu ayigugu	**Kopisha, uqhubeke bese uchaza** Kopisha, uqhubeke bese uchaza • ngamagama • Amaphethini alula enziwe ngezinto eziphathekayo • Amaphethini axube izinto eziningi ezenziwe ngemidwebo yemigqa, izimo noma izinto **Ukwakha nokuchaza amaphethini akho** • Ngezinto eziphathekayo • Ngokudweba imigqa, izimo noma izinto **Amaphethini asizungezile** Khomba, uchaze ngamagama bese ukopisha amaphethini okusazibalo mdwebo • emvelweni • kusuka empilweni yesimanje yansuku zonke. • kusuka emasikweni ethu ayigugu
2.2 **Amaphethini ezinombolo**		**Kopisha, uqhubeke bese uchaza** Kopisha, uqhubeke bese uchaza ukulandelana okulula kwezinombolo okungenani kufike e - 100 **Ukwakha nokuchaza amaphethini akho**	**Kopisha, uqhubeke bese uchaza** Kopisha, uqhubeke bese uchaza ukulandelana okulula kwezinombolo okungenani kufike e - 200 **Ukwakha nokuchaza amaphethini akho**	**Kopisha, uqhubeke bese uchaza** Kopisha, uqhubeke bese uchaza ukulandelana okulula kwezinombolo okungenani kufike e - 999 **Ukwakha nokuchaza amaphethini akho**

ULWAZI JIKELELE EmaBangeni APHANSI

3. INDAWO NESIMO (IJIYOMETRI)

Inqubekela phambili yendawo nesimo

Ingqubekela phambili ebalulekile kwindawo nesimo yenzeka ngoku:

- ngokugxila ezakhiweni ezintsha nasezimpawini zezimo nezinto kumaBanga onke; kanye
- noukusuka ekufundeni ulimi lwesikhundla kanye nokuqondanisa ukubukeka okwahlukene kwezinto ezifanayo kuya ekufundeni nasekulandeleni izinkomba kumabalazwe angahlelekile.

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	**Ulimi lwesikhundla** Chaza isikhundla sento eyodwa kwenye. isib: phezu kwe-, phambi kwe;ngemuva kwe-; kwesokunxele; kwesokudla; phezulu; phansi; eduze kwe-	**Ulimi lwesikhundla** Chaza isikhundla sento eyodwa kwenye. isib: phezu kwe-, phambi kwe;ngemuva kwe-; kwesokunxele; kwesokudla; phezulu; phansi; eduze kwe-	**Ulimi lwesikhundla** Chaza isikhundla sento eyodwa kwenye. isib: phezu kwe-, phambi kwe;ngemuva kwe-; kwesokunxele; kwesokudla; phezulu; phansi; eduze kwe-	
		Isikhundla nokubuka • Bona bese uqondanisa ukubukeka okwahlukene kwezinto ezifanayo zansuku zonke	**Isikhundla nokubuka** • Bona bese uqondanisa ukubukeka okwahlukene kwezinto ezifanayo zansuku zonke	**Isikhundla nokubuka** • Bona bese uqondanisa ukubukeka okwahlukene kwezinto ezifanayo zansuku zonke • Isho into yansuku zonke uma ikhonjiswe ngendlela engajwayelekile • Funda, humusha bese udweba ibalazwe elingahlelekile, noma ukubuka ngaphezulu iqoqo lezinto. • Thola izinto kubalazwe
	Isikhundla nezinkomba • Landela izinkomba ulokhu uhamba ekilasini	**Isikhundla nezinkomba** • Landela izinkomba ulokhu uhamba ekilasini • Landela imiyalelo ukubeka into eyodwa enobudlelwano nokunye isib: beka ipeni emuva kwebhokisi	**Isikhundla nezinkomba** • Landela izinkomba ulokhu uhamba ekilasini	**Isikhundla nezinkomba** • Landela izinkomba ulokhu uhamba ekilasini nasesikoleni. • Nika izinkomba zokulokhu uhamba ekilasini nasesikoleni. • Landela izinkomba ezisuka endaweni eyodwa kuya kwenye ebalazweni elingahlelekile.

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
3.2 **Izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	**Uhla lwezinto** Bona uphinde ubize izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) ekilasini • Izinto ezisabhola • Izinto ezisabhokisi **Izimpawu zezinto** • Chaza, hlela bese uqhathanisa izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) ngoku: • wobungako • imibala • izinto eziginqikayo • izinto ezishelelayo **Imisebenzi okugxilwa kuyo** • Sebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) njengamabhuloki okwakha, okusetshenziswa kabusha, njll ukwakha izinto ezakhiwe ngezinto ezahlukene. Isib: umbhoshongo, ibhuloho njll	**Uhla lwezinto** Bona uphinde ubize izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) ekilasini nasezithombeni. • Izinto ezisabhola • (imbulunga) • Izinto ezisabhokisi • (iphrizimu) **Izimpawu zezinto** • Chaza, hlela bese uqhathanise izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) ngoku: • wobungako • imibala • izinto eziginqikayo • izinto ezishelelayo **Imisebenzi okugxilwa kuyo** • Bheka futhi wakhe izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) usebenzisa izinto eziphathekayo njengamabhuloki okwakha, okusetshenziswa kabusha, izinto zokwakha.	**Uhla lwezinto** Bona uphinde ubize izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) ekilasini nasezithombeni. • Izinto ezisabhola • (imbulunga) • Izinto ezisabhokisi • (iphrizimu) • isilinda **Izimpawu zezinto** • Chaza, hlela bese uqhathanise izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) ngoku: • wobungako • izinto eziginqikayo • izinto ezishelelayo **Imisebenzi okugxilwa kuyo** • Bheka futhi wakhe izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) usebenzisa izinto eziphathekayo, izimo ezinhlangothi mbili, amabhuloki okwakha, okusetshenziswa kabusha, izinto zokwakha nezinto ezinhlangothi ntathu ezisazibalo mdwebo.	**Uhla lwezinto** Bona uphinde ubize izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) ekilasini nasezithombeni. • Izinto ezisabhola • (imbulunga) • Izinto ezisabhokisi • (iphrizimu) • isilinda • iphiramidi • ikhoni **Izimpawu zezinto** • Chaza, hlela bese uqhathanise izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) ngoku: • izimo ezinhlangothi mbili (2-D) ezenza ubuso bezinto ezinhlangothi ntathu • ingaphezulu lendawo endlalekile noma emagwingci **Imisebenzi okugxilwa kuyo** • Bheka futhi wakhe izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) usebenzisa izinto eziphathekayo njengezimo ezinhlangothi mbili ezisikiwe, ubumba, izinti zokuvungula, izinti zokuphuza,nezinye izinto ezinhlangothi ntathu ezisazibalo mdwebo.

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
3.3 **Izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Uhla lwezimo** • Bona bese usho izimo ezinhlangothi mbili (2-D) • indilinga • unxantathu • isikwele **Izimpawu zezimo** • Chaza, hlela bese uqhathanise izimo ezinhlangothi mbili (2-D) ngoko: • bungako • imibala • amacala aqondile • amacala ayindilinga	**Uhla lwezimo** Bona bese usho izimo ezinhlangothi mbili (2-D) • indilinga • unxantathu • isikwele **Izimpawu zezimo** • Chaza, hlela bese uqhathanise izimo ezinhlangothi mbili (2-D) ngoko: • bungako • imibala • amacala aqondile • amacala ayindilinga	**Uhla lwezimo** Bona bese usho izimo ezinhlangothi mbili (2-D) • indilinga • unxantathu • isikwele • unxande **Izimpawu zezimo** • Chaza, hlela uphinde uqhathanise izimo ezinhlangothi mbili (2-D) ngoko: • wobungako • isimo • amacala aqondile • amacala ayindilinga	**Uhla lwezimo** Bona bese usho izimo ezinhlangothi mbiliu (2-D) • indilinga • unxantathu • isikwele • unxande **Izimpawu zezimo** • Chaza, hlela uphinde uqhathanise izimo ezinhlangothi mbili (2-D) ngoko: • isimo • amacala aqondile • amacala ayindilinga **Dweba izimo** • izindilinga • onxantathu • izikwele • onxande
3.4 **Okufana nse nxazombili**	**Okufana nxazombili** • Ukubona ukuhlukana komzimba wakhe kabili izingxenye ezifana nse.	**Okufana nxazombili** • Ukubona ukuhlukana komzimba wakhe kabili izingxenye ezifana nse. • Bona uphinde udwebe umugqa ohlukanisa izimo ezinhlangothi mbili ezisazibalo mdwebo nalezo ezingezona ijiyometri.	**Okufana nxazombili** • Bona uphinde udwebe umugqa ohlukanisa izimo ezinhlangothi mbili ezisazibalo mdwebo nalezo ezingezona ijiyometri.	**Okufana nxazombili** • Bona uphinde udwebe umugqa ohlukanisa izimo ezinhlangothi mbili ezisazibalo mdwebo nalezo ezingezona ijiyometri. • Thola umugqa ohlukanisa izinto phakathi zilingane ngokugoqa iphepha phakathi nendawo lihlukane kabili.

ULWAZI JIKELELE EMABANGENI APHANSI

4. ISILINGANISO

Ingqubekela phambili ekulinganiseni

- Ingqubekela phambili ebalulekile ekulinganiseni kuwo wonke amaBanga yenzeka ngokwethulwa kwalokhu:
  - Izindlela ezintsha zokulinganisa;
  - Amathulusi amasha okulinganisa, kuqala emathulizini angahlelekile kuya kumathuluzi ahlelekile kumaBanga 2 no 3;
  - Izikali ezintsha zokulinganisa, ikakhulukazi kumaBanga 2 no 3,
- Ukubala nokuxazululwa kwezinkinga zokulinganisa kumele kunakekekelwe ukuthi kusetshenziswe izinombolo esezifundiwe.

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
4.1 **Isikhathi**	**Ukudlula kwesikhathi** Ukuxoxa ngokudlula kwesikhathi • Kuxoxwa ngezinto ezenzeke emini nasebusuku • Abafundi balandelanisa izigameko ezenzeke emini • Abafundi bahlela izigameko ezenzeka njalo ezimpilweni zabo	**Ukudlula kwesikhathi** Ukuxoxa ngokudlula kwesikhathi • Hlela izigameko ezenzeka ezimpilweni zabo. • Qhathanisa ubude besikhathi usebenzisa ulimi isib. side kuna, sifushane kuna, siyashesha kuna, sihamba kancane kuna. • Hlela izigameko usebenzisa ulimi njengokuthi izolo, namuhla, kusasa.		

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
4.1 **Isikhathi**		**Ukusho isikhathi** • Chaza ukuthi into yenzeka nini ngokusebenzisa ulimi isib ekuseni, ntambama, ebusuku, ngaphambi kwesikhathi, ngemuva kwesikhathi. • Shono bese ulandelanisa izinsuku zesonto nezinyanga zonyaka. • Faka izinsuku zokuzalwa ekhalendeni.	**Ukusho isikhathi** • Shono bese ulandelanisa izinsuku zesonto nezinyanga zonyaka. • Faka izinsuku zokuzalwa, imugubho yezenkolo, amaholidi, izigameko zomlando, izigameko zesikole ekhalendeni. • Isho isikhathi ngokwa mahora, isigamu sehora kanye nekota lehora. **Bala ubude besikhathi nokudlula kwesikhathi** • Sebenzisa ikhalenda ukubala nokuchaza ubude besikhathi: - Ngezinsuku, - Ngamasonto • Sebenzisa iwashi ukubala ubude besikhathi: - Ngamahora - Uhhafu wehora	**Ukusho isikhathi** • Funda izinsuku (umhlaka bani) ekhalendeni • Faka izinsuku zokuzalwa, imugubho yezenkolo, amaholidi, izigameko zomlando, izigameko zesikole ekhalendeni. • Isho isikhathi ngokwa - amahora - uhhafu wehora - ikota lehora - amaminithi usebenzisa iwashi lezinti nelezinombolo nezinye izinto zokukala isikhathi isib. umakhalekhukhwini **Bala ubude besikhathi nokudlula kwesikhathi** • Sebenzisa ikhalenda ukubala nokuchaza ubude besikhathi: - Ngezinsuku, - Ngamasonto - Ngezinyanga • Ukushintsha kusuka ezinsukwini kuya evikini • Ukushintsha kusuka emavikini kuya ezinyangeni • Sebenzisa iwashi ukubala ubude besikhathi: - ngamahora - ngohhafu wehora - ngekota lehora

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
4.2 **Ubude**	**Ukukala okungahlelekile** • Qhathanisa bese uhlela ubude, ukuphakama noma ububanzi bezinto ezimbili noma ngaphezulu ngokuzibeka eduze kwenye. Sebenzisa ulimi ukukhuluma ngokuqhathanisa Isib. Okude kuna, okufushane kuna, okude kuna, okubanzi ngokuthe xaxa,	**Ukukala okungahlelekile** • Qhathanisa bese uhlela ubude, ukuphakama noma ububanzi bezinto ezimbili noma ngaphezulu ngokuzibeka eduze kwenye. Sebenzisa ulimi ukukhuluma ngokuqhathanisa Isib. Okude kuna, okufushane kuna, okude kuna, okubanzi ngokuthe xaxa, • Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela bese ubhala phansi ubude usebenzisa ukukala okungenasilinganiso Isib. ngezandla, amagxathu, ubude bamapensela, nezinto zokubala • Chaza ubude bezinto ngokubala bese usho ubude ngokwezikali ezingahlelekile.	**Ukukala okungahlelekile** • Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela bese ubhala phansi ubude usebenzisa ukukala okungenasilinganiso Isib. ngezandla, amagxathu, ubude bamapensela, nezinto zokubala • Chaza ubude bezinto ngokubala bese usho ubude ngokwezikali ezingahlelekile. **Ukwethulwa kokulinganisa ngokuhlelekile** • Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela bese ubhala ubude usebenzisa amamitha (induku eyimitha noma intambo eyimitha) njengesikali esilinganisiwe sobude.	**Ukukala okungahlelekile** • Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela bese ubhala phansi ubude usebenzisa ukukala okungenasilinganiso Isib. ngezandla, amagxathu, ubude bamapensela, nezinto zokubala • Chaza ubude bento ngokubala bese usho ukuthi kude kangakanani ngesikali esingahlelekile. **Ukwethulwa kokulinganisa ngokuhlelekile** • Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela bese ubhala ubude usebenzisa amamitha (induku eyimitha noma intambo eyimitha) njengesikali esilinganisiwe sobude. • Qagela bese ulinganisa ubude ngamasentimitha usebenzisa irula (akudingekile ukuguqula amamitha abe amasntimitha)

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
4.3 **Isisindo**	**Isilinganiso okungahlelekile** • Qhathanisa bese uhlela isisindo sezinto ezimbili noma ngaphezulu ngokuzizwa noma usebenzise isikali sokuzimelela. • Sebenzisa ulimi ukuqhathanisa, Isib. kulula, kuyesinda, kulula kuna, kusinda kune	**Isilinganiso okungahlelekile** • Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela, bese ubhala isisindo usebenzise isikali sokuzimelela kanye nokukala okungenasilinganiso Isib. amabhulokisi, izitini. • Chaza isisindo sezinto ngokubala ukhombise isisindo ngokwe zikali ezingahlelekile. • Sebenzisa ulimi ukuqhathanisa, Isib. kulula, kuyesinda, kulula kuna, kusinda kune	**Isilinganiso okungahlelekile** • Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela, bese ubhala isisindo usebenzise isikali sokuzimelela kanye nokukala okungenasilinganiso Isib. amabhulokisi, izitini. • Chaza isisindo sezinto ngokubala ukhombise isisindo ngokwe zikali ezingahlelekile • Sebenzisa ulimi ukuqhathanisa, Isib. kulula, kuyesinda, kulula kuna, kusinda kune **Ukwethulwa kokulinganisa okukuhlelekile** • Qhathanisa, hlela ubhale isisindo sezinto ezithengisayo ezinesisindo esikaliwe esingama khilogram Isib.2 amakhilogramu elayisi,1 ikhilogramu ka fulawa. • Linganisa isisindo sakho ngamakhilogramu usebenzisa isikali sasendlini yokugeza	**Isilinganiso okungahelekile** • Qagela,linganisa,qhathanisa,hlela ,bese ubhala isisindo usebenzise isikali sokuzimelela kanye nokukala okungenasilinganiso Isib. amablokisi,izitena • Chaza isisindo sezinto ngokubala ukhombise isisindo ngokwe zikali ezingahlelekile • Sebenzisa ulimi ukuqhathanisa, Isib. kulula, kuyesinda, kulula kune, kusinda kune **Ukwethulwa kokulinganisa okukuhlelekile** • Qhathanisa, uhlele bese ubhala isisindo sezimpahla ezipakishiwe sabhalwa: - ngamakhilogramu. isib 2 amakhilogramu wempuphu no 1 khilogramu washukela. - Amagramu isib 500g kasawoti • Linganisa isisindo sakho ngamakilogramu usebenzisa isikali sasendlini yokugeza.. Ayikho inguquko edingekayo phakathi kwamagramu namakhilogramu
4.4 **Umthamo / okumumethwe**	**Ukukala okungahlelekile** • Qhathanisa bese uhlela umthamo woketshezi olusezitsheni ezimbili ezibekwe ndawonye. Abafundi bazohlola ngokuthi bathele uketshezi esitsheni sesithathu. • Qhathanisa bese uhlela umthamo woketshezi olungamumathwa izitsha ezimbili uma zigcwele. • Sebenzisa ulimi uqhathanise Isb. okuningi kunokunye, okuncane kunokunye, okugcwele, okungekho lutho.	**Ukukala okungahlelekile** • Qhathanisa bese uhlele umthamo woketshezi olusezitsheni ezimbili ezibekwe ndawonye. Abafundi bazohlola ngokuthi bathele uketshezi esitsheni sesithathu. • Qhathanisa bese uhlela umthamo woketshezi olungamumathwa izitsha ezimbili uma zigcwele. • Sebenzisa ulimi ukuqhathanise Isib. okuningi kunokunye, okuncane kunokunye, okugcwele, okungekho lutho.	**Ukukala okungahlelekile**	**Ukukala okungahlelekile**

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
4.4 **Umthamo / okumumethwe**		• Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela bese ubhala umthamo wezitsha usebenzisa ukukala okungenasilinganiso Isib.izipuni kanye nezinkomishi. • Chaza umthamo wesitsha ngokubala bese usho ukuthi ugcwala ngezikali ezingaki ezingahlelekile Isib.ibhodlela lithatha umthamo wezinkomishi ezine.	• Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela bese ubhala umthamo wezitsha (Isib.umthamo ongagcwalisa isitsha) usebenzisa ukukala okungenasilinganiso Isib. izipuni kanye nezinkomishi. • Chaza umthamo wesitsha ngokubala bese usho ukuthi ugcwala ngezikali ezingaki ezingahlelekile Isib.ibhodlela lithatha umthamo wezinkomishi ezine. **Ukuthulwa kokulinganisa okuhlelekile** • Qagela, linganisa, qhathanisa, uhlele bese ubhala umthamo wezinto ezikalwe ngamalitha. • Qhathanisa, hlela bese ubhalea umthamo wezinto ezithengisayo ezikaliwe ezingamalitha Isib.2 amalitha obisi, 1 ilitha lesiphuzo, 5 amalitha kapende.	• Qagela, linganisa, qhathanisa, hlela bese ubhala umthamo wezitsha (Isib.umthamo ongagcwalisa isitsha) usebenzisa ukukala okungenasilinganiso Isib. izipuni kanye nezinkomishi. • Chaza umthamo wesitsha ngokubala bese usho ukuthi ugcwala ngezikali ezingaki ezingahlelekile Isib.ibhodlela lithatha umthamo wezinkomishi ezine. **Ukuthulwa kokulinganisa okuhlelekile** • Qagela, linganisa, qhathanisa, uhlele bese ubhala umthamo wezinto ezikalwe ngamalitha, uhhafu welitha nekota yelitha. • Qhathanisa, hlela bese ubhala umthamo wezinto ezithengisayo ezikaliwe ezingamalitha isib 2 amalitha obibs, 1 ilitha lesiphuzo, 5 amalitha kapende noma ibhalwe ngamamililitha isib 500 amamililitha wobisi, 340mamililitha wesiphuzo, 750 amililitha kawoyela • Inkomishi yetiye ejwayelekile ingamamililitha angama 250. • Ithisipuni ejwayelekile ingamamililitha ama 5. (Ayikho inguquko edingekayo phakathi kwamamililitha namalitha)
4.5 **Ubude bengaphandle lento kanye nobubanzi bendawo**				**Ubude bengaphandle lento** Phenya iBanga lezimo ezinhlangothi mbili 2-D nezinto ezinhlangothintathu 3-D usebenzisa ukuqhathanisa ngqo noma isikali esingahlelekile. **Ububanzi bendawo** Phenya ububanzi bendawo ngokusebenzisa amathayela (aphansi / obondeni)

ULWAZI JIKELELE EMABANGENI APHANSI

5. UKUQOKELELWA KOLWAZI LWEZIBALO

Inqubekela phambili kokuqokelelwa kolwazi lwezibalo

- Inqubekela phambili ebalulekile ekuqokelelweni kolwazi lwezibalo kumaBanga ahlukene yenzeka ngoku:
  - Ukusuka ekusebenzeni ngezinto uye ekusebenzeni ngolwazi, futhi
  - Usebenza ngezindlela ezintsha zokukhombisa ulwazi lwezibalo.
- Abafundi kufanele basebenze ngolwazi lwezibalo oluphelele okungenani kanye ngonyaka – lokhu kufaka ukuqoqa kanye nokuhlela ulwazi, ukwethulwa kolwa, ukuhlaziya, ukuhumusha kanye nombiko wolwazi.
- Ezinye izingxenye zolwazi oluqokelelwe lungenzeka kweminye imisebenzi yezibalo.

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
5.1 **Ukuqoqa nokuhlela izinto**	**Ukuqoqa nokuhlela izinto** Qoqa bese uhlela izinto eziphathekayo zansukuzonke	**Ukuqoqa nokuhlela izinto** Qoqa bese uhlela izinto eziphathekayo zansukuzonke		
5.2 **Okumele iqoqo lezinto eziphathekayo ezihlelekile**	**Beka okumele iqoqo lezinto eziphathekayo ezihlelekile .** Dweba isithombe sezinto eziqoqiwe	**Beka okumele iqoqo lezinto eziphathekayo ezihlelekile** Dweba isithombe sezinto eziqoqiwe		
5.3 **Ukuxoxa nokubika ngeqoqo lezinto eziphathekayo ezihlelekile**	**Xoxa ubike ngeqoqo lezinto eziphathekayo ezihlelekile** • Phendula imibuzo ngoku: - kuhlelwe kanjani okuqoqiwe - kudwetshwe kanjani okuqoqiwe	**Xoxa nubike ngeqoqo lezinto eziphathekayo ezihlelekile** • Nika izizathu ngokuthi okuqoqiwe kuhlelwe kanjani ; • Phendula imibuzo ngoku: - Zihlelwe kanjani izinto (indlela owenze ngayo) - Okuhleliwe kwaqoqwa kubukeka kanjani • Chaza okuqoqiwe / umdwebo • Chaza ukuthi okuqoqiwe kuhlelwe kanjani		

IZIHLOKO	IBANGA R	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
5.4 **Ukuqoqa bese uhlela ulwazi**		**Qoqa uphinde uhlele ulwazi lwezibalo** • Qoqa ulwazi ngekilasi noma isikole ukuze uphendule imibuzo ethulwa uthisha	**Qoqa uphinde uhlele ulwazi lwezibalo** • Qoqa ulwazi ngekilasi noma isikole ukuze uphendule imibuzo ethulwa uthisha	**Qoqa uphinde uhlele ulwazi** • Qoqa ulwazi ngekilasi noma isikole ukuze uphendule imibuzo ethulwa uthisha • Hlela ulwazi olwethulwe uthisha noma incwadi yomfundi noma yokusebenza • Hlela ulwazi lwezibalo kulokhu: - Uhla - amathalisi - amathebula
5.5 **Ukubeka okumele ulwazi**		**Ukubeka okumele ulwazi** • Beka okumele ulwazi ngokusebenzisa igrafu yezithombe • Sebenzisa igrafu yezithombe okukodwa nokukodwa okuhambisanayo.	**Ukubeka okumele ulwazi** • Beka okumele ulwazi ngokusebenzisa igrafu yezithombe • Sebenzisa igrafu yezithombe okukodwa nokukodwa okuhambisanayo.	**Ukubeka okumele ulwazi** • Beka okumele ulwazi: - Ngokwenza igrafu yezithombe (Sebenzisa igrafu yezithombe okukodwa nokukodwa okuhambisanayo) - amabhagrafu
5.6 **Ukuhlaziya nokuhumusha ulwazi**		**Ukuhlaziya nokuhumusha ulwazi** Phendula imibuzo ngolwazi kwigrafu yezithombe • Sebenzisa igrafu yezithombe okukodwa nokukodwa okuhambisanayo.	**Ukuhlaziya nokuhumusha ulwazi** Phendula imibuzo ngolwazi kwigrafu yezithombe • Sebenzisa igrafu yezithombe okukodwa nokukodwa okuhambisanayo.	**Ukuhlaziya nokuhumusha ulwazi** Phendula imibuzo ngokumele ulwazi ngo: • Ngokwenza igrafu yezithombe (Sebenzisa igrafu yezithombe okukodwa nokukodwa okuhambisanayo) • Bhagrafu

3.3 UKUCACISA OKUQUKETHWA

Kulengxenye yokucaciswa kolwazi, othisha banikezwa lokhu:

- Ulwazi jikelele lweThemu lwamaBanga R - 3;
- Iziphakamiso zokulandelana kwezihloko ngokwamathemu: akuzona zonke izingxenye zezihloko ezifundiswayo ithemu ngayinye; ezinye izingxenye zezinye izihloko kumele zifundiswe ngaphambili kwezinye izingxenye zalezo zihloko.
- Iziphakamiso zezikhathi ezibekelwe izihloko onyakeni. Njengoba ezinye izingxenye zolwazi zidinga isikhathi esiningi kezinye, ngakhoke ezinye izihloko zidinga isikhathi esiningi kunezinye; kanye
- NAmanothi Acacisayokanye nomhlahlandlela wokufundisa onezibonelo ezifanele.

Ingxenye ngayinye yolwazi ihlukaniswe ngezihloko. Zonke izingxenye zolwazi kufanele zifundiswe ngethemu. Ukuhleleka kwezihloko ngamathemu kunika umqondo wokusabalalisa nokubukeza izihloko kuwona wonke amathemu onyakeni. Akubalulekile ukufundisa zonke izihloko zendawo nesimo, isilinganiso kanye ukuqokelelwa kolwazi kuwo wonke amathemu. Kodwa ke akuqikelelwe ukuthi zonke izihloko ziyafundiswa ngonyaka.

Kwingxenye ye – 2 (isigamu 2.6) unikeziwe isisindo sezingxenye zolwazi. Uma kuhlanganiswa amahora anikeziwe onyakeni, ungakwazi ukubala isikhathi sokufundisa sengxenye ngayinye yolwazi.

Othisha Bangakhetha ukuhlela ulwazi balwabele isikhathi ngokwehlukile kunalokho okuphakanyisiwe kule sahluko. Othisha Bangashintsha isikhathi esiphakanyisiwe sesahluko kancane Kodwa ke, kufanele kuqashelwe isisindo esisondelene kanye namahora okufundisa izingxenye zolwazi lwezibalo emaBangeni aphansi.

- **Ebangeni R** izibalo zisemazingeni okuqala ngakhoke akumele zibe nezikhathi zokuzifundisa ezihleliwe. Uthisha weBanga R kufanele afake ukufundiswa kwezibalo emisebenzini yansuku zonke nakuba izikhathi uthisha kufanele abe nesikhathi lapho egxila khona emsebenzini yezibalo, ngaphandle kwalokho abafundi bangeke bathuthuke olwazini namakhono adingekayo ezibalweni.
- Izikhathi zamaBanga R – 3 zibekwe ngalendlela:
  - **Amahora ayisikhombisa kufanele asetshenziselwe izibalo ngesonto** (amasonto ayi -10 x 4 amathemu x 7 amahora = 280 amahora ngonyaka).
  - Isifundo ngasinye sezibalo kufanele **sibe yihora eli-1 namaminithi angama 24 ngosuku kumaBanga 1 – 3.**
  - Lokhu kusho ukuthi kunamathemu amane anamasonto ayi 10 anezifundo ezinhlanu ngesonto (uMsombuluko kuya koLwesihlanu).
  - Banike isonto lokuqala ethemini ukuthi bajwayele futhi babukeze umsebenzi abawenzile, njengoba abafundi bavame ukukhohlwa ulwazi abalufundile ngesikhathi samaholide babuye bakhohlwe inqubo abayejwayele yesikole. Banike isonto lokugcina ethemini ukuba babukeze ulwazi abalufundile. Lokhu kunika 8 x 4 x 5 = 160 izifundo.

3.4 ISIVININI NOKULANDELANISA OKUQUKETHWE

Amathebula alandelayo awamaBanga R – 3:

- Ukulandelana kwezihloko onyakeni (kukhombisa ukuhlelwa kwezihloko ngamathemu kanye nokuncoma ubude besikhathi isihlokweni ngasinye ingxenye yokuqukethwe)

- Ukulandelanisa kwezihloko onyakeni (kukhombisa ukuthi izihloko zifakwe kanjani ngamathemu nenqubekela phambili yilwazi namakhono ngamathemu)
- Amanothi Acacisayoisihloko ngasinye - amathebhula anika incazelo yolwazi nomhlahlandlela wokufundisa ngesihloko ngasinye ngokulandelana kwazo ngamathemu

Ukuhlelwa okuzofundiswa – Ukuhlelwa kwezihloko ngethemu

EmaBangeni aphansi isihloko sezinombolo yisona esisemqoka ekufundweni kwezibalo. Ezikhathini eziningi ezifundweni zezibalo ngesonto, ngethemu nangonyaka kugxilwa ekufundweni kwi - Izinombolo, Ukusebenza kanye Nobudlelwane bazo. Okungenani kathathu noma ngaphezulu ngesonto makugxilwe ezifundweni ze - Izinombolo, Ukusebenza kanye Nobudlelwane bazo. Isikhathi esisele asihlukaniselwe ezinye izingxenye zolwazi lwezibalo.

INdawo neSimo kanye nokuLinganisa kudinga kunikwe isikhathi esiningi kunokuQokelelwa koLwazi, kanye namaPhethini,Imisebenzi kanye ne Aljebhra. Amathebula alandelayo akhombisa ukuthi zingaki izifundo okufanele zenziwe kwingxenye ngayinye yolwazi nesihloko ebangeni ngalinye kumaPhethini, Imisebenzi kanye neAljebhra; Indawo neSimo; Isilinganiso kanye noKuqokelelwa koLwazi.

- IBanga R: Ukuhlelwa kwezingxenye zolwazi nezihloko zezifundo

Izibalo **eBangeni R zisezingeni loqala kolwazi lwezibalo**, ngakhoke isikhathi esiphakamisiwe sokufundisa sisetshenziselwa ukufundiswa kwezibalo ezihleliwe nalezo ezixubene nezinye izifundo ezingahlelelwe.Lokhu kwenzelwe ukukhombisa ukusebenzisa lonke ulwazi olumele lufundiswe. Imisebenzi yezibalo zokuqala ingaba ukubala inani lamapuleti nezinkomishi abazokusebenzisa, imidlalo yokubala abayidlala ngaphandle, imidlalo yasendlini njengama-domino namaphazili,njll. Uthisha kufanele ahlele imisebenzi, alungise izinsiza kufundisa kuye ngokwezidingo zabafundi.

Indawo neSimo iyingxenye esemqoka ekuthuthukisweni kokufundwa kwezibalo kubafundi abasebancane, okufanele isabalaliswe kwisonto lonke, lapho izingxenye ezithile ziholwa uthisha, kuthi amathuba amaningi okwakha, imidlalo yasesihlabathini nasemanzini yenziwe abafundi.

Isilinganiso kufanele kuhlanganiswe nemisebenzi yokubala, njengokuqagela nokubala uma kukalwa iBanga ngezandla, ngezinyawo namanyathelo.

Irejista yansukuzonke kanye neshadi lesimo sezulu kunikeza abafundi ithuba lokusebenza **ngokuqokelela ulwazi**.

Ithebula lesi- 3.1: ukwabiwa kwesikhathi sengxenye yolwazi ngalunye ngesonto

Ingxenye yokuqukethwe	Izihloko	Isikhathi Esiphakanyisiwe
Izinombolo Izimpawu kanye nobudlelwane bazo	Ukubala Ukubona izinombolo Ukukhomba nokuchaza izinombolo Ulwazi lwezinombolo Ukuxazulula izinkinga zezibalo	**120 imizuzu**
Amaphethini, Ukuxhumana kanye ne-Aljebhra	Ukukopisha, ukwandisa, ukwakha iphethini lakhe	**80 imizuzu**
Indawo neSimo (Ijiyometri)	Ukubona, ukukhomba nokusho izimo ezinhlangothi mbili/ izithombe Izibalomdwebo Ukwakha izinto ezinhlangothintathu ngokusebenzisa izinto eziphathekayo Ubudlelwane nendawo Izinkomba	**80 imizuzu**
Isilinganiso	Isikhathi Ubude Isisindo Umthamo	**80 imizuzu**
Ukuqokelelwa kolwazi	Qoqa, hlela, dweba, funda bese ubeka okumele ulwazi.	**60 imizuzu**
ISAMBA		**420 imizuzu** **7 amahora ngesonto**

IBanga 1: Ukwabiwa kwezingxenye zolwazi nezihloko ezifundweni zamaBanga loku-1 kuya kwele-3

Okungenani izifundo ezintathu (phakathi kwamahora ama - 4 kuya kwa $4\frac{1}{2}$) ngesonto azosetshenziswa ukufundisa **Izinombolo, izimpawu kanye nobudlelwane bazo** emaBangeni oku-1, 2 nele-3. Izifundo ezimbili ezisele (phakathi kwamahora $2\frac{1}{2}$ kuya kwa -3) ahlukaniselwa izihloko zezinye izinxenye zolwazi lwezibalo njengoba kunconyiwe nge-zansi.

Ithebula lesi- 3.2: Inani lezifundo eliphakanyisiwe lengxenye ngayinye yeBanga loku- 1

Ingxenye yokuqukethwe	Isihloko	Inani Lezifundo				
		Ithemu 1	Ithemu 2	Ithemu 3	Ithemu 4	Isamba
Izinombolo kanye nobudlelwane bazo	Zonke izihloko zezinombolo kanye nobudlelwane bazo	22	30	28	25	**105**
Amaphethini, Ukuxhumana kanye ne-Aljebhra	Amaphethini ezinombolo	3	3	3	3	**12**
	Amaphethini ayizibalomdwebo	1	1	1	1	**4**
Indawo neSimo (Ijiyometri)	Izimo ezinhlangothi mbili		3		3	**6**
	Izinto ezinhlangothi ntathu	3		2	1	**6**
	Isikhundla, isimo nokubukeka kwento	2			1	**3**
	Okufana nse nxazombili			1	1	**2**
Isilinganiso	Isikhathi	2				**2**
	Ubude	2		2		**4**
	Isisindo	2			2	**4**
	Umthamo / okumumethwe	1	2		1	**4**
Ukuqokelelwa kolwazi	Ukuqoqa, ukuhlela, ukubeka okumele ulwazi nokuhlaziya izinto	2	1			**3**
	Ulwazi oluphelele			3		**3**
	Izingxenye zolwazi oluphelele				2	**2**
Inani Lezifundo		**40**	**40**	**40**	**40**	**160**

Ithebula lesi- 3.3: Inani lezifundo eliphakanyisiwe lengxenye ngayinye yeBanga lesi- 2

Ingxenye yokuqukethwe	Isihloko	Inani Lezifundo				
		Ithemu 1	Ithemu 2	Ithemu 3	Ithemu 4	Isamba
Izinombolo kanye nobudlelwane bazo	Zonke izihloko zezinombolo kanye nobudlelwane bazo	24	25	24	26	99
Amaphethini, Ukuxhumanakanye ne-Aljebhra	Amaphethini ezinombolo	3	3	3	3	12
	Amaphethini ayizibalomdwebo	1	1	1	1	4
Indawo neSimo (Ijiyometri)	Izimo ezinhlangothi mbili		3		3	6
	Izinto ezinhlangothi ntathu	3		2	1	6
	Isikhundla, isimo nokubukeka kwento		2	1		3
	Okufana nse nxazombili		1		1	2
Isilinganiso	Isikhathi	3	1	3	1	8
	Ubude	3			1	4
	Isisindo		3		1	4
	Umthamo / okumumethwe			3	1	4
Ukuqokelelwa kolwazi	Ukuqoqa, ukuhlela, ukubeka okumele ulwazi nokuhlaziya izinto					
	Ulwazi oluphelele	3		3		6
	Izingxenye zolwazi oluphelele		1		1	2
Inani Lezifundo			**40**	**40**	**40**	**160**

Ithebula lesi- 3.4: Inani lezifundo eliphakanyisiwe lengxenye ngayinye yeBanga lesi- 3

Ingxenye yokuqukethwe	Isihloko	Inani Lezifundo				
		Ithemu 1	Ithemu 2	Ithemu 3	Ithemu 4	Isamba
Izinombolo kanye nobudlelwane bazo	Zonke izihloko zezinombolo kanye nobudlelwane bazo	26	22	19	27	**94**
Amaphethini, Ukuxhumana kanye ne-Aljebhra	Amaphethini ezinombolo	3	3	3	3	**12**
	Amaphethini ayizibalomdwebo	1	1	1	1	**4**
Indawo neSimo (Ijiyometri)	Izimo ezinhlangothi mbili	2		2		**4**
	Izinto ezinhlangothi ntathu		3	3	1	**7**
	Isikhundla, isimo nokubukeka kwento		2	3		**5**
	Okufana nse nxazombili		2		1	**3**
Isilinganiso	Isikhathi	3	2	3	2	**10**
	Ubude		2	2		**4**
	Isisindo		2		1	**3**
	Umthamo	2			1	**3**
	Ubude bengaphandle lento				1	**1**
	Ububanzi bendawo				2	**2**
Ukuqokelelwa kolwazi	Ulwazi oluphelele	3		3		**6**
	Izingxenye zolwazi oluphelele		1		1	**2**
Inani Lezifundo		**40**	**40**	**40**	**40**	**160**

ULWAZI JIKELELE LWEBANGA R 1. IZINOMBOLO, IZIMPAWU KANYE NOBUDLELWANO BAZO				
UKUBALA				
INGXENYE YOKUQUKETHWE	**ITHEMU 1**	**ITHEMU 2**	**ITHEMU 3**	**ITHEMU 4**
3.2 **izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	**Chaza, hlela bese uqhathanisa izinto ezinhlangothi ntathu 3-D nezimo ezinhlangothi mbili 2-D ngokwemibala engaxutshiwe: obomvu, ophuzi, oluhlaza okwesibhakabhaka.** Khombisa umbala owodwa ngesikhathi. Ungakhombisi umbala kwisimo esisodwa kuphela. Usebenzise umbala nakwezinye izimo. Hlukanisa abafundi baba amaqembu ama -5. Nika iqembu elilodwainqwabayezinto ezinhlagothi ntathu nezimo ezinhlangothi mbili. - Uthisha akathule umbala ngamunye ngokuphakamisa ikhadi lombala lowo afuna abafundi bawazi ngalesosikhathi. Enza kanjalo nakuwo yonke eminye imibala. - Abafundi abahlele izinto ezi 3-D kanye nezimo ezi 2-D ngendlela abekwe ngayo amakhadi **Ukusebenzisa umzimba** - Choma izindilinga ezinemibala ehlukene (obomvu, ophuzi, oluhlaza okwesibhakabhaka) ezisikwe ephepheni eliqinile , esifubeni somfundi ngamunye. - Abafundi abazihlele ngemibala yabo ehlukene. **Ukusebenzisa izinto ezi-3-D eziphathekayo** - Uthisha ubiza abafundi abahlanu beze phambili anike ngamunye umfundi into enhlangothi ntathu ayiphathe esandleni. - Abanye abafundi bahlale emaqenjini abo nenqwaba yezinto ezinhlangothi ntathu phezulu kwetafula . - Umfundi wokuqala phambili uphakamisa into ayiphethe isib. Bhuloki axhunywayo aliluhlaza noma indilinga elogi ephuzi noma amaphazile. - Abafundi ematafuleni abo bahlela izinto ngokubona lokhu okuphakanyisiwe.	Izinto ezahlukene ezinhlangothi ntathu 3-D nezimo ezinhlangothi mbili 2-D njengezithombe, izivalo zamabhodlela,amabhuloki anombala,izimo ezinombala, amakhadi anombala: ophuzi, obomvu, oluhlaza okwesibhakabhaka. Izimo ezahlukene ezi2-D nezinto ezi3-D Izindilinga ezibomvu, eziphuzi, eziluhlaza njengesibhakabhaka zonke zilungiswe ngaphambi kwesikhathi uthisha. Qoqa izinto ezi3-D uzibeke etafuleni leqembu neqembu.	Usuku olu-1
3.3 **izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe izimo ezi2-D** - Uthisha ulungisa upende wokupenda ngomunywe. - Abafundi badweba izimo besebenzisa iminwe. - Dweba phezu kwezimo ezi2-D bese ufaka umbala	**Uhla lwezinto ozozisebenzisa uma wenza upende weminwe.** 1 inkomishi kafulawa 1 inkomishi kashukela 3 amaconsi esithako sokuphendula ukudla umbala 5 izinkomishi zamanzi abilayo (faka amanzi kancane kancane)	

Isonto 2 Ukuzijwayeza	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
4.1 **Isikhathi**	**Ukulandelanisa izehlakalo ezenzeka nsukuzonke ezimpilweni zabo** - izinyanga zonyaka - isikhathi **Thula ishadi losuku lokuzalwa** - Dweba ishadi losuku lokuzalwa elinombala, njengesitimela esinezinqola ezi 12.(inyanga ngayinye) –izinyanga zibhalwa kusukela kwesobunxele kuya kwesokudla lwezinqola.. Bhala igama lo mfundi kanye nophawu kuleyonyanga azalwa ngayo. - Bafundise ulwazi lwesikhathi ne zinyanga zonyaka ngokucula amaculo ezinyanga zonyaka ube ulokhu ukhomba amagama ezinyanga. Bafundise ulwazi lokufunda usuka kwesobunxele uya kwesokudla. - Ukuthuthukisa ulwazi lokubona izinkombandlela isib, khombisa igama lenyanga ngayinye onyakeni zibe ngumugqa osuka kwesobunxele kuya kwesokudla. - Abafundi abakhombe uphawu lwabo bazazi sakuhuba inyanga abazalwa ngayo. - Bagqugquzele ukuthi bazi iminyaka yabo. - Phinda izikhashana ukwenza lokho. **Ishadi losuku lokuzalwa** elinezinyanga eziyi 12 onyakeni alibekwe ekilasini. Umqhele noma isithombe sekhekhe losuku lokuzalwa kukhombisa usuku lokuzalwa oselwadlula. Olusazofika alunazo lzinto. *Iculo: Zakhele eyakho indlela.* *“Januwari, Febhuwari, Mashi.* *Ephireli, Meyi, Juni, Julayi.* *Agasti, Septemba, Okuthoba Novemba, Disemba.* bazolicula njalo uma kunomfundi ozalwayo ngalelo langa.  		

Amanothi:

- Usuku lokuzalwa luyisehlakalo esisemqoka , makube nesikhathi ngalolusuku lapho kuzoculwa iculo iculo yibo bonke abafundi bese beshaya ihlombe izikhathi ezilingana iminyaka yalowo ozalwa ngalilo langa.
- Umfundi ngamunye akadwebe isithombe sakhe , uthisha uzozihlanganisa ndawonke enze ibhuku lezithombe zalowo ogubha usuku lokuzalwa..
- Uthisha angenza umqhele wasekhanda abafundi bawuhlobise ngezinto ezahlukene.
- Lomsebenzi kufanele uphindaphindwe unyaka wonke uma kugujwa usuku lokuzalwa.

Isonto 3 **Ukuzijwayeza**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	**Qagela bese ubala ngokuyikho izinto zansuku zonke.** • Ukubala ngokuphimisa kwansuku zonke - Ukubala sakuhuba kusuka koku 1- 5 - Cula amaculo ezinombolo nemilolozelo Noma abafundi befika bengazi ngolwazi lwezinombolo kwi Banga R kufanele bagqugquzelwe ukucula amaculo nemilolozelo ezinombolo babuye babale ngokuphimisa zonke izinsuku.	Amaculo nemilolozelo yezinombolo	Nsuku zonke
	Khomba bese ubala izingxenye ezahlukene zomzimba Ukubala nsuku zonke ngokuphimisaku 1 - 5 **Ukusebenzisa umzimba (Kuxhumanise nesifundo Samakhono Empilo)** - Thuthukisa ulwazi lwezinombolo ngokubala izitho zomzimba ezahlukene. - Ngikhombise ikhala lakho bese uyalibala. Mangaki amakhala akho? - Ngikhombise izindlebe zakho bese uyazibala. zingaki izindlebe onazo? - Ngikhombise izandla zakho. Zingaki? Asizibale. Yini enye esiyibonayo ezandleni zethu? Ungayibala? Asibale isandla esisodwa imnwe yakhona: 1, 2, 3, 4, 5. - Mangaki amehlo akho? Bala izindlebe namehlo. Thinta izindlebe namehlo ngesikhathi ubala. - Hlala nomngane wakhe nibhekane bese ubala izingxenye zomzimba wakhe. Qala uthinte bese uyakubala. Uthisha uzosiza ukukwenza lokhu. - Khomba isitho somzimba lapho sihamba ngasodwa njengekhala, umlomo, isilevu **Ukusebenzisa izimo nezithombe ezi 2-D** Yenza abafundi ba: - Bazibuka esibukweni bazidwebe - badweba uhlaka lwemizimba yabo ephepheni bahlobise ngokuyikho. Badweba umugqa ohlukanisa umzimba kabili - Sika izithombe zamalunga ahlukene omzimba uwasika kumaphephabhuku noma kuzikhangisi uqedele ubuso. - Sika ubuso ephephabhukwini bese udweba wonke amalunga omzimba.	Amaphazili/imidlalo eveza abantu abahlukene nemifanekiso yemizimba Imidlalo yamakhadi Abafundi Isibuko esilingene ubude babo Iphepha eli-A4, amakhilayoni Amabhuku, izikhangisi, izikelo	Usuku olu-1

Isonto 3 Ukuzijwayeza	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.4 **Okufana nse nxazombili**	**Ukubona umugqa ohlukanisa kufane nse nxazombili kuyena** **Thuthukisa ulwazi lokuthi umzimba womuntu unezinhlangothi ezimbili** **Ukusebenzisa umzimba** Gcizelela ulwazi lohlangathi olulodwa kanye nolunye. Uthisha ukhuluma nabafundi ngengaphambili nengemuva lomzimba kanye nengenhla nengezansi lomzimba. **Yenza abafundi:** - Bazibuke esibukweni lapho bezobona wonke umzimba wabo. - Khomba izingxenye zomzimba emzimbeni yazo ezisohlangothini olulodwa zikhona nakulolu olunye uhlangothi. - Thinta izitho zomzimba njengoba kushiwo. “Thinta izinzwane, thinta izinyawo, thinta imilenze. Abafundi Bangayenza lento noma becimezile. - Thinta isitho somzimba ngesinye..“Thinta idolo ngekhala” njll. (kanye nomsebenzi ngomugqa onqamula phakathi nendawo	Abafundi  Isibuko esinobude obuphelele Uthisha angenza umuntu wezinti nezimo.	Usuku olu-1
3.2 **izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	**Bona, khomba bese unika amagama amabhola** - Abafundi badlala ngamabhola bakhombise izinto aBangazenza ngebhola. Bebe bezisho lezi zinto abazenzayo. Uthisha uye oqala ingxoxo. - Khomba zonke izinto ezikwazi ukugingqika: njengokuthi ucaBanga ukuthi ibhuloki liyakwazi ukugingqika? Ake sibone.. - Gingqa zonke izinto bese uyabheka ukuthi ziyakwazi yini ukugingqika isib. Amathini agingqika ohlangothini olulodwa. - Sebenzisa ubumba wenze amabhola angakwazi ukugingqika ngesikhathi sokudlala okukhululekile.. - Ngesikhathi sesifundo sokuzivocavoca abafundi abazigingqe imizimba yabo njengamabhola.	izinto ezizindilinga njengamawolintshi, ama-aphula, amabhola, amathini.(yenza amabhola ngezinto ezilahliwe isib. Amaphepha amabhola afakwe amasokisi amadala) izinto ezizikwele isib. Amabhuloki. Uhla lokwenza inhlama yokudlala: 1 inkomishi kafulawa $\frac{1}{2}$ inkomishi kasawoti 1 inkomishi yamanzi 2 amathisipuni kawoyela wokupheka Amathonsi ambalwa okwenza umbala ekudleni **Hlanganisa konke**	Usuku olu-1

Isonto 3 **Ukuzijwayeza**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona, khomba, bese unika igama lezimo ezinhlangothi mbili ezise kilasini nasezithombeni** - **indilinga** • **Thula indilinga** Uma uthula indilinga okokuqala, izinto ezisetshenziswayo kufanele zifanencamashi ngazozonke izindlela.(Ubukhulu, umbala, ubunjalo) **Ukusebenzisa umzimba** Uthisha udweba indilinga phansi. Abafundi abahambe phezulu komugqa wendilinga elokhu “ngizungeza indilinga”. Yenza abafundi: - Bambanani ngezandlanenze indilinga. - Enzani indilinga ngemizimba yenu. - Bahamba belandela ismo sendilinga becula “singamasotsha enkosi” - Hlala nenze indilinga bese nidlulisa into ethile isuke komunye iye komunye bebe becula “ sizofuna umuntu wethu, umuntu wethu,umuntu wethu, sizofuna umuntu wethu namhlanje”. Umfundi okophela iculo ephethe into , uyongena phakathi endilingeni.	Iculo ; “singamasotsha enkosi” Umdlalo: “sizofuna umuntu wethu, umuntu wethu, umuntu wethu, sizofuna umuntu wethu namhlanje”.	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izinto ezi-3-D Uthisha ukhombisa izingane ihula huphu bese echaza ukuthi isimo sayo siyindilinga. Indilinga ayinamakhona. Yenza abafundi ba: - Phatha ihula huphu e-3-D ube uhambisa uhambisa iminwe uzungeze. - Thola izinto ekilasini ezi-3-D ntathu ezinesimo esifanayo nendilinga. **Hlela bese uqhathanisa izinto ezinhlangothi ntathu ngobungako nombala** Uthisha unika abafundi izinto ezinhlangothi ntathu 3-D kanye nezimo ezinhlangothi mbili 2-D ezinobungako obuhlukene ,okukhulu nokuncane, imibala, okhlaza okwesibhakabhaka,obomvu,ophuzi. Yenza abafundi ba: - Hlela izinto ngobukhulu nobuncane. - Beka izinto ngamaqoqo emibala ehlukene.	Amahula huphu Izinto ezehlukene ezizindilinga ezi-3-D njengambhola okudlala itenisi, izimabuli amabhaloni njll. Izimo ezi-2-D njengamaplastiki ezisikwe zabazindilinga	Usuku olu-1

Isonto 3 Ukuzijwayeza	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
4.1 **isikhathi**	**Thula ishadi lesimo sezulu nekhalenda** a) Isikhathi b) Izinsuku zesonto c) Ukulandelana kwezehlakalo zosuku d) Ukubala - Ishadi lesimo sezulu kufanele kube elesonto, izinsuku ezi 5, kuhlelwe kusukela kwesobunxele kuya kwesokudla. Kusetshenziswa izimpawu ezahlukene zesimi sezulu. - Isimo sezulu siyenziwa **zonke izinsuku**. - Uthisha uye osiza abafundi ukusho igama losuku, ukuthi zingaki izinsuku, nokuthi iyiphi inyanga, esebenzisa amakhadiadnezithombe noma imidwebo nemibhalo. Emva kwesikhathi abafundi bazozikhethela ngokwabo amakhadi bawafake ngokufanele. - Umholi weqembu uphumela phandle abheke ukuthi isimo sezulu sinjani bese ebuya ezotshela abanye eqenjini njengokuthi liya, libalele, linamafu njalonjalo. - Uthisha ukhombisa akutholile okusemakhadini bese ubeka amakhadi esimo. - Ngokwenza njalo abafundi bafunda ngezinsuku zaphakathinesonto kanye nalezo zempelasonto. - Bafunda ngezikhayhi; namuhla, izolo, kusasa. - Abafundi bathola amathuba okubala kusuka ku 1 kuya koku 5. Bangabala izinsuku zokushisa, okwakunomoya, njalonjalo. - Beka uphawu lomfundi onosuku lokuzalwa ngalelosonto. - Beka yonke imisebenzi ezokwenziwa ngalelosonto njengokuya epaki ngikubeka isithombe sepaki.	**Ishadi lesimo sezulu** elilingene isonto. Kufanele libenagama ezinsuku zesonto ezibekwe kusukela kwesobunxele kuya kwesokudla esikhathini esiyizinyanga ezi-6 zokuqala zonyaka. Amakhadi: - Izinsuku ezi 7 zesonto - Izinombolo 1-31 - Amabama ezinyanga zonke - Unyaka njengo 2012 - Amakhadi anesimo sezulu kanje: umoya ilanga imvula amafu	Uma ishadi lesimo sezulu selithuliwe, kufanele lenziwe zonke izinsuku. Fundisa abafundi iculo lezinsuku zesonto,balicule baze balazi

Isonto 3 Ukuzijwayeza	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
Isibonelo seshadi lesimo sezulu	**Isimo sezulu** Juni 2012 iSonto: 12; uMsombuluko: 13; oLwesibili: 14; oLwesithathu: 15; oLwesine: 16; oLwesihlanu: 17; uMgqibelo: 18 		
4.1 **Isikhathi**	**Landelanisa izehlekalo ezenzekayo njalo ezimpilweni zabo.** • **Izinsuku zesonto** Uthisha ufundisa abafundi iculo noma umlolozelo ngezinsuku zesonto. Aliphindwe leliculo zonke izinsuku ngesikhathi kwenziwa isimo sezulu. *Zisikhombisa izinsuku zesonto x 3 njalo, njalo njalo umsombuluko, ulwesibili, ulwesthathu, ulwesine, ulwesihlanu uMgqibelo kanye neSonto*	Iculo:Izinsuku zesonto.Qamba iculo ngezinsuku zesonto	
	• Thula ishadi elikhombisa izikhathi zonyaka, khombisa ngomcibisholo ukuthi isiphi isikhathi sonyaka: - Isiphi isikhathi sonyaka esikuso njengamanje? - Isiphi isikhathi sonyaka esisanda kudlula? - Isiphi isikhathi sonyaka esizayo? - Beka isithombe esikhombisa isikhathi sonyaka kanye nezinyanga ezihambisana nalesosikhathi njengo Januwari - Mashi ihambisane nesithombe sasehlobo.	Amakhadi amane anesithombe eskhombisa isikhathi sonyaka ngasinye. **Izikhathi zonyaka** Ihlobo Ikwindla Intwasahlobo Ubusika	Shintsha uma izikhathi zonyaka zishintsha
Amanothi: Ulwazi olusha kufanele lwethulwe ngokulandela lezizindlela: Ukusebenzisa umzimba (ukufunda usebenzisa umzimba nemizwa) Ukusebenzisa izinto eziphathekayo (izinto ezingonhlangothi ntathu) Ukusebenzisa imidwebo, izithombe amakhadi (izimi ezingonhlangothi mbili).			

Isonto 4 Qala ukwethula izinombolo	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Ukubala izinto**	**Khomba bese uchaza izinombolo** **Thula okuchazwa inombolo 1** Ukubala ngokokusakuhuba kwansukuzonke kusuka kuoku 1-5 **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi: - Khomba izitho zomzimba njengekhala elilodwa. - Vuma sakuhuba kanye, shaya ngonyawo kanye, gxuma kanye nokunye. - Phakamisa umunwe owodwa, isandla esisodwa,unyawo olulodwa. - Enza inombolo 1 ngomzimba wakho. - Bhala inombolo 1 emoyeni/ bhala phansi. - Shaya izandla kanye	Amaculo nemilolozelo tezinombolo abafundi	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izinto ezi3-D Yenza abafundi: - Khomba into eyodwa ekilasini njengebhuloki. - Akha inombolo 1 ngobumba	Izinto ezisekilasini nangaphandle	
	Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezi 2-D Yenza abafundi: - Khomba isithombe esinento eyodwa emakhadini ahlukene. - Qhathanisa ikhadi elinesithombe esinento eyodwa nalelo elinechashaza elilodwa. - Qhathanisa ikhadi elinesithombe esisodwa, nalelo elinechashaza elilodwa kanye nezinto zokubala ezifanayo, isib. Pakisha izinto ezinenombolo efana namachashazi. - Uma usuyithulile inombolo 1, beka ikhadi lalenombolo obondeni ukuze abafundi balibone zonke izinsuku.	**Isithombe sento eyodwa**  1 Into yokubala eyodwa yomfundi AAmakhadi amaningi ezithombe Amakhadi amachashaza	

Isonto 4 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
2.1 **Amaphethini okusazibalomdwebo**	• **Khomba iphethini ezintweni ezikhona eduze nasezingubeni zabafundi.** Yenza abafundi: - Abakhulume ngamaphethini abawabona ezintweni ezikhona kulendawo nalawo asezingubeni zabo. - Imaphi amaphethini anemigqa, nalawo anamabhuloki? - Ayafana yini amaphethini? Yini okufanayo futhi yini okwehlukile? - Yini eyenza iphethini? - Iphethini ukuphindaphinda –kwemigqa/amabhuloki/izimo. **Kopela bese uqhubeka nephethini** **Ukusebenzisa umzimba** Uthisha akafake abafundi abane amaribhoni aluhlaza okwesibhakabhaka kanye nabomvu ezingalweni.Wakha iphethini ngokubeka umfundi ofake iribhoni elibomvu phambili, abe esethi ofake eliluhlaza akalandele, kanjalo kanjalo kuqhubeka iphethini.	 Amaribhoni abomvu naluhla okwesibhakabhaka	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izinto ezi-3-D - Uthisha wakha iphethini ngezivalo zamabhodlela ezintahtu eziluhlaza okwesibhakabhaka nezintathu ezibomvu. - Abafundi abenze iphethini kathisha.	Izivalo zamabhodlela ezibomvu neziluhlaza okwesibhakabhaka umfundi ngamunye	

Isonto 4 Qala ukwethula izinombolo	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.2 **Izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)** **3.2** **Izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona, khomba bese usho amagama ezinto ezi 3-D kanye nezimo ezi2-D ekilasini nasezithombeni** **Thuthukisa ulwazi lokuhlukanisa phakathi kwezinto “ezisobala” nezinto “ezizungezile”** **Ukusebenzisa izinto ezi3-D** Uthisha ubeka izinto ezahlukene ekilasini kanye nangaphandle enkundleni yokudlala. Yenza abafundi: - Khombisa izinto ezahlukene ekilasini njengezinto zokhuni, izinto ezibomvu, ezepulasitiki nokunye. - Bheka izinto ezithile ekilasini njengomlayelo kathisha njengokuthi, ibhola elisebhokisini lamabhuloki, imoto esekhabetheni, ipensela elisethinini - Funa izinto ezifanayo njengezinkinobho eziyindilinga phakathi kwezinkinobho eziyizikwele nokunye. - Hela izinto ngokwakhiwa kwazo njengobungako, umbala, isimo. - Dlala umdlalo wokuqagela:” Ngibona ngamehlo ami into eyindilinga…....” - Funa into ethile kulendawo okuyo njengokulayelwa uthisha, njengokuthi iribhoni elisesihlahleni ,isilwane esihlahleni - Ekhaya kufanele abafundi bathunywe ukuqoqa izipuni, izimfoloko nokunye.	Izinto ezahlukene ekilasini nangaphandle	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe izimo ezi 2-D Khombisa abafundi isithombe bese ubuza imibuzo ephathelene naso Isibonelo: - Intombazane iphetheni esandleni? - Bangaki abntu abasesikebheni? - Ukwakhiwa kwamaphazili namakhadi namakhadi anezithombe kuyasiza ukufundisa abafundi ukuhlukanisa phakathi kwezinto ezisobala nezizungezile.	Isithombe esikhulu sokuxoxa (iphosta) **Amaphazili** 	

Isonto 4 Qala ukwethula izinombolo	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.2 **izinto ezinhlangothi ntathu** **(3-D)**	**Bona,khomba bese usho igama lezinto ezi 3-D ngokubheka izimo nobungako bamabhokisi** **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi: - Ngena phakathi bese ubuye uphume ebhokisini elikhulu. - Bheka ingaphakathi lebhokisi bese niyaxoxa njengokuthi ibhokisi linamacala amane, linesivalo njalonjalo. - Livule ibhokisi ukuze ubone izimo zonke ezikhona. **Ukusebenzisa izinto ezi3-D** - Sebenzisa amabhokisi ukwakha izinti ezithile njengendlu, igaraji nokunye. - Nika abafundi izinto ezahlukene njengezinkinobho izivalo zamabhodlela nokunye. Yenza abafundi: - Hlela izinto zibe ngamaqoqo ezinto ezifanayo. - Bheka ukuthi yini umehluko phakathi kwezinto. - Bheka ukuthi yiziphi izinto eziyizikwele neziyindinga. - Hlela izinto ngokwemibala yazo.	 Amabhokisi ahlukene amakhulu namancane (awezitofu neziqandisi)  Amabhokisi amancane, izivalo zamabhodlela nokunye angakuthola ekhaya	Usuku olu-1

Isonto 4 Qala ukwethula izinombolo	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **izimo ezinhlagothi mbili (2-D)**	**Bona, khomba bese usho igama lezimo ezinhlangothi mbili 2 –D ekilasini nasezithombeni** - unxantathu **Thula unxantathu** Uma uthula unxantathu okokuqala izinto ezisetshenziswayo kufanele zifane nse - ukuma, umbala,. Unxantathu wakhiwe izinhlangothi eziqondile ezintathu. Yingakho kuthiwa unxantathu. **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi: - Benza isimo ngemizimba yabo njengokwenza unxantathu abafundi abathathu behlangana sakuhuba nezinyawo belele phansi. - Besebenzisa imnwe ukwenza unxantathu. - Benza unxantathu ngobumba ,ngezintambo - Bahamba phezulu komugqa kanxantathu. Ngesikhathi behamba bayasho ukuthi “Ngihamba phezulu kukanxantathu, kunye, kubili, kuthathu izinhlangothi. Zintathu izinhlangothi.Kunye, kubili, kuthathu, kuthathu amakhona. - Ukuthinta izimo ungaziboni. Sebenzisa izimi ezinkulu noma faka izimo esikhwameni. Umfundi uzothinta ezwe izimo ezahlukene. Uma esetholile ukuthi isiphi isimo uzobe esesiqhathanisa nekhadi elinomdwebo wsesimo. - Dweba unxantathu emoyeni, phansi bese begcina ukudweba ephepheni. **Chaza, hlela bese uqhathanisa izinto ezi-3-D kanye nezimo ezi-2-D** **Ukusebenzisa izinto ez-i3-D** Yenza abafundi: - Hlela amabhuloki ngokwezimo njengokuthi indilinga,unxantathu; ubukhulu njengokuthi kukhulu, kuncane; nombala njengokuthi kubomvu, kuphuzi. - Bheka onxantathu ekilasini nakulendawo okuyo.	Imidlalo yamakhadi isiza ukufundisa izimo. Iwuli ubumba Isikhwama esinezimo ezahlukene Amakhadi adwetshwe izimo Iphepha elingu A4 amakhirayoni amabhuloki izinto ezahlukene ezisekilasini nangaphandle.	Usuku olu-1

Isonto 5 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	**Chaza bese ukhomba izinombolo eziphelele** **Gcizelela ulwazi olufunde kwisonto 4 oluphathelene nenombolo 1** **Ukubala uphimisa kusukela ku** 1 kuya 5 **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi: - Umsindo owenziwa ukushaywa komzimba njengokushaya izandla kanye. - Uthisha ukhombisa ikhadi elinenombolo 1 bese abafundi bephakamisa umunwe owodwa, isandla esisodwa njalonjalo.	Amaculo ezinombolo nemilolozelo **Isithombe sento eyodwa** ● **1** kunye	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izinto ezi 3-D Yenza abafundi: - Thola into eyodwa ekilasini. - Bala into yokubala eyodwa.	Into eyodwa Okokubala okukodwa	
	Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezi-2-D - Qhathanisa izithombe ezinento eyodwa kanye nekhadi elinechashaza elilodwa. - Qhathanisa izithombe ezinento eyodwa nekhadi elinechashaza elilodwa kanye nekhadi elinophawu lwenombolo 1 - Qhathanisa inombolo 1kanye negama lenombolo elisekhadini. - Akha iphazili unike abafundi baqhubeke.isib. 	Amakhadi anesithombe esisodwa nawanechashaza elilodwa. Amakhadi anenombolo 1 nekhadi elinegama lenombolo **Isithombe sento eyodwa** ● **1** kunye	

Isonto 5 Qala ukwethula izinombolo	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.4 **Okufana nse nxazombili**	**Gcizelela ukuthi umzimba unezinhlangothi ezimbili njengokuthi iloluhlangothi naloluya hlangothi. Nokuthi kukhona olusesandleni sokudla nolusesandleni sobunxele.** **Ukusebenzisa umzimba** Uthisha uchaza izinhlangothi ezimbili zomzimba. Yenza abafundi: - Ima ngomlenze owodwa bese ubuye ume ngomunye. - Uhyakaza uhambisana nesigqi sikakhehlekhehle uya ohlangothini lwekilasi. Uma ukhehlekhehle uthula, abafundi baya kolunye uhlangothi lwekilasi. **Ukusebenzisa izinto ezi-3-D** **Umfundi ngamunye unikwa isakana lokudlala (bean bag)**. **Yenza abafundi:** - Beka isakana lokudlala phansi eduze kwabo. - Susa isakana lokudlala uliyise kolunye uhlangothi usebenzisa izinzwane noma isandla. - Beka isakana lokudlala phansi eduze kohlangothi olulodwa lwabafundi bese kuthi kamuva abekwe kolunye uhlangothi. - Gcizelela lolulwazi ngokuthi abafundi badwebe umvemvana. (Goqa iphepha phakathi nendawo.Consisela amaconsi ambalwa kapende ohlukene emgqeni lapho kuhlukana khona iphepha. cindezela ingxenye yephepha kwenye. Livule bese uyabuka.–uzobona izingxenye ezimbili ezifanayo. **Uvemvane lunezinhlangothi ezimbili ezifana nse**	Ukhehlekhehle angenziwa ekhaya, kusetshenziswa isitsha esincane esinesivalo, safakwa amatshe amancane. Isakana lokudlala	Usuku olu-1
3.2 1 **Izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	**Bona, ukhombe bese ubiza igama lezinto ezi-3-D.** **Thula, bese nibukisisa izinto ezikwazi ukugingqika** - Xoxa ngobundilinga bezinto.Faka izinti eziningi ezahlukene esikhwameni sokuzwa izimo ‘feely Bag’. Abafundi bakhipha into ngayinye bese bechaza ubundilinga bayo. - Abafundi bayatshengisa ukuthi izinto ezahlukene zigingqika kanjani.	Isikhwama esifakwe amabhola angalingani ,izimabula, amathini eziphuzo, izivalo zamabhodlela	Usuku olu-1

Isonto 5 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	**Isikhundla sezinto ezimbili noma ngaphezulu kuqhathaniswa nomfundi** - ngaphambili / ngemuva **Ukusebenzisa umzimba:** Uthisha ukhetha abafundi ababili . - Ubeka izihlalo ezimbili phambili kwekilasi. - Abafundi ababili bazokhombisa ulwazi lokuba phambili nokuba ngemuva, isib. o Sipho ima phambili kwesitulo o Celiwe ima ngemuva kwesitulo - Uthisha uphakamisa ikhadi, bese abafundi benza iminyakazo besebenzisa izitulo zabo. - Lokhu kungenziwa ngokusebenzisa abafundi abathathu. o U-Awande ume ngemuva kuka Sipho, kodwa uCeliwe umi ngaphambili kuka Awande. - Uthisha unika abafundi idayisi elikhulu elenezithombe ezahlukene ezikhombisa “ ngaphambili nangemumva” ezinhlangothini zonke..isib. onezinwele ezinde ume phambili, ogqoke ibhulukwe ume ngemuva; uhleli ngemumva komunye njll. - Abafundi bazodlala umdlalo wedayisi emaqenjini abo ngokuphosa idayisi bese benza lokhu okukhonjiswe esithombeni esivelile.	Izihlalo Abafundi Amakhadi anezithombe ezikhombisa ungaphambili kanye nongemuva. 	Usuku olu-1

Isonto 5 Qala ukwethula izinombolo	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.2 **izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	**Qhathanisa ezimbili ezinikeziwe ezi: enkulu nencane** • **Gcizelela ulwazi luka kukhulu kuna no kuncane kuna** **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi: - Benza imizimba yabo ibe mikhulu ngokulula izingalo zifike ngaphezulu kwekhanda. - Benza imizimba yabo ibe mincane ngokugobisa bagozigoqe. - Bathole ukuthi inkulu yini inja kunegundane **Ukusebenzisa izinto ezi-3-D** Beka izinto zibembili ukuze uziqhathanise. - Qhathanisa ubukhulu bezinto ezifanayo njenga mabhuloki, amatafula, amapuleti, izihlalo nokunye, bese uyasho ukuthi iziphi izinto ezinkulu noma ezincane/ ezinkulu; ezinkudlwana/ ezincanyana; ezinkulu kakhulu/ ezincane kakhulu.. - Ukwakha izakhiwo ngamabhuloki bese abafundi beqhathanisa ukuthi esabani isakhiwo esikhulu kunazozonke, naleso esincane kunazozonke. **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezi-2-D** - Qhathanisa izithombe ezichaza ulwazi lwezinto ezinkulu nezincane kanye nezinkudlwana nezincanyana. - Sebenzisa ulwazi lokukhulu nokuncane ngesikhathi sobuciko bokwenza.	Isithombe segundane nenja (isithombe senja sibe sikhulu kunesegundane) Izinto ezisekilasini njengamabhuloki, amabhola, amapuleti ,izinkinobho, ubuhlalu, izinti, amathini ,izivalo zamabhodlela nokunye. Izithombe ezichaza okukhulu nokuncane.	Usuku olu-1

Isonto 5 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.2 **izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	**Qhathanisa usho ukuthi kulokhu okubili yikuphi oku:** - **Okukhulu nokuncane** - **Okukhudlwana nokuncanyana** - **Okukhulu kakhulu nokuncane kakhulu** **Ukusebenzisa umzimba** Uthisha udweba indlinga encane esihlabathini, noma phansi. - Abafundi bahamba phezulu kwemigqa yendilinga Uthisha udweba indilinga enkulu ngaphandle kwe ndilinga encane. - Abafundi bahamba phezulu komugqa wendilinga enkulu. - Uthisha uyabuza: o Iyiphi indilinga encanekakhulu? o Iyiphi indilinga enkulu kakhulu? o Hamba phezulu kwendilinga encane. o Hamba phezulu kwendilinga enkulu. Uthisha udweba indilinga enkudlwana ngaphandle kwendilinga ekhona. - Abafundi bahamba phezulu kwendilinga enkulu kunazozonke. - Uthisha ubuza imibuzo: o Iyiphi indilinga enkulu kakhulu? o Iyiphi indilinga encane kakhulu?	Indilinga enkulu nencane edwetshwe esihlabathini noma phansi 	Usuku olu-1

Isonto 5 Qala ukwethula izinombolo	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
	Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) Abafundi bahlela bese beqhathanisa izinto ezahlukene ngobukhulu, (kukhulu kuna; kuncane kuna) njenga: - Izinkinobho ezinkulu kwezincane - Izipuni ezinkulu kwezincane - Amabhokisi amakhulu kwamancane Lo msebenzi ungenziwa nangaphandle ngesikhathi sokudlala emanzini nasesihlabathini, lapho abafundi bekwazi ukuqhathanisa bakhulume ngezinto basho ukuthi le incanyana / inkudlwana; incane kakhulu / inkulu kakhulu. Ingafundwa ngesikhathi sekwenziwa imisebenzi yokupenda nokudweba nalapho kwenziwa isithombe esakhiwe ngezidwedwe namaphepha nokunye, lapho besebenzisa izinto ezincane nezinkulu. **Ukusebenzisa izimo noma izithombe (izimo ezinhlangothi mbili(2-D)** Yenza abafundi**:** - Badlala imidlalo yamakhadi bebe bekhomba okuncane, okukhulu nokukhulu kakhulu ezithombeni. - Ubuza imibuzo efana: Imuphi ufishi wokuqala? Noma Imuphi ufishi wokugcina? Imuphi ufishi ophakathi nendawo?  - Dlulela ezinhlamviniukuze abafundi babone ukuthi izithombe zimele amagama. Abafundi akudingekile ukuba bakwazi ukufunda izinhlamvu. 	Amabhuloki okwakha namabhola anobukhulu obungalingani Izinkinobho,izipuni, amabhokisi emithi, amabhokisi ezicathulo, amakhothini obisi, izitsha ezingenalutho zemithi, njll. 	

Isonto 6 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	**Qagela bese ubala izinto ezejwayelekile ngokuyikho** **Ukubala kwansukuzonke** - **Ngokukhuluma**: Ukubala okusakuhuba kusukela ku 1 - 5 - Ukucula amaculo ezinombolo nemilolozelo	Amaculo ezinombolo nemilolozelo	Nsukuzonnke
2.1 **Amaphethini okusazibalo mdwebo**	**Kopisha bese uqhuba iphethini usebenzisa umsindo wokushaya umzimba** **Ukusebenzisa umzimba** - Uthisha ukhombisa abafundi iphethini lokushaya umzimba bese abafundi bayayikopisha iphethini. Isibonelo: ihlombe, ihlombe, qhwaba, qhwaba, gxoba, gxoba..	Abafundi 	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu(3-D) Kopisha iphethini usebenzisa izinto: - Amaqabunga angafani - Izimo ezingafani - indilinga, indilinga, unxantathu, indilinga..... - Izinto ezingafani - iphekisi elibomvu,iphekisi eliluhlaza okwesibhakabhaka, iphekisi eliphuzi., iphekisi elibomvu.....	Izimo ezilogi Ibhodi lamaphekisi	
	Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi2-D) Yenza abafundi: - Benza iphethini labo ngamakhadi anezithombe njengembali, iqabunga, iqabunga,imbali,..... - Bakha awabo amaphethini ngamakhadi anemibala njenga elibomvu, eliluhlaza, elibomvu,..... - Ngesikhathi sokupenda nokudweba bese benza amamaphethini ezimo besebenziisa iziponji.	Nika abafundi amakhadi ezithombe Amakhadi emibala Uthisha wenza izimo ngeziponji	

Isonto 6	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **Izimo ezinhlangothi mbili** **(2-D)**	**Bona, khomba bese usho igama lesikwele** **Thula isikwele** Uma uthula isikwele okokuqala kufanele usebenzise izinto ezifanayo ngombala, ngobukhulu, nangokwakhiwa. Isikwele sinamacala amane. **Ukusebenzisa umzimba** - Abafundi abasukume benze isikwele. - Abafundi abahambe phezulu kwentambo eyakhe isikwele. Ngesikhathi behamba bayasho bathi:‘ Ngihamba phezulu kwesikwele, icala lokuqala,icala lesibili, icala lesithathu, elesine.Wonke amacala ayalingana.” - Amaqembu abafundi akha izikwele ezincane. **Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)** - Uthisha ukhombisa umehluko phakathi kwendilinga nesikwele ngokuphakamisa isivalo sethini kanye nethayili. - Isivalo sizwakala siyindilinga uma usithinta ,kanti ithayili lineziphetho namakhona. **Ukusebenzisa izimo noma izithombe (izimo ezinhlangothi mbili (2-D)** - Uthisha udweba azungeze isivalo kanye nethayili. - Isivalo sikhombisa indilinga, ithayili likhombisa isikwele. - Abafundi abadwebe ngamakhilayoni bazungeze isivalo nethayili.	Abafundi Intambo Isivalo sethini Ithayili eliyisikwele Izindilinga ezahlukene kanye nezinto eziyizikwele ezahlukene. Amaphephandaba Amakhirayoni Izimo ezi2-D imidlalo yokugcizelela izimo Izinto ezi3-D amabhuloki kaLego	Usuku olu-1
	Hlela izinto ezi 3-D nemifanekiso noma izithombe (izimo ezi 2-D) Hlukanisa abafundi babe amaqoqo. Yenza abafundi: - Hlela izinto ezi-3-D nezimo ezi-2-D ozinikwe uthisha ngobukhulu nangombala - Gcizelela izimo ngokudlala imidlalo yamakhadi ngesikhathi sokudlala okukhululekile sasendlini.	Amakhadi ezimo Izinto ezinhlangothi ntathu njengamabhuloki Izimo ezinhlangoyhi mbili njengemidlalo egcizelela izimo: Yini esesikweleni?	
3.2 **izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	**Bona, khomba bese usho igama lezinto ezinhlangothi ntathu ezishibilikayo.** • **Thula izinto ezishibilikayo** Nika abafundi izinto ezinhlangothi ntathu nezimo ezinhlangothi mbili, njengmabhuloki, amabhokisi, amabhola nokunye. - Abafundi abafunde ngokwenza bedlala ukuze babone ukuthi iziphi izinto ezikwazi ukushibilika nalezo ezikwazi ukugingqika. - Abafundi Bangasebenzi umshushuluzo osenkundleni yokudlala noma uthisha asebenzise itafula afake amabhuloki amabili kwicala elilodwa. - Zikhona yini izinto ezishibilika ziye phezulu? - Iziphi izinto ezishibilika ziye enzansi? - Yini eyenza lezi zinto zishibilike?	amabhuloki amabhula amabhokisi umshushuluzo noma itafula elimiswe ngamabhuloki kwicala elilodwa.	Usuku olu-1

Isonto 6	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	**Chaza into eyodwa enhlangothi ntathu uqhathanisa nenye.** • **Thuthukisa ulwazi loku phezulu / ngaphansi / ngenzansi / ngaphezulu** **Ukusebenzisa umzimba** - Umfundi ngamunye akahlale esihlalweni sakhe. - Abafundi balalela imiyalelo kathisha bebe benza njengokuthi: isib. - hlala phezulu kwesihlalo,lala ngaphansi kwesihlalo. - Yima phezu kwesihlalo sakho.hlala ngaphansi kwetafula - Beka izandla phezu kwekhanda - Beka izandla ngaphansi kwemilenze - Beka isakana lokudlala ngaphansi kwekhwapha lakho. - Hlala phezu kwesakana lokudlala - Faka ihuphu ngaphansi kwamadolo akho. **Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu(3-D)** - Abafundi ababili ababambe ingqathu, bese abanye bagaqe baphume ngaphansi. - Funa into engaphansi kwetafula **Hlela izimo noma izithombe (ezi-2-D)** - Uthisha unika abafundi izithombe eziningi ezikhombisa izinto ezingaphansi, ezingaphezulu, ezingenzansi, njengokuthi: Umuntu uhlezi phezulu kwehhashi. Ingane ilele ngaphansi kwengubo. Abafundi: - Khomba ezithombeni okuphezulu, okungaphansi, okungaphezulu.	 isihlalo somfundi ngamunye phezulu kwetafula ngaphansi	Usuku olu-1

Isonto 6	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
4.1 **isikhathi**	**Chaza isikhathi sosuku ngokusebenzisa amagama ; imini, nobusuku/ ubumnyama, nokukhanya.** • **Thula ulwazi: emini / ebusuku; ukukhanya / ubumnyama** **Fundisa lokhu ukuhlanganise nesifundo saMakhono Empilo, Ukuqala Kolwazi** **Ukusebenzisa umzimba** - Umfundi uhlala ngaphansi kwetafula noma kwesihlalo esimbozwe ngengubo. - Enza ikilasi libemnyama ngokuthi uvale amakhethini , bese ucisha ugesi. - Abafundi bakhuluma ngabakuzwile ngesikhathi kumnyama nangenkathi sekubuya ukukhanya. - Akubekhona ithoshi ukuletha ukukhanya ngaphansi kwengubo. - Xoxa ngezinto ezenzekayo emini nasebusuku.. **Izimo noma izithombe (ezi-2-D)** - Uthisha ulungisa iphosta enesithombe selanga kanye nenyanga. Ulungisa futhi nezithombe ezikhombisa ukuthi kwenzekani emini nasebusuku. - Abafundi kufanele babeke izithombe ngaphansi kwelanga noma kwenyanga.	Izihlalo nezingubo zokulala Ithoshi Iphosta yemini nobusuku Izithombe zezinto eznzeka emini nasebusuku 	Usuku olu-1

Isonto 7 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona, Khomba bese usho izinto ezi 3-D nezimo ezi2-D** • **Thula iphazili bese unika indlela yokuthi yakhiwa kanjani.** - Xoxa ngesithombe sephazili ubhekisise umbala, abantu / izilwane, izinto, indawolapho kukhona abantu/izilwane nezinye izinto. - Khomba, bona bese uqondanisa izingcezu zephazili njenge. o Izingcezu ezisemakhoneni. o Izingcezu ezinecala elilodwa eliqondile. o Izingcezu ezingenalo icala eliqondile. o Ukubala izingcezu zephazili. **Siyenza kanjani iphazili** - Pakisha zonke izingcezu zibheke phezulu. - Khomba izingcezu ezingamakhona uqondanise imibala nezinto ezikulezizingcezu ezisemakhoneni. - Akha amacala amane ngezingcezu ezinecala elilodwa elilodwa eliqondile. - Uma umfundi enenkinga, akakhe iphazili phezulu kwesithombe.. - Wonke amaphazili kufanele akhiwe aphele ngaphamili kokuba abekwe.	**Amaphazili ahlukene okungenani abe nezingcezu eziyi 6.**	Usuku olu-1

Isonto 7 Qala ukwethula izinombolo	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	**Chaza into eyodwa usho eyi-3-D uyihlobanise nomfundi** • **Isikhundla sezinto ezimbili noma ngaphezulu ziqhathaniswa nomfundi.** - **Phakathi / phandle** **Ukusebenzisa umzimba** - Uthisha usebenzisa ithephu yokunamathisela noma ingqathu ukwenza imigqa emibili ekilasini phansi.. - Abafundi bayasukuma bame kwicala elilodwa lekilasi. Auathisha ube esememeza ethi: “Ngena phakathi emfuleni” Bonke abafundi bagxume bangene phakathi kwalemigqa. “Ngaphandle komfula”Abafundi bagxume baphume ngaphandle kwalemigqa emibili. - Abafundi aBangalandeli imiyalelo ngendlela bayaphuma bengabe besaqhubeka nokudlala.	Umdlalo:Emfuleni Izingqathu 2	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu (3-D) Yenza abafundi: - Hlehla amagxathu ambalwa usuka kusuka kubhasikidi noma ibhakede. - Phosa isakana lokudlala ebhasikidini. **Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi2-D)** - Abafundi badweba isithombe esikhombisa ingaphakathi nengandle.	Ibhakede noma ubhasikidi Iphepha namakhirayoni	

Isonto 7 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	• **Isikhundla sezinto ezimbili noma ngaphezulu ezihlobene nomfundi: Phezulu / phansi/ ezansi** **Ukusebenzisa umzimba** Abafundi abalandele imiyalelo: - Beka ibhuloki elibomvu phezulu kwekhanda lomngani wakho. - Beka ibhuloki eliphuzi ngaphansi kombhede. - Beka ibhuloki phezulu ekhanda bese ucaca emthini. - Gaqa ngaphansi kwetafula ucimezile. **Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu(3-D)** Yenza abafundi: - Pakisha onxantathu omunye phezulu komunye. - Pakisha izikwele eziluhlaza okwesibhakabhaka esinye phezulu kwesinye - Beka isikwele esiphuzi phezulu kwendilinga ebomvu.. - Beka indilinga ephuzi nonxantathu obomvu ngaphansi kwesikwele esiluhlaza okwesibhakabhaka. **Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi2-D)** - Uthisha ulungisa amakhadi anezithombe kanye nanezimo. - Abafundi babeka izimo phezulu noma ngaphansikwezithombe njebgokusho kukathisha. o Isibonelo:Beka isikwele esiluhlaza okwesibhakabhaka phezulu kuka bhasikidi wezithelo..	Amabhuloki Izimo Izithombe ezahlukene Amakhadi ezimo 	Usuku olu-1

Isonto 7 Qala ukwethula izinombolo	Isikhathi esinconyiwe sokufunda: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.4. **okufana nse nxazombili**	• **Gcizelela ulwazi lomugqa ohlukanisa umzimba wakhe kabili ulingane** **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi**:** - Bala izitho zomzimba. - Cula iculo elinomnyakazo elimayelana nomzimba. Uthisha uzokhombisa abafundi ulwazi lokuhlukanisakabili kulingane, ngokulengisa intambophambili komfundi. - Abafundi kufanele bacabange imizimba yabo ihlukaniswe kabili.. Uthisha uchaza ukuthi uhlukana kanjani umzimba ube izingxenye ezimbili. - Yonke into ehamba ngambili , itholakala kuzo zombili izingxenye zomzimba, njengamehlo, izindlebe, imilenze nokunye. - Okuhamba ngakodwa kusemgqeni ophakathi nendawo, njengekhala, umlomo. Inkaba isilinganiso ngomugqa ohlukanisa kabili Ngenhloso yokuhlukanisa nxazombili kufane nse, yenza abafundi: - Abaviliyele, baphakamise amadolo phezulu - Abaviliyele bewuqhoto njengamasosha ezigubhu - Phambanisa izingalo, phambanisa imilenze ngesikhathi uviliyela. Ungakwenza lokhu ngesikhathi wenza Ububciko Bokukhombisa esifundweni sa- Amakhono Empilo. **Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi2-D)** - Dweba izithombe ezingaphelele ephepheni , tshela abafundi baziqedele.	Iculo: khanda , mahlombe sifuba, lukhalo…… Intambo Umzimba womfundi izithombe ezingaphelele  	Usuku olu-1

Isonto 7 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	• **Isikhundla sezinto ezimbili noma ngaphezulu sezindo ezi 3-D ziqhathaniswa nomfundi** - **Phezulu / phansi** **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi**:** - Bakhombisa, phezulu naphansi ngokunyakazisa imizimba yabo iye phezulu iye phansi njengokuyalelwa uthisha. - Bala ngesikhathi ucaca izitebhisi. - Bala ngesikhathi wehla izitebhisi ezimbili. - Caca ukhuphuke , uphinde wehle izito zokudlala. - Caca ukhuphuke uphinde wehle usebenzisa intambo, noma ilada. - Buka phezulu ubuye ubuke phansi. **Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezi2-D)** - Uthisha unika abafundi izithombe ezahlukene ezikhombisaphezulu noma phansi. o Isibonelo: umuntu uyacaca uya phezulu entabeni; umuntu ehamba ehla ebheke enzansi. Yenza abafundi**:** - Khomba ulwazi olukhuluma ngo phezulu no phansi ezithombeni	Cula iculo, ”Sikha amawolintshi” Sebenzisa izitebhisi esilkoleni Izinto zokucaca ilada Isithombe esikhombisa ukukhuphuka nokwehla.. njengezitabhisi. 	Usuku olu-1

Isonto 8 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.4 **Okufana nse nxazombili**	• **Umugqa ohlukanisa kabili ufundiswa nokubala** **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi: - Tshikiza bese ugxuma ulandela isigqi esithile ube ubala. - Ima ubheke omunye bese nishaya ihlombe niphambanise izandla (isandla sobunxele smfundi wokuqala sizoshaya isandla somunye umfundi esobunxele, kanjalo nesokudla). Nibe nicula iculo lezinombolo. **Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)** Yenza abafundi: - Phosa ibhola kumngane wakho ube ubala. - Hamba phezu phezulu kwentambo egwingcizayo ube ucula iculo. - Khahlela ibhola liye komunye. Lokhu kungenziwa ngesikhathi sesifundo Amakhono Empilo.	Abafundi Iculo lezinombolo nemilolozelo Ibhola, intambo	Usuku olu-1
2.1 **Amaphethini okusazibalo mdwebo**	• **Ukwenza awakho amaphethini** **Ukusebenzisa umzimba** Abafundi abenze eyabo iphethini besebenzisa: - Imizimba yabo. Isibonelo: Intombazane egqoke ingubo, abafana ababili abagqoke amabhulukwe **Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)** - Sebenzisa izimo ezibomvu nziluhlaza okwesibhakabhaka kanje – izikwele eziluhlaza okwesibhakabhaka ezi 2 , onxande ababomvu aba 2, izikwele eziluhlaza okwesibhakabhaka eziyi 2... ... - Sebenzisa iphethini ngesikhathi somdwebo nokupenda, ngokusebenzisa upende obomvu noluhlaza okwesibhakabhaka kanye nezivalo zamabhodlela.	Izimo ezibomvu, neziluhlaza okwesibhakabhaka  Sebenzisa izivalo zamabhodlela nopende obomvu noluhlaza okwesibhakabhaka bomvu hlaza bomvu hlaza bomvu hlaza	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe (izimo ezinhlangothi mbili (2-D) usebenzisa imibala exubile. Yenza abafundi: - Basebenzisa izithupha ukufaka umbala ngopende emphethweni, njengoluhlaza njengotshani, osawolintshi, oluhlaza njengotshani.....emphethweni ongenhla wephepha..(umsebenzi ungenziwa ngesikhathi sokwenza umsebenzi wokudweba nokupenda **ngesikhathi Sobuciko obubonakalayo)**	Iphepha A4 Upende olhlaza njengotshani nosawolintshi noma omunye umbala okhona.	

Isonto 8 **Qala ukwethula izinombolo**	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Ukwethulwa kokuqonda inombolo-7** **Ukukhuluma:** Ukubala izinto ufike ku-7 nsukuzonke. Ukubala uya phambili nokubala uye emmva ufike ku-7. Ukubala okusakuhuba 1-10 **Ukugcizelela ukubala ngezikhundla**: Isha upakisha izinto ezi-3 emgqeni.ukhomba into eyodwa ngesikhathi ebala *owokuqala,owesibili owesithathu,owesine*. **Ukugxilisa ulwazi "lokuningi "no"kumbalwa"** Shaya ihlombe izikhathi eziningi …. IMA Shaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla kuze kube ka-7 Buza umbuzo ukuthi yiliphi ihlombe elibe liningi /mncane **Ukunyakazisa umzimba** - Uthisha uhlukanisa ikilasi ngamaqembu.Unika iqembu ngalinye amabhola ayi-7 enziwe ngamaphepha. - Yenza abafundi baphonse amabhola kubhasikidi. Abafundi babala bephimisela ngesikhathi bephonsa amabhola. - Bala izikhawu uthsha eshaya phezu kwetafula bese bemlingisa. - Ukubala ulandela isigqi esezitebhisi esijwayelekile ngesikhathi abafundi behamba behla ngezitebhisi/ilele bekheleza bengena bephuma kumahula hubhu. - Beshaya ngezinyawo belandela leso sigqi esijwayelekile.	Imilolozelo namaculo ezinombolo Amabhola ngephepha Obhasikidi	Usuku olu -1

Isonto 27	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Amanothi Acacisayo**
1.1 **Bala izinto**	**Ukusebenzisa izinto ezphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** Uthisha ubeka inqwaba yamabhuloki okwakha phansi phakathi nendawo. Ubanika umyalelo njengo; - Thatha amabhuloki ama-3 enqwabeni. - Thatha amabhuloki ama-4 enqwabeni bese ubuyisela amabili emumva njll - Uthisha ubeka inqwaba yezinto phezu kwetafula.Yenza abafundi baqagele ukuthi zingaki izinto ezisenqwabeni. Abawabale uma sebeqagelile. - Ukuthuthukisa ukuqaphela ukgcina kwezinombolo ngokutshela abafundi bapakishe izinto kokubala eziyisikhombisa noma ngabe iyiphi intongezindlela ezifanele. Isib. Ngesikhathi bebala, inani lezinto aliphazamisekile ubungako bazo noma isikhundla noma kuyizinto ezifanayo. Isibonelo: - Ukuhlela izinkinobho ezi-7, amapensela ayi-7, amahula hubhu ayi-7, abafundi abayi-7 njll. - Ukubala ngezindlela ezehlukene isib. zibale zihlukaziwe,ziqoqelwe ndawonye,uzibeke emgqeni noma zipakishwe.	Amabhuloki okwakha noma amabhuloki eLego	
	Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D Masidlale umdlalo: - Uthisha uyadweba noma unamathelisa izithombeengxenyeni eyodwa yekhadi nokudweba inani lamachashazi ngakwenye ingxenye yekhadi ufaka izinombolo 1 kuya-7 (yenza amasethi ambalwa) - Uvezela umfundi ikhadi lesethi elilodwa. - Abafundi babala inani lezithombe ekhadini - Liphendule ikhadi ngakwenye inxenye bese ubala inani lamachashazi. - Uthisha uphakamisa elinye lamakhadi elinamachashazi - Abafundi baqondanisa amakhadi abo nenani lamachashazi kathisha. - Uthisha uphakamisa isethi lamakhadi elinezimpawu zezinombolo. - Abafundi baqondanisa amakhadi namakhadi ezimpawu zezinombolo kathisha. - Umfundi ophethe ikhadi elifanele uyasukuma bese ebala inani lezithombe ngokokusakuhuba	**Amasethi ambalwa** ezithombe, amachashazi nezimpawu zezinombolo kusuka ku-1-7  	

Isonto 27	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Amanothi Acacisayo**
1.13 Ukuhlanganisa nokususa	• **Ukuxazulula izinkinga ngokukhuluma ezinikeziwe ngokuhlanganisa nokususa ezifaka inombolo-7** **Ukukhuluma:** Ukubala izinto ufike ku-7 nsukuzonke. Ukubala uya phambili nokubala uye emmva ufike ku-7. **Ukugxilisa ulwazi "lokuningi "no"kumbalwa"** Shaya ihlombe izikhathi eziningi ….IMA Shaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya ihlombe izikhathi ezi-7 Buza umbuzo ukuthi yiliphi ihlombe elibe liningi /mncane	Amaculo nemilolozelo ezinombolo	Usuku olu-1
1.6 **Amasu okuxazulula izinkinga**	**Ukusebenzisa umzimba** - Ukusebenzisa ilele lezinombolo lilele phansi (okuvundlile) - Ngasosonke isikhathi qala ngo-0. Bala ngesikhathi unyakaza. Uthisha ubuza abafundi: - Iyiphi inombolo elele phakathi kuka-4 no-6? Abafundi bazijwayeza ukusebenzisa ilele lezinombolo. - Yiziphi izinombolo ezilele phakathi kuka-2 no-5? - Ngokubona kwakho yenza abafundi bazi inombolo-7 ngokusebenzisa imizimba yabo benyakaza. **Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi mbili - 3-D** Nika umfundi ngamunye ubuhlalu obu-7 noma izinto zokubala Buza imibuzo njenga; - Susa into yokubala-1 kwenye ingxenye (ngokwesinxele).Uma sengeza ngenye into yokubala uyisa ngakwesokunxele, sezingaki esinazo manje? - 1 no 1→2 (uthisha uthi: 1 no 1 kwenza 2) - Susa izinto zokubala-4 ngakwesokunxele. Uma sengeza ngoku-2 ngaphezulu ukusa ngakwesokunxele, kungaki esinakho? - 4 no 2→6 - Unezinto zokubala ezi-5 bese ususa ezi-2, zingaki ezisele?	0 1 2 3 4 5 6 7 Ubuhlalu noma izinto zokubala Izinto zokubala	

Isonto 27	ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA: Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)		
isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Amanothi Acacisayo**
1.11 **Imali**	• **Bona bese ukhomba imali engamaphepha yase Ningizimu Afrika** - Ukusebenzisa imali yamaphepha isib.. R10, R20, R50, R100, R200 - Yenza abafundi bazu umehluko wezithombe zezilwane ezisemalini yamaphepha - Ukwenza samdlalo ngemali ekhoneni lendlu.	Izibonelo zemali yangempela yamaphepha R10, R20 no R50 (noma imali yokudlala)	Usuku olu-1
1.9 **Ukwenza amaqoqo nokwabelana okuholela ekuhlukaniseni**	• **Ukuxazulula izinkinga zezibalo zamagama Ukukhuluma ngokwesimo (izibalo zengxoxo) ezifaka;** - **Ukwabelana okulinganayo,** - **Amaqoqo ezinombolo eziphelele kanye** - **Nezimpendulo ezinezinsalela ufike-7** **Ukukhuluma:** ukubala izinto ufike ku-7 nsukuzonke Ukubala uya phambili nokubala uye emumva ufike ku-7 **Ukugxilisa ulwazi “lokuningi “no”kumbalwa”** Shaya ihlombe izikhathi eziningi …. IMA Shaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya ihlombe izikhathi ezi-6 Buza umbuzo ukuthi yiliphi ihlombe elibe liningi /mncane	Amaculo nemilolozelo ezinombolo	Usuku olu -1 Khetha owodwa noma emibili imisebenzi yokunyakazisa umzimba ngezinto eziphathekayo nezimo nezithombe.

Isonto 27	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Amanothi Acacisayo**
1.9 **Ukwenza amaqoqo nokwabelana okuholela ekuhlukaniseni**	**Ukunyakazisa umzimba** Ukwakha amaqembu usebenzisa abafundi: **Izibonelo**: 1. Yenza abafundi bakhe amaqembu nga-2, 3, 4, 5 ne 6.Bala ukuthi Bangaki eqenjini. 2. Dweba izimo ezinkulu ngezinto eziphathekayo noma esihlabathini.Abafundi bakha iqembu isib. abafundi aba-4ngaphakathi esimweni. 3. Ngesikhathi sokudla uthisha uthi.”Ningahamba ngamaqembu nga-4 ukuyogeza izandla”kunokuba athi “abafundi abane Bangahamba bayogeza izandla” 4. Khetha abafundi aba-7 usebenzisa umlolozelo wezinombolo 5. Yenza abafundi benze sengathi bayizinyoni bese benza ”okusasihlahla” besebenzisa into aBangacaca kuyo ngaphandle noma izitulo namatafula ngaphakathi 6. Uthisha uthuma izinyoni ezi-2 (esihlahleni” (abafundi aba-2 bacaca kulokho abakunikiwe). Kwalandela enye inyoni yaya esihlahleni.”Zingaki izinyoni ezisesihlahleni manje, zingaki izinyoni ezisele phansi?. 7. Phinda lomsebenzi kuwo wonke amaqembu usebenzisa izinombolo-1 kuya ku 7	Ukusebenzisa izinsiza ezahlukene ukukunika imiqondo ehlukene ukuyisebenzisa kumqhinga ahlukene Izinto zokucaca noma amatafula nezitulo. 	
	Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D **Izibonelo**: 1. Uthisha unika abafundi izinto zokubala.Yenza abafundi bakhe amasethi ezinto zokubala nga-4 isethiYenza abafundi bakhe amasethi ezinto zokubala nga-3 isethi”Zingaki izintozokubala onazo esethini elisha? 2. Abafundi mabadwebe izindilinga ezmbili ephepheni.Umyalelo ophuma kuthisha, abafundi bapakisha izinto zokubala ngamasethi amabili kwenye isethi kube kuningi kunenye. Buza imibuzo njenga;Yiliphi isethi elinokuningi/nokuncane?	Izinto zokubala Iphepha nekhilayoni lomfundi ngamunye izinto zokubala 	

Isonto 27	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza ezinconyiwe**	**Amanothi Acacisayo**
4.4 **Umthamo/ okumumwethwe**	**Ukuqhathanisa nokuhlela izinto eziphathekayo usebenzisa amagama afanele ukuchaza:** a) umthamo b) akunalutho, kugcwele, kungaphansi, kungaphezulu,okuningi, okuncane • **Ukugcizelela ulwazi olutholwe esontweni lesi-26 ukufaka umthamo** **Ukukhuluma:** Ukubala izinto ufike ku-7 nsukuzonke Ukubala uya phambili nokubali uye emumva ufike ku-7. Ukubala ngokokusakuhuba 1-10 **Ukugxilisa ulwazi “lokuningi” no “kumbalwa”** Shaya ihlombe izikhathi eziningi …. IMA Shaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya iihlombe izikhati ezi-6 Buza umbuzo ukuthi yiliphi ihlombe elibe liningi /mncane **Ukunyakazisa umzimba** Yenza abafundi ba: - Lungisa izitsha ezimbili noma ezintathu ezingenalutho ezehlukene umthamo ongafani. Ngamanye amagama isiphi isitsha esizomumatha okuningi noma okuncane? Abafundi bazohlola ukuqagela kwabo ngokuthela amanzi ngezinkomishi ezitsheni ezingenalutho bese bebala ukuthi yisiphi isitsha esimumatha amankomishi amaningi noma amancane.Yandisa inani lezitsha ezingenalutho ezizokwenza kube lukhunyana. . - Abafundi Bangasebenzisa inkomishi njengesikali bese becaBanga ukuthi mangaki amankomishi erayisi noma ubhontshisi noma isihlabathi eesizosetshenziswa ukugcwalisa lezozitsha ezingenhla. - Hlela izitsha ezifanayo (isib, amabhakede endaweni yesihlabathi) kusukela kwesincane kuya kwesikhulu. - Nika abafundi izinhlobo zezitsha ezahlukene (ubungako nezimo ezahlukene) bese ubuza imibuzo enjenga; o “Yisiphi kulezizitsha uma ucaBanga, esingamumatha isihlabathi/amanzi amaningi? o Qagela uma uthela amanzi kwesinye isitsha ubuye uwathele kwesinye, azokwazi yini ukusigcwala?” - Yenza abafundi bazitholele ukuthi kwenzakalani uma isitsha sithelwa amanzi angagcweli bese uphonsa izinto ezincane isib.faka izinto ezilula ezihlanzekile, amabhuloki eLego, amabhuloki eplastiki. Abafundi bazokujabulela ukudlala umdlalo wokuqagela lapho ukuthi isiphi isitsha esimumatha okuningi bese bebheka ukuthi ubani ophumelele waqagela kahle.(uthisha uyasho ukuthi izinto ezintantayo angeke ziholele ekuphakameni kwamanzi.)	Amanzi (ngesikhathi sokudlala ngamanzi) nangesihlabathi (ngesikhathi sokudlala ngesihlabathi endaweni yesihlabathi) izindawo ezifanele zokuthuthukisa umthamo. Amaculo nemilolozelo yezinombolo Izinhlobo zezitsha ezahlukene ngokwezimo nangobungako inkomishi inkomishi irayisi ubhontshisi amabhakede anobungako obehlukene endaweni yesihlabathi izinhlobo zezitsha ezehlukene ngezimo nobungako amanzi isihlabathi izinto njengezinto ezilula ezihlanzekile, amabhuloki eLego,amabhuloki eplastiki.	Izinsuku 2 Ungakhetha imisebenzi embili noma emithathu

Isonto 28	**Isikhathi sokufunda esihakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe iklasi, uthatha imizuzu okungenani engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsizakufubdisa ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Gcizelela ulwazi olutholakele olufaka izinombolo ukufika koku 7** **Okukhuluma:** Bala izinto zansukuzonke ukufika koku 7. Bala uya phambili ubuye uye emumva ukufika koku 7. **Ukugcizelela ulwazi olukhuluma "ngokuningi" "nokumbalwa".** Shayani izandla zenu izikhathi eziningi ..... IMA Shayani izandla zenu izikhathi kambalwa / kancane ....Uthisha ushaya izandla ukofika ezikhathi eziyi 7. Buza umbuzo obuza ukuthi uzushaye kaningi / kambalwa.	Imilolozelo namaculo ezinombolo	Usuku olulodawa
	Ukusebenza ngomzimba - Abafundi ababili babizelwa phambili bese bebamba uphawu lwenombolo ehambisana nabo. - Kubizwa omunye futhi umfundi .abanye abafundi bayababala bese oyedwa wabo ebemba inombolo ewu 3.. - Baqhubeka baze bafike kwabayisi 7 abame phambili. .	Izimpawu zezinombolo ezikumakhadi ezinezinombolo 1 ukufika koku 7.	
	Ukusebenzisa Izinto ezinezimo ezinhlangothintathu - Beka amathini awu 7 emugqeni ,isibonelo: - Abafundi bafaka uhlamvu /itshe ethinini lokuqala ,ezimbili kwelesibili; ezintathu kwelesthathu baqhubeka baze baqede onke amathini. Bafaka izinhlamvu ngangezinombolo ezibhalwe ngaphandle emathinini. - Thatha amakhrayoni agcwala isandla (aphakathi kwawu 10 kuya kwawu 15) bese bezifaka emagini Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi mangaki. Akuxoxwe izimpendulo zabo. - Khombisa ukuthi abalwa kanjani ngokukhipha eyodwa ngesikhathi uwabeke ngomugqa.	Amathini ayi 7 anezinombolo ezinamatheliswe kuzo. Iznhlamvu zembewu namatshe. Amkhrayoni nemagi.	

Isonto 28	**Isikhathi sokufunda esihakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe iklasi, uthatha imizuzu okungenani engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsizakufubdisa ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	• **Bona izimpawu zezinombolo namagama ezinombolo ezifika koku 7.** **Ukusebenzisa izimo ezisamifanekiso ezinhlangothintatu nezithombe** Dlala umdlalo: - Abafundi bahlala benze indilinga. Beka ikhadi lenombolo libheke phansi phambi komfundi ngamunye. (kungaba uphawu lwenombolo, igama lenombolo, ikhadi lamachashazi noma ikhadi elinesithombe elinezinombolo 1 kuya 7) - Tshela abafundi ukuthi badlulise ikhadi komunye umfundi ngokulishushulizisa libheke phansi/kukhaphethi - Abafundi basho: “ inombolo eymfihlo, inombolo eyimfihlo, kungaba iyiphi? Awuthi ngilunguze” - Abafundi balunguza amakhadi abo. - Uthisha uphakamisa ikhadi lakhe lenombolo. - Umfundi onekhadi elifana nelikathisha uphakamisa elakhe athi: “ngizophakamisa kakhulu ikhadi lami khona wonke umuntu ezolibona”.		Usuku olu-1
3.2 **Izinto ezinhlangothi ntathu (3-D)**	**Yakha izinto ezinhlangothintathu usebenzisa izinto eziphathekayo** • **Kopela ukwakha okudwetshiwe noma ekhadini lesithombe** **Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** - Umfundi wakha isakhiwo esifanayo nokudwetshiwe noma okusesithombeni. - Kopisha okudwetshwe ngokufanayo nokusesithombeni usebenzisa ibhodi lamaphegi. **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D** Qhubela lomsebenzi ebucikweni obubonakalayo. - Nikeza umfundi ngamunye iphepha elinezindilinga ezinhlobonhlobo ezinkulu nezincane, onxantathu nezikwele. Yenza abafundi: - Sika izimo wakhe izakhiwo ezi 2-D ephepheni bese uzinamathisela. - Hlobisa izithombe ngemidwebo.	“izimo eziLogi” amabhuloki amakhono “amabhuloki asebenzisa umqondo” Izinto okhwakha. Ibhodi lamaphegi Izinhlobonhlobo zezindilinga ezinkulu nezincane, onxantathu nezikwele ezisephepheni. Izikele, iglu	Usuku olu -1 kuyaqhutshekwa

Isonto 28	**Isikhathi sokufunda esihakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe iklasi, uthatha imizuzu okungenani engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsizakufubdisa ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
3.4 **Okufana nse nxazombili**	• **Ukuthuthukisa ikhono lokunqamula phakathi nendawo** **Ukunyakazisa umzimba** Yenza abafundi ba: - Bheka ulwazi olutholakale ngokwedlule; thinta amalunga omzimba ahlukene ngokuyalelwa.Dlala “USimon uthi: thinta i….. yakho” - Nika imiyalelo elula lapho abafundi bezothinta imigqa yabo ephakathi nendawo efana ne: thinta idolo lakho ngekhala lakho. Thinta ihlombe lakho ngendlebe yakho. Thinta idolo lakho lesinxele ngonyawo lwakho lwesidla. Tthinta idololwane yakho ngesandla sakho njll.	Umdlalo: “USimon uthi, thinta i….yakho”	Ukubobona umugqa ohlukanisa kabilili ngokulinganayo kufane ncimishi kuwena uqobo nakuloko okukuzungezile Ukunqamula umugqa ophakathi nendawo
	Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D Yenza abafundi ba**:** - Dweba indilinga enkulu ebhodini. - Dweba umugqa oqondile ebhodini. Qinisekisa ukuthi umfundi unqamula umugqa wakhe ophakathi nendawo. - Ebhodini dweba umugqa osuka echashazinini uya kwelinye ichashazi elikude nalo. - Dweba inombolo eyisishiyagalombili ivundle ebhodini. Sebenzisa iminyakazo emkhulu ukuqinisekisa ukuthi umfundi unqamula umugqa wakhe ophakathi nendawo. (Umfundi usebenzisa zombili izandla zakhe sekudla nesobunxele)	Abafundi abadweba ebhodini 	
	Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D Sebenzisa kuhlangane nobuciko obubonakalayo Yenza abafundi: - Penda ephephandabeni elinamakhasi amabili kusuka kwesokunxele kuya kwesokudla.	Iphephandaba elinamakhasi amabili umfundi ngamunye Upende nebhulashi	

Isonto 28	**Isikhathi sokufunda esihakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe iklasi, uthatha imizuzu okungenani engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsizakufubdisa ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
4.3 **Isisindo**	**Ukuqhathanisa nokuhlela izinto eziphathekayo usebenzisa amagama afanele ukuchaza:** Isisindo Isib. Kulula, kuyasinda, kulula kakhudlwana, kusinda kakhudlwana • **Yethula ulwazi olusha uluzofundwa lesisindo** Linganisa isisindo ukuthola ukuthi into isinda kangakanani. **Ukunyakazisa umzimba** Yenza abafundi baqagele isisindo sezinto: - Bamba lezinto ezilandelayo, eyodwa esandleni esisodwa ukuqagela ukuthi iyiphi esinda kakhudlwana nokuthi iyiphi elula kakhudlwana. Isib. o Itshe nebhuloki lokwakha. o Ithoyizi lemoto kapulasitioki nethoyizi lemoto kathayela. o Ithini lekhofi nerola lephepha lasendlini yangasese. o Ibhola elikhulu lenjoloba nebhola lomphebezo. Abafundi bajwayele ukubuka into enkulu njengento esindayo uma kuthiwa abaqagele ukuthi iyiphi esindakakhudlwana phakathi kwezinto ezimbili. - Yethula isikali sokuzimelela isib. Kala into ukubona ukuthi imuphi umfundi osho okuyikho. - Buza imibuzo efana nokuthi: iyiphi into esinda kakhudlwana/ elula kakhudlwana? Yenza abafundi bathole into ekilasini abacaBanga ukuthi iyona esinda kakhudlwana/ noma elula kakhudlwana ukunento abayikalile. - Sicgine sikhona isikali sokuzimelela nangesikhatrhi sokudlala okukhululekile khona abafundi bezoqhubeka nokwenza imisebenzi yokulinganisa. - Beka isikali sokuzimelela “ekhoneni lendlu” khona abafundi bezobona ukuthi mangaki amabhuloki kaLego anesisindo esilingana, isibonelo , nese apula. 	3-D izinto ezinesisindo kanye nesilinganiso esehlukene isib. Amabhuloki kaLego, amathoyizi, amabhuloki okwakha, amathini, nezitsha njll. **Isikali sokuzimelela** Ungazakhela esakho isikali: - Kumele uthole ikhothenga yeplastiki, - Izitsha ezimbili zebhotela noma amabhodlela eplastiki esiphuzo nentambo. - Vula izimbobo ezimbili ziphambane esitsheni noma ebhodleleni - Bophela lesositsha/amabhodlela ekhothengeni ngentambo – usunaso isikali - Lengisa ikhothenga esipikilini noma ehukwini sebengaqala ukukala izinto – - Batshengisa abafundi ukuthi ikhothenga kumele ibe sesimeni sokuzimelela macala onke ngaphambi kokukala.	1 usuku Khetha imisebenzi emibili noma emithathu

Isonto 29	**Isikhathi sokufunda esihakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe iklasi, uthatha imizuzu okungenani engama 30(okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsizakufubdisa ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Ukugcizelela ulwazi abaluthole befunda izinombolo oku 1 -7** **Okukhulunywayol**: Ukubala izinto zansukuzonke ukuyofika koku 7. Ukubala uya phambili nasemumva ukufika koku 7. Ukubala okusakuhuba ukusuka koku 1 – 10. **Ukugcizelela ulwazi olukhuluma "ngokuningi" "nokumbalwa".** Shayani izandla zenu izikhathi eziningi .....IMA Shayani izandla zenu izikhathi kambalwa / kancane ....Uthisha ushaya izandla ukofika ezikhathi eziyi 7. Buza umbuzo obuza ukuthi uzushaye kaningi / kambalwa.	Imilolozelo yezinombolo namaculo	Usuku olu -1
	Izinto eziphathekayo zisetshenziswa ukwakha izinto ezi3-D Abantwana abanze lokhu: - Qoqa izinti .Azigcinwe eklasini ukuzisetshenziswa futhi .. - Ukusetshenziswa kwezinti. Isibonelo: ukubhala izimpawu zezinombolo njengo 5 njengoba kubhalwe ngezansi. I. noma noma njll.	Izinti	
	Abantwana abanze lokhu: - Sebenzisa iqoqo lamakhadi anezinamba ukusuka koku 1 kuya koku 7. - Dweba inamba yezinto ezishiwo uthisha ngokumyalelo wenombolo. Isibonelo: dweba izindilinga ezimbili. - Bala ngakunye uqhubeke usukela enombolweni oyinikiwe . isibonelo: uthisha akasho inombolo abafundi baqale kuyo ukubala njengo 3 abafundi ababale baqhubeke basho okune, okuhlanu,njll - Ngesikhathi sekhefu uthisha akabuze ukuthi: Bangaki abafundi abazodla izinkwa ezinsundu? Babgaki abazodla izinkwa ezimhlophe ?ingabe abafundi abaningi badle isinkwa esimhlophe? Isiphi isinkwa esidliwe kakhulu /nakancane? - Uthisha ubeka izinto zibe inqwaba phezu keatafula abafundi abqagele /bahlawumbisele ukuthi zingaki bese bezibala kamumva.	Izithombe namaflashikhadi anamachashaza asuka kweli 1 ukuya kwayi 7 Izimpawu zezinombolo namagama ezinombolo ezikuma flashikhadi ayizinambolo ezisuka koku 1 kuya 7. Isibinelo: Iphepha namakhrayoni	

Isonto 29	**Isikhathi sokufunda esihakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe iklasi, uthatha imizuzu okungenani engama 30(okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsizakufubdisa ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	• **Bona uphawu lwenombolo negama lenombolo efaka oku 1 kuya koku 7** **okukhulunywayo**: Ukubala izinto zansukuzonke ukuyofika koku 7. Ukubala uya phambili nasemumva ukufika koku 7. **Ukugcizelela ulwazi olukhuluma "ngokuningi" "nokumbalwa".** Shayani izandla zenu izikhathi eziningi ..... IMA Shayani izandla zenu izikhathi kambalwa / kancane ....Uthisha ushaya izandla ukofika ezikhathi eziyi 7. Buza umbuzo obuza ukuthi uzushaye kaningi / kambalwa. **Ukusebenzisa umzimba** - Beka inombolo ebhalwe ekhadini ngaphakathi eklasini nomangaphandle endaweni yokudlala. - Uthisha ubiza inombolo esendaweni ethile ebizwa "ngenombolo yezwe" abafundi abaphethe izinombolo babizwa ngenkosi noma ngenkosazana bese bethweswa umqhele owenziwe ngekhadibhodi.elibhalwe izinombolo ngokugqamile. - Tshela abafundi imiyalelo efana nokuthi: o Bonke abagqoke okubomvu abagxumele ku 2. o Bonke abafundi abanezinwele ezinde abahambe ngamazonzwane baye koku 6.	Amaculo ezinombolo nemilolozelo 3 5 2 Izinombolo ezinkulu ezikumakhadi Imiqhele mayanele bonke abafundi ngamunye abe neyakhe 	Usuku olu -1
	Ukusebenzisa Izinto ezinezimo ezinhlangothmbili noma izithombe Abafundi abenze lokhu: - Dweba inombolo enganachashaza ulandela imiyalelo kathisha. Isibonelo: dweba amachashazi amabili phinda ngezinombolo ukusuka ku 1 kuya ku 7. - Yiba nezinqwaba zezinombolo nezimpawu zazo ezilungisiwe .nika ingane ngayinye ikhadi. Uthisha uphakamisa ikhadi bese eyalela abafundi abanalawo makhadi bawaphakamise - *Isiphakamiso:* nika abafundi ithuba lokwenza abo amakhadi. - Dlala umdlalo wamakhadi wokuqondanisa inombolo ewphawu neyigama 	Amaphepha namakhrayoni Amakhadi angaphezu kwelilodwa eliyizinombolo u 1-7. Isibonelo: 	

Isonto 29	**Isikhathi sokufunda esihakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe iklasi, uthatha imizuzu okungenani engama 30(okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsizakufubdisa ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa**	• **Ukuxazulula izibalo ezihlanganisayo nezisusayo ezinezimpendulo ezifika koku 7** **Ukukhuluma**: ukubala izinto zansukuzonke ukufika koku 7: Ukubala uya phambili nasemumva ukufika koku 7. **Ukugcizelela ulwazi olukhuluma "ngokuningi" "nokumbalwa".** Shayani izandla zenu izikhathi eziningi ..... IMA Shayani izandla zenu izikhathi kambalwa / kancane ....Uthisha ushaya izandla ukofika ezikhathi eziyi 7. Buza umbuzo obuza ukuthi uzushaye kaningi / kambalwa. **Ukusebenzisa umzimba** - Bheka isonto 24 no 27 ukuthola imiqondo nolwazi. . - Sebenzisa ulwazi onalo nomqondo wakho ukwenza abufundi bazi ngobungako benombolo isi -7 besebenzisa imizimba yabo. **Ukusebenzisa izinto ezinezimo ezinhlangothintathu 3-D noma izithombe** - Bheka isonto 24 no 7 - Sebenzisa ulwazi onalo nomqondo wakho ukwenza abufundi bazi ngobungako benombolo isi -7 besebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothintathu 3-D.	Amaculo ezinombolo nemilolozelo Izinto zokubala	Usuku olu -1

Isonto 29	**Isikhathi sokufunda esihakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe iklasi, uthatha imizuzu okungenani engama 30(okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsizakufubdisa ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	**Ukulandela izinkomba ukunyakaza eklasini** • **Ukukhulisa ulwazi lwezinkomba ngokusebenzisa imicibisholo esefleshikhadi neshdi elinemicisholo.** **Ukusebenzisa umzimba** Abafundi abahambe belandela izinkomba ezahlukene - Abaye emnyango , , - Abaye ewindini , - Ekhoneni elihlala izincwadi njll. **Ukusebenzisa Izinto ezinezimo ezinhlangothintathu 3-D** Abafundi abenze lokhu: - Dweba into evundlile yakha isi 8 ebhodini lokubhala. Qiniseka ukuthi yonke imigqa idlula phakathi nendawo. Isibonelo: 	Ibhodi lokubhala	Usuku olu -1
	Ukusebenzisa imifanekiso noma izithombe izimo ezinhlangothimbili 2-D Abafundi ngabodwana noma ngamaqenjana abo benza lokhu - Babuka ifleshikhadi banyakazise izingalo zabo ngokweonkomba komcibisholo bebe besho ukuthi babhekekuphi.isibonelo: uma ingalo iya kwesokudla uyasho. - Ukunyakaza uya phezulu naphansi abafundi Bangasebenzisa izingalo zabo. - Isimo inkomba ngomcibisholo eshadini. - Ukunamathisela imidwebo yezinyawo ebonisa umnyango. **Ulimi namagama:** Phezulu/phansi; ngaphakathi/ngaphandle; ngaphezulu/ngaphansi phambili/ngemumva ngaphezu kwe/ngaphansi kwe; kwelinye icala; ecaleni elilodwa; ngakwesokudla; ngakwesokunxele; njll	Amaflashikhadianomcibisholo owodwa. Phendula ifleshikhadi ibheke ezindaweni nasezinkombeni ezahlukene. Ishadi lemicibisholo (iposta enezinkomba ezibheke ezindaweni ezahlukene.) 	

Isonto 29	**Isikhathi sokufunda esihakanyisiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe iklasi, uthatha imizuzu okungenani engama 30(okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsizakufubdisa ezinconyiwe**	**Isikhathi esilinganisiwe**
4.3 **Isisindo**	• **Ukugcizelela ulwazi olufundwe esintweni 28olufaka isisindo: Okulula / okusindayo** **Ukusebenzisa umzimba** Abafundi abenze lokhu: : - Abaqhathanise izisindo zezitsha ezintathu kuya kwezinhlanu ezifanayo. Isibonelo(amagremu awu 400 amathini angenalutho) bawafaka isihlabathi esingalingani ukuze izisindo zingafani. - Abeke ngokulandelana uqale kwelilula ukofika kwelisinda kunawo wonke. Abeke esilinganisweni sokuzimelela , lokhu kungenza ukwazi ukubona ukuthi abafundi bakale kahle. - Isincomo: Hlola ngokukala ukuthi mangaki amawashela angalilganisa isilinganiso abe nesisindo esilinganayo. Uthisha ubeka izinto ezinesisindo esingafani ezitsheni ezivalekile ezifanayo. Isibonelo: izitsha zemajarini ezimbili, esisodwa sifakwe ibhulokhi esinye ibhola lethenisi. Abafundi abenze lokhu: - Abezwe umehluko phakathi kwezisindoezimbili bese beqagela ukuthi ikuphi okulula kakhulu nokusinda kakhulu. - Ukusebensisa isilinganiso sokuzimelela ukuthola isisindo sangempela. - Tshela abafundi bathole izinto eklasini ezinesisindo esilinganayo. Isihlabathi sokudlala namanzi okudlala izindawo ezimqoka okumele zisetshenziswe ukugcizelela ulwazi olufana nolimi lokulula/ okusindayo/okusinda kakhulu njll usebenzisa izilinganiso zezitsha ezinobungako obungafani., isilinganiso sokuzimelela, isihlabathi esimanzi nesomile. **Qikelela: hlala nafundi uma ukhuluma nixoxa futhi uchaza okuthile.**	Amathini angenalutho awubungako obulinganayo. Isilinganiso sokuzimelala Izinto ezingamabhuloki Izinto ezahlukahlukene ngesisindo ezifana amabhawoti / amawashela noma izipikili. izitsha zemajarini ezimbili, esisodwa sifakwe ibhulokhi esinye ibhola lethenisi. Isihlabathi sokudlala . Indishi yamanzi okudlala isitsha noma umsele.	Usuku olu -1

Isonto 30	Sebenzisa isonto30 ukubhekelela ulwazi olusele nezindawo zokufunda ezinezinkinga.	
Ulwazi	**isihloko**	**Izinga Lokuhlola**
Izinombolo, izimpawu nobudlelwano bazo	**1.1 Ukubala izinto**	Qagela bese ubala sakuhuba ukufika ku 7(amaculo ezinombolo nemelolozelo ukwandisa ulwazi)
		Ukubala uya emumva naphambili (1-7)
		Ukwazi ukuthi ihlombe kuyiphi inimbolo eningi noma encane.
		Ukubona izinombolo esimweni esijwayelekile.Isibonelo iminyaka yabo, irejista,njll(uphinde uhlole futhi)
		Ukubona izithombe zezinombolo izithombe namakhadi anamachashaza ukufika enombolweni e ngoku 7.
		Ukwazi izimpawu zezinombolo oku 5, 6,7
		Ukubona igama lenombolo okuhlanu, okuyisithupha nokuyisikhombisa
		Ukuhlukanisa phakathi kokuningi ,okuncane nokulinganayo ukufika kokuyisikhombisa (7)
		Ukubona imibala nezilwane ezahlukahlukene ezisemalini yamaphepha yaseNingizimu Afrika.
	1.6 amaqhinga okuxazulula izinkinga	Usebenzisa izinto eziphathekayo. Ukuchaza ukucaBanga kwakhe ngamagama nangezithombe nangokwenza imidwebo nangokusebenzisa izinto zokubala eziphathekayo.
	1.7/ 1.13 Ukuhlanganisa nokususa	Ukuxazulula izinkinga zezibalo zokuhlanganisa nezikususa ngokukhuluma ukuyofika kokuyi 7
Amaphethini nokuxhumana	**2.1 amaphethini asazibalomdwebo.**	Kopisha , wandise bese akha amaphethini akhe esebenzisa izithombe.
Indawo nesimo (ijiyometri)	**3.1 isikhundla , isimo nokubukeka kwento.**	Ukwazi isikhundla sezinto ezimbili nangaphezulu esinye kwesiye. Isibonelo: ngaphambili, ngemumva,ngaphezulu,kwi, ngaphansi, ngezansi, eduze, njll.
		Ukwenza imiyalelo esebhodini lamaphekisi
		Ukwazi izinkomba eshadini lemicibisholo
	3.2 izinto ezi 3-D	Ukwakha kususelwa esibonelweni esinikiwe
		Kopisha okwakhiwe kokudwetshiwe nama esithombeni ezingamakhadi. .
	3.3 izimo ezi 2-D	Ukwakha iphazili okungenani enezingcezu eziyi 18.
		Ukubona, ukukhomba nokusho izikwele
		Ukuqonda ukuhambisana kwezimo ezifundiwe kuze kube yimanje (ukugcinwa kwesimo)
Isilinganiso	**4.2 Ubude**	Qagela bese ulinganisa ubude bezinto ezehlukene
	4.3 Isisindo	Ukuqonda ulwazi oluhambisana nolimi lokulula, okusindayo,okusinda kakhudlwana, okulula kakhulu, njll
	4.4 Umthamo	Ukuqonda ulwazi oluhambisana nolimi lokungenalutho, okugcwele, okuningi kunoku, okuncane kuno, njll
Ukuqokelelwa kolwazi	**5.1Ukuqoqa, uhlele izinto.**	Ukwazi ukuqoqa ,ahlele, adwebe, afunde bese ebhala phansi ulwazi (ahlaziye) izinto ngokuchazwa
	5.2 Ukubeka okumele nokuhlela izinto eziqoqiwe	
	5.3 xoxa uthule umbiko ngezinto eziqoqiwe zahlelwa	

ITHEMU 4 YEBANGA R			
Isonto 31	**Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:**		
Ukujwayeza	**Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Yethula okuchazwa inombolo 8** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzoke kufike 8 Bala uye phambili ubuye uye emumva kufike koku-8 Ukubala bephimisa 1-10 **Yethula ukubala ngakubili kusetshenziswa umlolozelo wezinombolo** **Gcizelela izinombolo zesikhundla:** Uthisa upakisha izinto ezi- 4 emigqeni. Khomba into ngayinye uma uyibala *okokuqala, okwesibili, okwesithathu nokwesine.* **Gcizelela ulwazi " okuningi kanye nokumbalwa"** Shaya izandla kaningana …..IMA Shaya izandla kancanyana. Uthisha ushaye kuze kube kayisi 8. Buza imibuzo ukuthi izandla zishaywe kaningi/kambalwa.	Fakela inani lezingoma ngezigqi zokubala. *kubili, kune, kuyisithupha, kuyisishiyagalombili* *Indoda isesangweni..* *Ithi isemva kwesikhathi;* *kubili, kune, kuyisithupha, kuyisishiyagalombili*	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa umzimba Yenza abafundi ba: - Bala amagxathu ayisishiyagalombili ngesikhathi ujikeleza ngaphakathi ekilasini: - Veza iminwe eyisishiyagalombili - Yenza abafundi ba: - Ukusebenzisa isitebhisi sezinombolo silele phansi - Qikelela ukuthi abafundi baqala ukubalala besuka koku -0 - Khomba izimpawu zezinombolo behamba esitebhisini sezinombolo - Bahamba bebala amagabelo phezu kwesitebhisi bebebebala belandela isigqi	0 1 2 3 4 5 6 7 8 Isethi yamakhadi avezwayo yezimpawu zezinombolo 1 kuya 8.	

Isonto 31 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	• **Bona izimpawu zezinombolo,Kanye namagama ezinombolo** **Ukusebenzisa izinto ezi3-D.** Yenza abafundi ba: - Bala izinto ezisekilasini ufake izinombolo 1 kuya 8 - Bala izinto zokubala kufike koku- 8	Isethi lezinto 8 ezitholakala ekilasini Izinto ezisetsheselwa ukubala	Usuku olu-1
	Thuthukisa ukuqaphela kokulondolozwa kwezinombolo ngokwenza abafundi bapakishe izinto zokubala ngezindlela ezahlukene isib.:  Uma kubalwa,inombolo yezinto ayiphazanyiswa uubukhulu, noma isikhundla , noma ukufana Isibonelo: - Hlela izinkinombo ezi-8, amapensela 8, amahulahuphu 8, nabafundi 8 njll - Kubale konke ngokwehlukahlukana kwakho isib. Zibale uzendlale, uzisondelanise, emugqeni noma uzipakishe. **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D** Yenza abafundi: - Dlala imidlalo ngokuhlanganisa izinto zokubala nezinombolomagama nezimpawu zezinombolo, amachashazi, namakhadi ezithombe lawo afaka inombolo 8 - Bhala phezu kwenombolo -8 ngekhirayoni	8 izinto zokubalanoma 8 izinto nje Amakhadi avezwayo anezimpawu zezinombolo, nezinombolo magama, amachashazi kanye nezithombe isib. Amakhirayoni Izinto zokubala	

Isonto 31 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Sebenzisa inombolo isi-8 esimweni esejwayelekile.** **Ukukhuluma:** bala izinto zansukuzoke kufike 8 Bala uye phambili ubuye uye emumva kufike koku-8 Ukubala bephimisa 1-10 **Gcizelela ukubala ngakubili usebenzisa imilolozelo yezinombolo** **Gcizelela ulwazi " okuningi kanye nokumbalwa"** Shaya izandla kaningana …..IMA Shaya izandla kancanyana. Uthisha ushaye kuze kube kayisi 8. Buza imibuzo ukuthi izandla zishaywe kaningi/kambalwa. **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi ba: - Benza inombolo isi-8 ngeminwe yabo - Bakha inombolo-8 ngesinqamu sentambo/ iwulu - Babhala uphawu lwenombolo esihlabathini - Babeka amakhadi amakhulu anophawu lwezinombolo ngokulandelana kwazo kufike ku-8	Amaculo nemilolozelo ezinombolo Intambo /iwulu noma inhlama kanye thileyi elinosimende. Inani ilkalelwe izinto ezithile zokubumba amakhadi	Usuku olu-1
	Sebenzisa umqondo ojulile 3-D wezimo zezinto ezingantathu. Uthisha uzonikeza umfundi ngamunye obhontshisi abayi- 8, namafleshikhadi anamachashazi ayi-8 Yenza abafundi: - Bapakishe ubhontshisi kudothi yefleshi khadi. - Bala obhontshisi - Xhumanisa khadi lamachashazi ekhadini lenombolo magama nezinto zokubala.	8 amabhontshisi omfundi ngamuye. Ifleshi khadi elinonqi. Igama ifleshi khadi nokubalayo. 	

Isonto 31 **Ukujwayeza**	**Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona , ukhombe izimo ezi-2-D ekilasini nasezithombeni.** - **Unxande**. • **Yethula unxande** **Sebenzisa umzimba** Yenza abafundi: - Benze izimo ngemizimba yabo isib. Uhlela izimo zemizimba yakhona isib abafundi aba-6 behlela unxande ngemizimba yabo - Benza onxande besenzisa iminwe yabo. - Bakha unxande ngesinqamu sewulu noma ubumba. - Hamba ngaphandle kwesimo esingunxande. Ngesikhathi behamba basho bathi “ ngihamba eduze kukanxande- uhlangothi olude, olunye olufishane, nolunye olude, nolunye olufishane” - Bezwa izimo. Sebenzisa izimo ezinkulu noma izimo eziningi esikhwameni sokuzwa izimo”feely bag” thola isethi yamakhadi afanayo adwetshwe izimo. Abafundi bayezwa izimo esikhwameni bese beqhathanisa namakhadi ezimo. - Dweba onxande emoyeni.phansi emhlabathini (ngoshoki),ekugcineni babhale ephepheni.	Umdlalo wamakhadi wokuthuthukisa ulwazi lwezimo. Iwulu noma ubumba Isikhwama sokuzwa“Feely bag” esinezimo ezahlukene isethi yamakhjadi okuqondanisa izimo ezidwetshiwe nephepha elingu- A4 nekhirayoni	Usuku olu-1
	Hlela izinto eziphathekayo ezi- 3-D nezimo ezi 2-D ngobungako, umbala, nezimo Yenza abafundi bafuna izinto ezingunxande ekilasini. **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D** - Khomba izimo ezingonxande ezithombeni - Khomba zonke izimo esezifundisiwe kuze kube manje **Hlela izinto ezi 3-D nezimo ezi2-D ngobungako , nombala, nangezimo.** - Hlela izinto eziqoqelwe ndawonye ngobungako, umbala, nangezimo	Izinto ezingonxande ekilasini Zonke izimo ezifundisiwe kuze kube manje: Izinhlonhlobo zezithombe ezinezimo kuzona 	

Isonto 31	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:		
Ukujwayeza	Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**

5.1

Qoqa bese uhlela izinto

- **Gcizelela ukuqokelelwa kolwazi endaweni noma ekilasini ngokulandela izimpawu ezinikiwe isib. Izinsuku zokuzalwa kwabafundi.**

Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi- 3-D

Qoqa uphinde uhlele ulwazi

- Sebanzisa amashadi ezinsuku zokuzalwa, ukubona ukuthi obani abazelwe kuyiphi inyanga.
- Abafundi bazolekelela ngokwenza igrafu ukubona ukuthi iyiphi inyanga okuvela kuyo izinsuku zokuzalwa eziningi.
- Uthisha udweba igrafu enzinyanga ezi-12 zonyaka
- Ngosizo lukathisha abafundi babeka izimpawu ezimele usuku lokuzalwa komfundi ngamunye

Ishadi lezinsuku zokuzalwa



5.2

Okumele izinto eziqoqiwe

Jan	Feb	Mash	Epreli	Meyi	Juni	Julayi
Sipho Martha Helen Dolly	david Bongi Claire		Nelson Jacob Tim	Kabelo Pat Thandi	Selina Liz Titus	Thabo Jane
4	3	0	3	3	3	2

- Abafundi babala amagama bese bebhala isamba sezinsuku zokuzalwa zenyanga ngayinye
- Abafundi bayoqhathanisa izinombolo zezinsuku zokuzalwa ezinyangeni ezahlukene.

Uthisha ubuza imibuzo enjenga le:

- Yiyiphi inyanga enezinsuku eziningi zokuzalwa?
- Yiyiphi inyanga enezinsuku ezincane zokuzalwa?
- Yiyiphi inyanga enezinsuku ezilinganayo zokuzalwa?
- Yiziphi izinyanga ezinabafana abaningi abagubhe izinsuku zabo zokuzalwa?
- Yiziphi izinyanga ezinamantombazane agubha izinsuku zokuzalwa?

Ikhadi elinegama lomfundi kulo.

Dweba amakhalamu ayi-12 ephepheni elikhulu. Khombisa ngekhadi legama ukuthi iziphi zinyanga zabafundi abazalwa ngazo sebenzisa ± 3 amaphepha ka A2 ngamakhalamu ayi 12 edwetshiwe.

5.3

Xoxa bese uzisho izinto eziqoqiwe zahleiwa

Abafundi bayokhuluma bavumelane ngalezizinqumo ezilandelayo

- u Janawari unezinsuku eziningi zokuzalwa , abafundi abane abagubha izinsuku zokuzalwa kwabo ngoJanuwari
- Azikho izinsuku zokuzalwa ngoMashi. Kunenyanga eyodwa okungazalwanga mfundi ngayo.
- Ezinye izinyanga zinenani elilinganayo labantu abazalwayo njll., yiziphi lezonyanga?

Isonto 32 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Gcizelela ulwazi oluthole ngesonto lama -31 olufaka inombolo-8.** **Ukukhuluma:** bala zoke izinto uze ufike 8 Bala uye phambili noma uye emumva kufike koku- 8 Ukubala bephimisa 1-10 **Gcizelela ukubala ngakubili usebenzisa umlolozelo wezinombolo** **Gcizelela ulwazi " okuningi kanye nokumbalwa"** Shaya izandla kaningana …..IMA Shaya izandla kancanyana. Uthisha ushaye kuze kube kayisi 8. Buza imibuzo ukuthi izandla zishaywe kaningi/kambalwa. **Ukusebenzisa umzimba** Asidlaleni: - Uthisha udlala izinsimbi zomculo isib. isigubhu. - Abafundi benza umnyakazo - Uma isigubhu sima, uthisha ubiza izinombolo eziphakathi koku1 noku 8 bese abafundi bezihlela babe ngamaqoqo amancane isib. Uthisha ubiza i-8 bese abafundi bezihlela babe ngamaqoqo esi 8. - Veza iminwe eyi 8 ngezandla zombili. - Yakha amasethi. Dweba izindilinga ezinkulu esihlabathini, bese wenza abafundi benze amaqoqo ayi-8 phakathi endilingeni, iqoqo labafundi abayi-8 bengenza imisebenzi ethile bendawonde osukwini isib. Badlala ekhoneni lamabhuloki, baye nasendaweni yokwenza ubuciko	Nikeza inani lezingoma nezigqi Intambo /ye volo noma inhlama kanye thileyi elinosimende. Inani ilkalelwe izinto ezithile zokubumba amakhadi 8 amabhontshisi omfundi ngamuye. Ifleshi khadi elinonqi. Igama ifleshi khadi nokubalayo.	Usuku olu-1

Isonto 32 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	**Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezi 3-D** Yenza abafundi ba: - Sebenzisa izinto zokubala isimo ukuthi yiyiphi inombolo eza ngaphambili koku 8 iphinde futhi ize emuva 5? Yiyiphi inombolo ephakathi 6 no 8? - Bala izinto ngakubili o izicathulo o amasokisi o amehlo o amacici o izindlebe o imilenze **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D** - Uma ngabe uthisha emaka irejista, uthisha uyabuza: “kukhona umfundi onenombolo yomuzi noma ikheli ..... la?” Umfundi uphendula ngokuthi ukhona lapha - Phinda ngosuku olulandelayo asebenzise izinombolo zocingo noma zamakhalekhukhwini.	isigubhu izinto zokubala izicathulo, amasokisi kanye namacici Amakhadi anezinombolo zocingo namakheli	

Isonto 32	**Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:**		
Ukujwayeza	**Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa**	• **Xaxulula izinkinga zezibalo zamagama (izibalo zengxoxo) ezifaka inombolo 8** **Ukusebenzisa umzimba** - Uthisha usiza abafundi abafundi ukwenza amaqembu ka 6 namanye amaqembu ka 2 abafundi. - Hlanganisa amaqembu womabili wenze iqembu elilodwa. - Buza abafundi ukuthi Bangakhi abafundi sebebonke kumaqembu esehlangene? - 6 no 2 □ 8 (uthisha uthi 6 no 2 kwenza 8 - Iqoqo labafundi aba -8 ndawonye. Thatha abafundi aba-3 ubahlukanise wenze iqembu elincane. Ngakho Bangakhi abafundi abasele eqenjini elikhulu? 8 susa 3 □5 - Khetha abafundi ababili usebenzisa umlolozelo wokubala - Beka izinti zokubala ezi 4 esandleni somfundi oyedwa nezinye izinti ezi 4 esandleni somunye umfundi zingaki izinti zokubala uma sezizonke? 4 no 4 □ 8 **Ukusebenzisa izinto ezi3-D.** Nikeza umfundi ngamunye izinti zokubala ezi-8 - UTshidi unezinto zokubala ezi-6 umngani wakhe unezi- 2. Zingaki izinti zokubala zizonke? 6 no 2 □8 - UBonga unezinto zokubala ezi- 8. Walahlekelwa ezi 2. Zingaki izinti zokubala sezizonke? 8 susa 2□6 **Ukusebenzisa izinto ezi3-D** - Uthisha ubeka izithombe ezi-2 ebhodini leflanela. Ungeza ngezinye izithombe ezi 5. Zingakhi izithombe sezizonke manje? 2 noku 5□ 7 - Beka izimo ezi 8 ezahlukene ebhodini le flanela. Thatha ususe oku-5. Zingaki izithombe ezisele? 8 susa 5□3	Amaqembu abafundi Izinti zokubala Imilolozelo yokubala Izinti zokubala umlolozelo: 1,2,3,4,5 ngamzukwane ngibamba ufishi uphila 6,7,8,9,10 ngayiyeka yahamba futhi Izithombe nebhodi yeflanela	Usuku olu-1

Isonto 32 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
2.1 **Amaphethini asazibalo mdwebo**	• **Kopisha wandise amaphethini alalelwayo** **Ukusebenzisa izitho zomzimba** Abafundi banyakazela isigqi somculo isib. - Isitebhu, isitebhu, kheleza, kheleza…. - Gxuma ngonyawo olulodwa, gxuma ngonyawo olulodwa, gxuma ngezinyawo zombili …….. **Ukusebenzisa izinto ezi3-D** Hlanganisa nesifundo sobuciko bokwenza esifundweni samakhono empilo Abafundi banyakaza belandela isigqismculo ngezandla zabo, bethinta amathanga abo isib. - Ihlombe, ihlombe, gxoba, gxoba, (beshaya izandla, babuye bezishaya emathangeni) - Uthisha wenza amakhadi esigqi abafundi bephindaphinda ngokushaya izandla nesigqi (besebenzisa izandla bezishaya, kanye nezinyawo begidagida) isib.  - Ihlombe, ihlombe, gxoba, gxoba …… - Ihlombe, ukumemeza, ihlombe, ukumemeza....	I -CD Yokudlala umculo. Umsindo owenziwa ngokushaya umzimba	Usuku olu-1

Isonto 32 **Ukujwayeza**	**Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **Izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona, khomba bese uchaza izimo ezinhlangothi mbili 2-D ekilasini** • **Gcizelela ulwazi lwesimo unxande** **Sebenzisa izitho zomzimba:** Yenza abafundi: - Benze / bakhe izimo ngemizimba yabo, isib. 4 abafundi benze unxande ngemizimba yabo. - Benze inxande besebenzisa iminwe yabo - Benze inxande besebenzisa zikamentshisi ezi-6  - Benze noma bakhe inxande besebenzisa izinqamu zentambo noma ubumba - Bahambe ngaphandle komphetho wesimo esinxande - Bathinte izimo ezahlukene, ezifakwe esikhwameni sokuzwa izimo ezahlukene “feely bag” - Bathole isethi lamakhadi afananayo nezimo ezidwetshiwe kuwo. Umfundi uyothinta isimo ngasinye abuye asiqondanise nekhadi. - Dweba inxandu emoyeni , esihlabathini, phansi agcine ephepheni	Umdlalo wamakhadi lona othuthukisa ukwaziwa kwezimo Izinti zikamentshisi Isethi lamakhadi okuqondanisa Iphepha elingu A4 nekhirayoni Iwuli. Ubumba, Isikhwama sokuzwa izimo esinezimo ezahlukene “ feely bag”  Lokhu kufakela izimo zemidwebo emikhulu nemicane,ehlukene  Isethi lamakhadi okuqondanisa Iphepha elingu- A4 nekhirayoni	Usuku olu-1

Isonto 32 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **Izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Ukusebenzisa izinto ezi3-D** - Yenza a abafundi babheke izinto ezingonxande ekilasini Dlala umdlalo: “yikuphi okungekho?” - Beka inombolo yezimo ezi 2-D ephepheni phakathi nendawo nokhaphethi isib. Izimo ezisuselwa “ku Logi S” umdlalo - Khulumani ngesimo ngasinye nabafundi. - Nikeza abafundi ithuba lokucaBanga ngezimo ezihlukene ngokwenza ephepheni. - Abafundi bavale amehlo - uthisha asuse isimo esisodwa - abafundi bafanele bavule amehlo abo babone ukuthi yisiphi isimo esingasekho - Phinda lendlela - Khuthaza ukuthuthuka kwezimo ezisazibalo mdwebo, ngokubanika izinhlobonhlobo zemidlalo yamakhadi efana ne (yikuphi okusesikweleni?) noma eminye imdlalo ekhona.	Izinto eziwunxande ekilasini Izinhlobonhlobo zezimo isib. isimo esi Logi	

Isonto 32 **Ukujwayeza**	**Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	**Chaza isikhundla sezinto ezi-3-D ezimbili noma ngaphezulu ezinobudlelwano** **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi: - Bame phakathi kwezinto ezi 2 noma abafundi aba 2 - Bame eduze kwentombazane enengubo eluhlaza - Bame eduze komfana ofake izingxabulela ezinsundu - Bahambe phakathi kwamabhokisi - Bagaqe bazungeze itafula - Bagaqe ngaphansi kwetafula - Babeke isitulo phambi kwakho - Babeke isitulo emva kwakho - Bame esitulweni sabo - Bahlale phansi - Babeke isitulo phezu kwabo - Babeke isitulo eduze kwabo - Babeke isitulo kwesobunxele/kwesokudla **Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezi 3-D** - Yenza abafundi baqedele iphazile enezithombe zabantu noma izilwane - Tshutsha ubuhlalu ngemiyalelo kathisha isib. Tshutsha ubuhlalu obubomvu sese ufaka obuluhlaza eduze kobubomvu njll - Tshutsha ubuhlalu ngokulandelana kwezithombe ezinikiwe **Sebenza ngama qembu amancane.** uthisha unikeza umfundi ngamunye ibhodi lamaphekisi nesandla ezigcwele amaphekisi - Nikeza imiyalelo elandelayo: - Beka amaphekisi amabili phezulu ngasesandleni sokunxele - Beka iphekisi elilodwa eliluhlaza ngasesandleni sokudla sephekisi elibomvu - Beka iphekisi eliluhlaza okwebhakabhaka ngaphansi kwephekisi eliluhlaza njll.	Izitulo 2 Amaphazili Amabidi namatredi Amaphekisi namabhodi amaphekisi 	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D - Dweba abantu noma izilwane okungenazingalo okungenamilenze bese ucela abafundi ukuthi beqedele lomdwebo.	Amaphepha okusebenza anemidwebo.	

Isonto 33 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Gcizelela ulwazi olufundwe ngesonto 31 ne 32 olufaka izinombolo 1kuya 8** **Ukukhuluma:** bala zoke izinto uze ufike 8 Bala uye phambili noma uye emumva kufike koku- 8 Ukubala bephimisa 1-10 **Gcizelela ukubala ngakubili usebenzisa umlolozelo wezinombolo** **Gcizelela izinombolo zesikhundla:** Uthisa upakisha izinto ezi-8 emigqeni. Khomba into ngayinye uma uyibala *okokuqala, okwesibili, okwesithathu okwesine, nokwesihlanu* **Gcizelela ulwazi " okuningi kanye nokumbalwa"** Shaya izandla kaningana …..IMA Shaya izandla kancanyana. Uthisha ushaye kuze kube kayisi 8. Buza imibuzo ukuthi izandla zishaywe kaningi/kambalwa.	Imilolozelo yezinombolo namaculo	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa umzimba - Abafundi basebenzisa imizimba yabo ukwenza izimpawu zezinombolo - Uthisha wenza izinombolo ngezinto eziningi ezahlukene abafundi Bangazithinta isib. Isendiphepha/ubumba, intambo. - Basho imilolozelo yezinombolo namaculo.	Izimpawu ezinkulu zezinombolo ezenziwe ngosendiphepha.	
	Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D - Sebenzisa izinto eziphathekayo ezinjenga amabhuloki nezilwane zamapulasitiki - Zibale ,uzihlele ,zibe zibeyisishiyagalombili emugqeni njll Hlukanisa abafundi wenze amaqembu. Beka inqwaba yezilwane zepulasitiki zasepulazini phakathi kweqembu ngalinye. Yenza abafundi: - Basebenza ngababili emaqenjini baqagele ukuthi zingaki izilwane enqwabeni - Iqembu ngalinye lithatha ikhadi lenombolo ukuqondanisa ukuqagela kwabo. - Babale inombolo okuyiyo yezilwane - Iqembu ngalinye lizothola inkanyezi eziphongweni - Phinda ngukuthi ufake elinye inani lezilwane phakathi nendawo kukhaphethi.	Amabholoki nezilwane zamapulasitiki 9 izilwane zamapulasitiki amasethi ambalwa zamakhadi ezimpawu zezinombolo izinkanyezi zokuhlabana	

Isonto 33 **Ukujwayeza**	**Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	**Bona bese uchaze izimpawu namagama ezinombolo okufaka izinombolo 1 kuya-8** **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D** - Qondanisa izimpawu zezinombolo nesithombe esifanele - Umfundi kufanele aqonde ukuthi iqoqo lezinto lingaba nezinto ezinenani elifanayo  - Abafundi kufanele bakhombe into ngayinye uma bezibala - Abafundi bafanele baqondanise izinto nezinye isib. Inhliziyo eyodwa iqondana nelanga elilodwa. - Qondanisa amakhadi avezwayo ezithombe, nawamachashazi, nawezimpawu zezinombolo kanye nezinombolomagama anenani elilinganayo lezinto zokubala	Izithombe kanye nezinto namakhadi avezwayo ezimpawu zezinombolo Izinto zokubala Isethi lenani lezinombolo zamakhadi elifaka izinombolo 1 kuya 8	

Isonto 33 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Hlela bese uyaqhathanisa izinto usebenzise (okungaphezulu/okungaphansi) kanye "nokulinganayo"kufike koku-8** **Ukukhuluma:** bala zonke izinto uze ufike 8 Bala uye phambili noma uye emumva kufike koku- 8 Ukubala bephimisa 1-10 **Gcizelela ukubala ngakubili usebenzisa umlolozelo wezinombolo** **Gcizelela ulwazi " okuningi kanye nokumbalwa"** Shaya izandla kaningana …..IMA Shaya izandla kancanyana. Uthisha ushaye kuze kube kayisi 8. **Ukusebenzisa umzimba** - Uthisha ubeka amabhuloki ayi 8 etafuleni. Ngaphandle kokubala abafundi, kufanele baqagele inani lamabhuloki - Uthisha uyabuza lokhu: o "Ngabe kunamabhuloki ama- 3"? o Abafundi babuka izimpendulo zabo ngokubala amabhuloki o "ukuqagela kwakho kusondele kangakanani"? **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi- 3-D** - Akha iqembu labafundi abane. Nikeza iqembu ngalinye izinto zokubala ezi-8 nephepha elinezindilinga ezinkulu ezidwetshiwe. Biza izindilinga ngesidleke. - Ngokwemiyalelo kathisha abafundi babeka izinto zokubala esidlekeni esisodwa basho ukuthi zingaki. - Abafundi baqathanisa "izidleke" , besho nokuthi yisiphi isidleke "esinokuningi kunokunye", "okuncane kunokunye" kanye "nekulinganayo" noma "inani lezinto zokubala	Imololozelo namaculo ezinombolo amabhuloki Izinto zokubala Iphepha -A4 elinezidleke ezimbili ezidwetshiwe kulo 	Usuku olu-1

Isonto 33 Ukujwayeza	**Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	Hlukanisa abafundi ngamaqembu - Nikeza iqembu ngalinye amakhiyubhu **amaning**i nesethi yamakhadi ezimpawu zezinombolo ezifaka 1kuya-8 - Yenza amaqembu akhe imibhoshongo, babhale umbhoshongo ngamunye inombolo yamakhubhu ewakhile.isib.  **Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D** - Uthisha ubakhombisa amakhadi amabili anezinombolo ezehlukene zamachashaza nezithombe kuzo. - Yenza abafundi baqhathnise amakhadi nezithombe namachashaza bese bekhomba “ okuningi kunokunye”, “okuncane kunokunye” “nokulinganayo”	Amakhubhu Amakhadi ezimpawu zezinombolo 1-8 Amakhadi avezwayo anamachashazi nezithombe 	
1.13 **Ukuhlanganisa nokususa**	• **Xazulula izinkinga ezichaziwe zezibalo zokuhlanganisa nokususa kufike-8** **Ukukhuluma:** bala zonke izinto uze ufike 8 Bala uye phambili noma uye emumva kufike koku- 8 Ukubala bephimisa 1-10 **Gcizelela ulwazi “ okuningi kanye nokumbalwa”** Shaya izandla kaningana …..IMA Shaya izandla kancanyana. Uthisha ushaye kuze kube kayisi 8. Buza umbuzo iyiphi inombolo yokushaya ebe ningi/ncane.	Imilolozelo namaculo ezinombolo,	Usuku olu-1

Isonto 33 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.13 Ukuhlanganisa nokususa	**Ukusebenza komzimba** Izibonelo: 1. Uthisha ubiza abafundi aba-3 ngaphambili. Abafundi bababale. Uthisha ubiza abanye abafundi ababili aba-2 aphinde abuze: "Bangaki abafundi sebebonke"? 3 no-2□5. (uthisha uthi; 3 no2 kwenza 5) 2. Uthisha upakisha izitulo ezi-2. Angeze ezi-2 ngaphezulu. Zingakhi izitulo manje? 2 no 2□4 3. Uthisha uphakamisa isandla esisodwa.. Athi; (bala iminwe yami uma ngifihla isithupha sami mingaki iminwe oyibonayo"? 5 susa 1□4 4. Yenza abafundi benze okwenziwe uthisha. **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi-3-D** Yenza abafundi bapakishe izinto zokubala ezi- 6 bese benza lokhu okulandelayo: - Uthisha unikeza umfundi ngamunye izinto zokubala eziyi 6. Uthisha unikeza umyalelo abafundi benze isib. Pakisha izinto zokubala ezi-2, engeza ezi- 3. Kungaki sekukonke 2 no 3□5 - Bala izinto zokubala ezi-4. Bala uqhubeke ngooku- 2 kokune. Kungaki osunakho manje? 4 no 2□6 - Bala bonke ubuhlalu onabo. Uma umboza ubuhlalu obubili ngesandla, bungakhi obubonayo? 6 susa 2□4 **Sebenzisa izimo nezithombe ezi- 2- D** Yenza amaphazili ngezinombolo uvumela abafundi basebenze ngephazili. 	Izinto nezinto zokubala Amaphazili ezinombolo	

Isonto 33 **Ukujwayeza**	**Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona, khomba bese uchaza izimo ezinhlangothi mbili ezithombeni** **Ukwakha isithombe enqondweni** • **Bona izingxenye kokuphelele** **Ukusebenzisa umzimba** Uthisha uchaza into abuze abafundi ukuthi iyini isib. - NgicaBanga into enombala obomvu, enamasondo amane, iminyango emine namafasitela avulekayo enze umsindo othi"wroom" lomsebenzi ungenziwa ngamaqembu uphenduke umcintiswano- iqembu elilodwa lizochaza, elinye iqembu lizoqagela ukuthi yini leyonto. - Chaza umuntu uphinde ubuze abafundi ukukhomba lowomuntu **Sebenzisa izimo nezithombe ezi- 2-D** - khombisa umfundi isithombe umenze asibuke. Emuva kwalokho sisuse ucele umfundi ukuthi asichazekonke akukhumbulayo ngaso. - Thatha isithombe esisodwa usisike izicucu. Thatha lezozicucu zesithombe uzifake ebhokisini bese ucela abafundi ukuba izingxenye ezingekho zesithombe, abasicoshile. - Dweba isithombe esingaphelele ephepheni ucele abafundi ukuthi basiqedele	Noma yisiphi isithombe Izithombe nezicucu ezisikiwe Umdwebo ongaphelele  	Usuku olu -1

Isonto 33 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.4 **Okufana nse nxa zombili**	• **Thuthukisa ukuqaphela ukuthi umzimba womuntu unohlangothi lwesokudla nesokunxele anyakaza ngokuzimela** **Ukusebenzisa umzimba** - Faka isihlilingi esihlakaleni somfundi ngamunye esandleni sokudla - Cula iculo lomnyakazo " ngifaka unyawo lwesinxele phakathi" Yenza abafundi: - Babeke izandla zabo zokudla emakhanda - Bathinta amadolo esinxele ngezindololwano zabo zangakwesokudla - Bathinta amahlombe anga kwesokudla ngezandla zabo zesinxele	Iculo lomnyakazo/umlolozelo isib. Ngibeka unyawo lwami lwesinxele ngaphakathi	Usuku olu -1
	Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi- 3-D Nikeza umfundi ngamuye amabhuloki okwakha Yenza abafundi bahlale kukhapheithi: - Beka ibhuloki ohlangothini lwabo lwesokudla / nakwesokunxele - Ehlombe langakwesokunxele/ langakwesokudla - Edolweni langakwesokunxele/ nelangakwesokudla - Onyaweni langakwesokunxele/ nelangakwesokudla njll.	Ibhuloki lomfundi ngamuye	
3.1 isikhundla,indawo nokubukeka kwayo	**Sebenzisa izimo nezithombe ezi-2-D** - Umfundi ngamunye uthola iphepha nekhilayoni. - yenza abafundi ukuthi badwebe phakathi nephepha kusukela phezulu ukuya phansi,nomunye umugqa maphakthi usuka kwesokunxele uya kwesokudla. - Uthisha uyonikeza umyalelo o Beka umunwe wakho emaphakathini nesiphambano. o Dweba indilinga ebhulokini elingenhla kwesokunxele o Dweba unxantathu ebhulokini elingezansi kwesokudla o Dweba isikwele ebhulokini elingenhla kwesokudla o Dweba unxande ebhoulokini elingezansi kwesokunxele - Xoxa ngesithombe sephosta. Abafundi baphendule imibuzo ebenza bakwazi ukuchaza (ngaphandle kokukhombisa) isikhundla sento.	Iphepha Iokudweba 	

Isonto 34 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Yethula ukuchazwa kwenombolo isi-9** **Ukukhuluma:** bala zoke izinto uze ufike koku-9 Bala uye phambili noma uye emuva zoke izinto uze ufike koku-9 Ukubala bephimisa 1-10 **Gcizelela izinombolo zesikhundla:** othisa bepakisha izinto ezi-6 ngemigqa. Khomba into ngayinye uma uyibala *okokuqala, okwesibili, okwesithathu nokwesine. okwesihlanu nokwesithupha* **Gcizelela ulwazi " okuningi nokumbalwa"** Shaya izandla kaningana …..IMA Shaya izandla kambalwa. Uthisha ushaye kuze kufike koku- 9. Buza imibuzo ukuthi izandla uzishaye okuning/okumbalwa **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi: - Babale kufike koku- 9 bekhuphuka izitebhisi.. - Badwebe inombolo -9 esihlabathini/phansi bahambe phezu kwayo. - Shaya izandla ka-9 . - Ukubona izinombolo 1 kuya-9 ngesethi yezimpawu zezinombolo ezinkulu - Sebenzisa noma ngabe yikuphi okucaBangayo okungenza abafundi bathole okuchazwa inombolo 9 ngemizimba yabo.	Imilolozelo nomculo wezinombolo isethi yezimpawu zezinombolo ezinkulu	Izinsuku 2

Isonto 34 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.6 Amasu okuxazulula izinkinga	**Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezi3-D** Uthisha wakha umugqa wezinombolo noma isitebhisi phansi - OUhisha unika umyalelo othi ; - Njalo IMA ku-0 noma qala ku-0 - Njalo bala uma unyakaza - Nyakaza uya kunombolo-5.Ubuye uye kunombolo-2. Unyakaze uye phambili uya kunombolo -8. - Nyakaza uye kunombolo-8 uqhubeke unyakaze ka-1. Nyakaza ka-2 uye emumva - Ubani oza emumva kuka-3 ? - Ubani oza ngaphambi kuka-7? - Thuthukisa ukuqaphela ukugcinwa kwezinombolo ngokwenza abafundi bapakishe izinto zokubala eziyisishiyagalolunye ngezindlela ezehlukene isb.  Uma bebala,inombolo yezinto ayiphazamiseki ubungako, isikhundla noma ukufana kwazo isibonelo: - Hlela izinkinobho eziyi-9, amapensela ayi-9, amahuphu ayi-9, abafundi abayi-9 njll. - Zibale ngokuzihlela ngokuhlukana, isib. Zibale ngokuzendlala, ngokuzisondelanisa,emgqeni noma zipakishwe. . **Sebenzisa izimo nezithombe ezi -2-D** Sebenzisa inombolo 9 esimweni esijwayelekile - Yenza abafundi - Qondanisa amakhadi ezithombe avezwayo nenani lamachazi. Pakisha inanai lezinombolo elifanato.	Inombolo yesitebhisi 0 1 2 3 4 5 6 7 8 9	

Isonto 34 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
1.3 **Izimpawu namagama ezinombolo**	• **Bona izimpawu namagama ezinombolo** **Ukusebenza komzimba** - Beka izinto -5 emgqeni - Yenza abafundi bakubuke kahle - Abafundi babheka eceleni , uthisha asuse okukodwa - Abafundi kufanele basho ukuthi yiphiint esusiwe - Iphindisele into uphinde kaningana bese uqhubekela phambili ususe oku-2 nokunye okungaphezulu. Yenza abafundi: - Khetha uphawu lwenombolo -9 negama lenombolo phakathi kwamakhadi avezwayo - Beka ikhadi lophawu lwenombolo phansi ngokulandelana kokuhleleka kwezinombolo - Beka amakhadi ezimpawu zezinombolo ngokuhlukana Hlukanisa abafundi ubenze amaqembu amancane uthisha anike iqembu ngalinyeisethi yamakhadi ezimpawu ezinombolo Nikeza abafundi imiyalelo isib. - Thinta inombolo 4, beka indololwane kunombolo- 8, hlala phezu kunombolo 3, gijima uzungeze inombolo- 5 kahlanu njll. - Dlala imidlalo ngokuxumanisa inani lezinto zokubala kanye negama lenombolo, uphawu lwenombolo,amachashazi nekhadi lezithombe. - Qinisekisa uuphawu lwenombolo negama lenombolo njalo kuxhunyaniswa nenombolo efanayo yezinto	5 izinto (ezibonwayo) izinto zokubala  Amasethi ambalwa amakhadi afaka izinombolo 1-kuya 9 Amakhadi avezwayo anezimpawu zezinombolo, izinombolo magama, amachashaza nezithombe isib. Izinto zokubala	

Isonto 34 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	**Landela izinkomba ukunyakaza noma ukuba sendaweni ethile** • **Thuthukisa umqondo wezinkomba** **Ukusebenzisa umzimba** - Dweba unxantathu omkhulu, noma isikwele phansi - Abafundi bayohamba eduze kwesimo besho ukuthi bajikela kwesokunxele,noma kwesokudla bekhombisa ngezandla zabo. **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi- 3-D** Dweba unxantathu omkhulu noma isikwele ephepheni ulibeke phansi. Yenza umfundi; - Adudule inqola eduze kwemigqa. - Abanye abafundi bazolula izandla zabo zesokunxele noma sokudla behambisana nenkomba besho bethi esokunxele esokudla. Yenza abafundi ; - Chaza into ngezindlela ezehlukene isib. udoli(ngemumva/ngaphambili), indlu(ngemumva/ngaphambili) ingaphamli/ngemumva lesikole, imoto (ngaphambili/ ngemumva) kuncike ukuthi umi kuphi. - Abafundi bachaza ukuthi babonani isib.uma kunesihlahla bachaza isikhundla sesihlahla. **Sebenzisa izimo nezithombe ezi-2-D** - Yenza abafundi bathole ulwazi lokuya phambili/emumva ngokuveza izithombe zezinkomba.	Izimo ezinkulu ezidwetshwe ephepheni Imoto yokudlala Unodoli Indlu Imoto Izithombe ezibonisa inkomba, isib. inkomba yemoto ehamba ngayo nenkomba yomuntu ahamba ngayo.	Usuku olu-1

Isonto 34 **Ukujwayeza**	**Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)**		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.3 **Izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona, ukhombe amagama ezimo ezi 2-D ekilasini nasezithombeni bese zihlelwa.** • **Gcizelela ulwazi olumayelana nendilinga, unxantathu, isikwele nonxande.** **Ukusebenzisa umzimba** Yenza abafundi basebenze ngababili; - Dweba izimo emhlane womngani wakho ngomunwe. Omunye uzosho ukuthi yisiphi isimo. **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi-3-D** Nikeza izimo ezisambalomdwebo ngobungako nogqinsi obuhlukene. Yenza abafundi; - Hlela izimo ijiyometri ngalendlela isib.izindilinga, onxantathu, izikwele nonxande. - Hlela izimo ijiyometri ngobungako - Hlela izimo ezisazbalomdwebo ngemibala. **Sebenzisa izimo nezithombe ezi-2-D** Yenza abafundi; - Basike izimo ezibaliwe ngenxa ephepheni. Ezifaka izimo ezinkulu nezincane nonxantathu bama-engela ahlukene. - Hlela izimo ezihlukene ndawonye. - Lungisa isithombe esakhiwe ngezimo ezisikiwe ngesikhathi womsebenzi wobuciko.	Izinhlobonhlobo zezimo Iphepha elinezindilinga,onxantathu,nezikwele nonxande isib. Okufaka izimo ezinkulu nezincane nonxantathu bamaengela ahlukene isib. 	1 suku

Isonto 34 Ukujwayeza	Izikhathi Zokufunda Ezinconyiwe: Umsebenzi kathisha olungiselelwe ikilasi , uthatha imizuzu okungenana engama 30 (okungenani ka 5 ngesonto)		
Isihloko	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufundisa ezinconyiwe**	**Isikhathi Esilinganisiwe**
3.4 **Okufana nse nxa zombili**	• **Thuthukisa ulwazi ukuthi kunomugqa ohlukanisa izinto zifane nse nxazombili** **Sebenzisa izinto eziphathekayo ezi- 3-D** - Buka izinto zangempela ezingatshengisa umugqa ohlukanisayo. (olunye uhlangothi lubukeka lufana nolunye) isib. Uvemvane, iqabubunga njll. - Uthisha nabafundi baqoqa izithombe zezinto ezikhombisa umugqa ohlukanisa kabili kufane nse isib.indlela okupendwe ngayo izindlu, indlela okwakheke ngayo amathayili, amavazi namapharashudi. **Sebenzisa izimo nezithombe ezi-2-D** - Amfundi basika izimo ezisanhliziyo noma amavazi ezimbali ephepheni eligoqiwe laba uhhafu bese beluhlobisa ngesikhathi sobuciko obubonakalayo.	  Iphepha eligoqwe uhhafu	1 usu

Isonto 35	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
1.1 **Bala izinto**	• **Gcizelela ulwazi olutholiwe evikini le-34 oluphathelene nenombolo-9** **Ukukhuluma:**Ukubala ngezinto nsukuzonke ufike ku-9 Ukubala uya phambili nokubala uhlehle ufike ku-9 Ukubala uphimisa usuka ku 1-10 **Ukugxilisa ukubala ngokubala ngakubili usebenzisa umlolozelo wezinombolo** **Ukugxilisa ulwazi "lokuningi "no"kumbalwa"** Shaya ihlombe izikhathi eziningi ….IMA Shaya hlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla kuze kube ka-9 Buza umbuzo ukuthi yiliphi ihlombe elikhale kaningi /mncane	Umlolozelo wezinombolo neculo	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa umzimba Asidlale umdlalo Uthisha ubeka ikhadibhodi elikhulu elinenombolo nezimo noma abeke phansi amakhadi anezinombolo ezilandelanayo i-9 Uthisha unika abafundi imiyalelo njengo- - Hlala kunombolo 6. - Beka unyawlwakho kunombolo 3. - Gijima uzungeze unombolo 2 kathathu - Kheleza kunombolo1. - Uthisha usengawaxuba amakhadi ezinombolo aphinde awaphonse phansi	Ikhadibhodi elikhulu elinesethi lezinombolo. Ungazipenda bese uzuvala ngoplastiki noma uzibeke ekhalibhodini eliqinile 	
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Ukusebenzisa izinombolo esimweni esijwayelekile** **Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezingonhlangothi ntathu-3-D** Abafundi ba-: - Bala izinto ekilasini - Bala ngezinto zokubala - Uthisha ubeka izinto eziningi phezu kwetafula.Abafundi bayaqagela ukuthi zingaki lezizinto eziningi ezibekiwe Bayazibala emuva kokuqagela.	Izinto zokokubala izinto ekilasini	Usuku olu -1

Isonto 35	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
	Ukusebenzisa imidwebo ngezimo ezinhlangothimbili 2-D noma izithombe Abafundi baya-: - Badlala umdlalo wokuhlanganisa inombolo nezinto zokubala, negama laleyo nombolo, inombolo,amachashazi kanye namakhadi ezithombe. - Yiba nesiqiniseko sokuthi inombolo negama lenombolo kuyahambisana nenani lalezozinto zaleyonombolo. - Bhala phezu kwenombolo isi- 9 ngekhilayoni.	iflashikhadiyezinombolo,amagama ezinombolo,amachashazi,nezithombe isib. Izinto zokubala namakhilayoni	
1.7 **Ukuhlanganisa nokususa**	• **Xazulula izibalo zamagama ngokuphimisa esimweni esifaka izinombolo 1 kuya ku-9.** **Ukusebenzisa umzimba** - Ukuxoxa indaba yesihlahla nenyoni, kwafika enye inyoni yahlala.Zingaki izinyoni ezisesihlahleni manje?Abafundi sebeyenza samdlalo begqoke amamasiki 1 no 1 kukunika oku-2. Siphinde lesisifundo uze ufike ezinyonini ezi-9	Isithombe sesihlahla esikhulu	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa izimo noma izithombe eziphathekayo ezingonhlangothi ntathu 3-D - Umngani unezinto zokubala ezi-8.isib.izilwane eziyiplasitiki umngani unenye eyodwa. Zingaki izilwane abanazo sezizonke? 8 no 1→9	Okokubala onku-9	
	Ukusebenzisa izimo nezithombe ezingonhlangothi mbili 2-D - Nika umfundi ngamunye iphepha lokubhalela elinesithombe sesihlahla. Abafundi babeka okokubala okukodwa phezu kwesihlahla. Qhubeka ubeke ngakunye phezu kwesihlahla.	Iphepha lokusebenzela elinesihlahla nokokubala	

Isonto 35	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
3.1 **Isikhundla, isimo nokubukeka kwento**	• **Chaza isikhundla sezinto ezimbili ezinobudlelwano kwenye** **Ukusebenzisa umzimba** - Umfundiucela umngani ukuba ame phakathi kwezinto ezimbili/umfundi - Umfundi ucela umngani ame eduze kwentombazane egqoke ilokwe eliluhlaza njengesibhakabhaka - Umfundi ucela umngani ukuba ame eduze nomfana ufake izicathulo ezinsundu. **Ukusebenzisa izinto ezingonhlangothi ntathu 3-D** • Lengisa intambo phakathi kwezinto ezimbili. • Abafundi balengisa izingubo belandela imiyalelo isib. - “lengisa ishethi ngasesandleni sokunxele - “lengisa ilokwe ngasesandleni sokudla seshethi“ - lengisa iduku lobuso eduze kwe… njll..” - lengisa ibhulukwe phakathi kwe… **Ukusebenzisa ozinto noma izithombe ezingonhlangothi mbili 2-D** • Dweba isithombe sendlu ulandela imiyalelo kathisha isib.. - Dweba uphahla lwendlu ephepheni phezulu - Dweba izindonga zendlu maphakathi nephepha njll. - Dweba inja ngasesandleni sokunxele yendlu. Iphepha lokubhalela alibe likhulu ngokwanele ukuze ukwazi ukudweba izimo zingathintani ukwakha isithombe sendlu. 	 Iphepha lokubhalela Amakhilayoni	Usuku olu-1

Isonto 35	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
3.3 **izimo ezinhlangothi mbili (2-D)**	**Bona, ukhombe bese usho amagama ezimo ezinhlangothi mbili -2-D ekilasini nasezithombeni** - **Ukugcina izimo** • **Ukugcizelela ulwazi olutholwe ngonxande** **Ukugcina izimo kuyikhono lokuhlukanisa phakathi kwezimo endaweni ekuzungezile noma ngabe ubungako noma ubungako bama-engela.** **Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu 3-D** Ukuhlukanisa abafundi ngamaqembu. - Nika iqembu ngalinye amabhuloki angonxande abayi-9ahlukene ngobungako Yenza abafundi ba: - Hlela amabhuloki angonxande ngobungako babo obuhlukene uwabeke ngobungako obufanayo. - Bala amabhuloki okwakha ukuthi mangaki. Uthisha ubanika imiyalelo elendeleyo;. - Beka amabhuloki okwakha angonxande uwamise ulayini.  - Beka amabhuloki angonxande ame abheke phezulu. - Bekaamabhuloki angonxande ngolayini ogwinsizayo.  - Uthisha unika umfundi ngamunye isinqamu sewuli. Abafundi bazenzela isimo sikanxande ngewuli. Uthisha ukhomba unxande owenziwe umfundi ngamunye ukuthi abafani onxande babo kodwa bayibo onxande	Iqembu ngalinye lithola onxande abayi-9 amabhuloki okwakha anobungako obungafani Isinqamu sensonto/wuli	Usuku olu-1 noma khetha owodwa walemisebenzi

Isonto 35	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
	Ukusebenzisa izimo noma izithombe ezinhlangothi mbili 2-D - Uthisha ubanika amaflashikhadi ahlukene angama-20 eyodwa inezimo ezi-5 izindilinga, onxantathu,izikwele, nonxande ngayinye isib.  Uthisha uhlukanisa abafundi ngamaqembu. Yenza abafundi ba; - Khetha amaflashikhadi kanxande kwezinye izimo, Yenza abafundi ba; - khetha zonke izithombe ezinezimbali phakathi nezithombe ezisesihlahleni namacembe njll.	Amakhadi anaflashikhadi ahlukene anga-20, ikhadi ngalinye linezinhlobo ezinhlanu zezimo onxantathu, izindilinga, izikwele, nonxande	

Isonto 36	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
1.1 **Bala izinto**	**Gcizelela ulwazi olutholiwe olufaka izinombolo 1-9** **Ukukhuluma;** ukubalaizi nto ufike ku-9 nsukuzonke ukubala uya phambili ubuye uye emumva ufike-9 Ukugcizelela ukubala ngakubili usebenzisa umlolozelo wezinombolo **Ukugcizelela ulwazi "okuningi" no "okumbalwa".** Shaya ihlombe izikhathi eziningi …….**IMA** Shaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya ihlombe ka -9. **Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu3-D** - beka izinto ngamaqoqo ano-1-9 bese ubala kuzwakale - dlala umdlalo ezinombolo zamadomino	Amaculo nemilolozelo ezinombolo  Izinto ekilasini Izinombolo namadomino	Usuku olu-1
	ukusebenzisa izimo nezithombe ezinhlangothi mbili 2-D Nika umfundi isithombe, idothi, inombolo noma ikhadi legama lenombolo Abafundi benza ngendlela uthisha abayale ngayo;. - Abafundi bahlala benza indilinga - Uthisha ubiza inombolo isib.9 abafundi banesithombe, idothi, inombolo, nekhadi legama lenombolo elimele isi-9, bahamba endilingeni besho "nginosishiyagalolunye" - Phinda nakwezinye izinombolo. - Uma wonke umfundi esethole ithuba lokuba nenombolo,biza izinombolo ngokulandelana kwazo - abafundi bayama bephakamise amakhadi abo emoyeni uma kubizwa inombolo yakhe.. - Buka ukuthi abafundi bayakwazi ukuzihlela belandelanisa izinombolo kusuka 1 kuya 9 - Bukaukuthi abafundi bayakwazi yini ukulandelanisa wonke amakhadi amele izinombolo 1,2,3,4, uze ufike ku-9.	Amasethi anele amakhadi ezinombolo afake izinombolo 1 kuya 9 ekilasini umfundi ngamunye uthola iflashikhadi	

Isonto 36	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
1.4 **Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo**	• **Qhathanisa uthi yikuphi kulamaqoqo amabili owanikiwe;** - **Kuningi kuno…** - **Kuncane kuno…(kumbalwa)** - **kuyalingana(kuyafana)** **ukusebenzisa izinto eziphathekayo kusebenza izinto ezi 3-D** - uthisha unika izinto ezahlukene njengeamacembe,amatshe,izivalo zamabhodlela,amakhilayono, amabhuloki njll. - Yenza abafundi ba; - zihlela ngamaqoqo isib.onke amatshe ndawonye - bala izinto ngezinombolo eqoqweni ngalinye. - Tshengisa ukuthi yiliphi iqoqoelino”kuningi” “okumbalwa” no”kulinganayo” Amasethi ahlanganisa izinombolo ku-9; - Abafundi bahlala phansi benza “izidleke” ezimbili ngewuli - Uthisha unika abafundi umyalo ukuba babeke izinto ezi-2 esidlekeni esisodwa ubuye ubeke ezinye ezi-4 kwesinye isidleke - Babuze imibuzo njenge;Yisiphi “isidleke” esino”kuningi kune””okumbalwa kune” “nokulinganayo”izinto zokubala?isib,isidleke esinezinto zokubala ezi-2 kuncane kunezinto zokubala e-4 ezisesidlekeni.  - Yenza abafundi bakhe “okuningi kune…” “okuncane kune” noku”linganayo”Lamasethi ezinombolo ufike-9	Izinqamu ezimbili zewuli/insonto kumfundi ngamunye Izinto zokubala ezi-9	Usuku olu-1

Isonto 36	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
1.13 Ukuhlanganisa nokususa	• **Xazulula izinkinga ozinikeziwe zokuhlanganisa nokususa ngokuphimisa kufaka izinombolo 1-9** **Ukukhuluma:uku**bala izinto ufike ku-9 nsukuzonke. ukubala uya phambili nokubala uye emumva ufike ku-9 ukugcizelela ubala ngakubili usebenzisa umlolozelo wezinombolo **Ukugcizelela ukubala ngokwezikhundla**: Uthisha upakisha izinto ezi-6 emgqeni. Khomba into eyodwa ngesikhathi ubala *owokuqala,owesibili, owesithathu, owesine,owesihlanu,owesithupha…* **Ukugxilisa ulwazi "lokuningi "no"kumbalwa"** Shaya izandla izikhathi eziningi ….IMA Shaya izandla izikhathi ezimbalwa. Uthisha ushaya izandla kuze kube ka-9 Buza umbuzo ukuthi yiliphi ihlombe elibe liningi /mncane	Amaculo nemilolozelo ezinombolo	Usuku olu-1
	Ukusebenzisa umzimba - Uthisha ubiza umfundi-1 eze ngaphambili - Uthisha ubeka ubuhlalu namanani ahlukene (kufike 9) esandleni somfundi ngamunye. Isib. obu-4 esandleni esisodwa nobu-5 kwesinye isandla - Uthisha uhlela abafundi aBanga-9 iqembu lilinye, - Abafundi bahlala phansi. - Uthisha ucela abafundi aba-2 a ukuba basukume - Uthisha ubabuza ukuthi "Bangaki abafundi abahleli phansi?"	Ubuhlalu noma izinto zokubala	

Isonto 36	**ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA:** **Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
1.13 Ukuhlanganisa nokususa	**Ukusebenzisa izinto eziphathekayo ezinhlangothi ntathu 3-D** Abafundi bahlala phansi. - Umfundi ngamunye uthola ubuhlalu obu-9 obubekwe enkomishini yepulasitiki nesosi . - Thatha ubuhlalu obu-6 enkomishini bese ububeka esosini.Thatha obunye ubuhlalu obu-3 Bungaki ubuhlalu obusele kulobu obusale esosini? - Thatha ubuhlalu obu-4 esosweni ububeke enkomishini yepulasitiki.Thatha obunye obu-5 ubufake kobusenkomishini yepulasitiki. Bungaki ubuhlalu obusesosini? Obu-9 susa 4 ususa obu-5→0. - Thatha ubuhlalu obu-4 enkomishini yepulasitiki ubufake esosini. Bungaki ubuhlalu obusele enkomishini yepulasitiki? obu-9 thatha obu-4 →5. **Susa ubuhlalu obu-5 enkomishini yepulasitiki ububeke esoseni.Bungaki ubuhlalu obusele enkomishini yepulasitiki? Obu-5 susa obu-5→0. Ukusebenzisa izimo nezithombe konhlangothi mbili 2-D** Ukuhlukanisa abafundi ngamaqembu.Nika iqembu ngalinye isethi lezthombe zamafleshikhadi. - Bala izithombe ezi-6 kufleshikhad.Uma uzofaka enye ifleshikhadi enezithombe ezi-2 kuyona,zingaki izithombe ezikhona manje? ezi- 6 nezi 2 →8. - Bala izinto ezi-8 ekhadini lezithombe.Uma umboza izithombe ezi-3, zingaki izithombe ozibonayo? Ezi-8 ususa-3→ 5. - Pakisa izinto zokubala zenani elifanayo.	Sebenzisa lokho onakho uma ungenawo amankomishi namasosi Amasethi ambalwa amaflashikhadi ezithombe	
2.1 **Amaphethini okusazibalo mdwebo**	• **Kopisha iphethini yomsindo** **Ukusebenzisa umzimba** - Uthisha uhlukanisa abafundi ngamaqembu amathathu.Hlebela bese utshengisa ngokwenza eqenjini ngalinye ukuthi imoto inamsindo muni bese benza ngokuyikho. - Ngesikhathi uthisha ekhomba iqembu, lelo iqembu lenza umsindo walokho elikukhethelwe.isib. ngenkathi uthisha - Woosh, brrrm, zonk / Woosh, brrrm, zonk.	Izithombe ezintathu zezithuthi noma imishini.	Usuku olu-1

Isonto 36	ISIKHATHI ESINCONYIWE SOKUFUNDA: Umsebenzi kathisha olungiselelwe uthatha imizuzu okungenani (iringi) ± 30 ngosuku (okungenani ka-± 5 ngesonto)		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**IZINSIZA KUFUNDISA EZINCONYIWE**	**ISIKHATHI ESILINGANISIWE**
5.1 **Qoqa uhlele izinto**	• **Gcizelela ulwazi lokuphathwa kolwazi oluqokelelwe** **Ukusebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu 3-D** Yenza abafundi badlale lomdlalo: Hlela bese ubeka ngamaqoqo imibala yenhlama yokudlala abayithandayo yeviki elilandelayo isib. - Ukuxazulula lenkinga ukuthola ukuthi yimuphi umbala wenhlama yokudlala okuyiyona abazoyisebenzisa ngesonto elizayo. **Ukuqoqa nokuhlela ulwazi** - Sebenzisa izinto eziphathekayo ukwenza igrafu njengalokhu amabhuloki, amakhubhu, Lego noma amabhuloki kaDuplo okumele imibala yenhlama yokudlala oyihlele ukuyenza isiblaza njengesibhakabhaka, okuphuzi nokuluhlaza njengotshani. - Umfundi ukhetha ibhuloki eyodwa ezomela umbala awuthandayo wenhlama yokudlala ezosebenziswa esontweni.	Amabhuloki kaLego,Duplo aluhlaza njengesibhakabhaka, okuphuzi, nokuhlaza njengotshani(okukodwa kulokhu kungasetshenziswa)	Usuku olu-1
5.2 **Okumele izinto eziqoqiwe**	**Ukudweba igrafu** - Amabhuloki apakishiwe ngokwemibala phezu kwephosta.		
5.3 **Xoxa bese usho ngezinto eziqoqiwe zahlelwa**	**Ukufunda nokuhumusha ithebula** - Ngokulandela ukukhetha kwabafundi umbala abawuthandayo kulelisonto kuzoba umbala ophuzi .  		

Isonto 37	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha wekilasi olongiselelwe (iringi) okungenani imizuzu enga 30 ngosukungenani umsebenzi wezibalo o 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Ukwethula inombolo u 0 (uziro/okungekho)nokuthi ichaza ukuthini** **Bebala bephimisela:** Bala izinto ezisetshenziswa njalo ukufika e 10 ukusukela ku- 0 Bala uyaphambili ubuye uye emumva ufike e- 10 **Ukugcizelela ukubala ngakubili besenzisa umlolozelo** **Ukugcizelela ukubalwa kwezinombolo ezimele isikhundla:** Uthisha upakisha umugqa wezinto ezi- 6. Khomba into ngayinye ube ubala *eyokuqala, eyesibili, eyesithathu, eyesine, eyesihlanu, eyesithupha*. **Ukugcizelela umqondo "wokuningi" noku "mbalwa"** Shaya izandla izikhathi eziningi …… IMA. Shaya izandla izikhathi ezimbalwa. Uthisha uzishaya izikhathi ezi 10 Buza umbuzo yiliphi ihlombe elishaywe kakhulu/ kancane Uthisha uyachaza ukuthi u 0 uchaza "okungelutho" nokuthi ukubala ngokwangempela kuqala 1 **Ukunyakazisa umzimba** - Uthisha ukhombisa abafundi igama lenombolo u 0 - Yenza abafundi bakhombe isitho somzimba esingakhombisa okungekho (0) isib. o Umilomo yabafundi o Iminwe yabafundi	Amaculo zezinombolo nemilolozelo	Usuku olu-1
1.1 **Bala izinto**	**Izinto eziphathekayo usebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu 3-D** - Uthisha ubeka into yokubala eyodwa esandleni sakhe esisodwa, angibeki lutho kwesinye isandla. - Uvula isandla sakhe abonise abafundi into yokubala eyodwa, bese evula lesi esinye isandla abonise abafundi ukuthi asinalutho. - Lomsebenzi ungenziwa ngokuthi uthisha asebenzise nabafundi. **Okucishe kuphatheke usebenzisa izimo ezinhlangothi mbili noma izithombe 2-D** - Uthisha ukhombisa abafundi amafuleshikhadi angenazithombe nophawu lwenombolo 10.	Izinto zokubala 0	

Isonto 37	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha wekilasi olongiselelwe (iringi) okungenani imizuzu enga 30 ngosukungenani umsebenzi wezibalo o 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekiwe**
1.1 **Bala izinto**	• **Yethulela abafundi ukuthi inombolo 10 ichaza ukuthini** **Bebala bephimisela:** Bala izinto ezisetshenziswa njalo ukufika e 10 **Bala uyaphambili ubuye uhlehle ufinyelele e-10** Ukubala behuba ukusuka 0-10 **Ukugcizelela ukubala ngakubili besebenzisa imilolozelo** Ukugcizelela ukubalwa kwezinombolo ezimele isikhundla: Uthisha upakisha umugqa wezinto e 6. Khomba into ngayinye ube ubala *eyokuqala, eyesibili, eyesithathu, eyesine,* eyesihlanu, eyesithupha **Ukugcizelela umqondo "wokuningi" noku "mbalwa"** Shaya ihlombe izikhathi eziningi …… IMA. Shaya ihlombe izikhathi ezimbalwa. Uthisha ulishaya izikhathi ezi 10 Buza umbuzo yiliphi ihlombe elishaywe kakhulu/ kancane	Amaculo zezinombolo nemilolozelo	Usuku olu-1 Khetha imisebenzi embalwa
	Ukunyakazisa umzimba Yenza abafundi: - Ngababili ukusukela kwinombolo ye 10 ngemizimba yabo (abafundi 4) - Bala ukufika 10 benyakaza nesigqi sesigubhu. - Ukuphakamisa iminwe. - Ukudweba inimbolo 10 enhlabathini/ phansi endlini/ phansi ngaphandle uphinde uhambe phezu kwakho. - Gxuma izkhathi ezihlanu. - Beka izinombolo zamakhadibhodi "esikhwameni sezinto ezithintwayo". - Iba nesethi yamafleshikhadi anezithombe ezimele inombolo isib. amabhola amabili ekhadini elibonisa inombolo 2. Umfundi "uthinta" izinombolo ezisesikhwameni baziqhanise namakhadi	Sika izinombolo zamabhokisi Amafleshikhadi ezimpawu zezinombolo ezinkulu	

Isonto 37	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha wekilasi olongiselelwe (iringi) okungenani imizuzu enga 30 ngosukungenani umsebenzi wezibalo o 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekiwe**
	Izinto eziphathekayo usebenzisa izinto ezinhlangothintathu3-D Yenza abafundi ukuba: - Bakhiphe, babeke kahle izinombolo zabo zocingo besebenzisa amakhadi ezinombolo amakhulu. Bachazele ngo 0, ukuthi umele 10. - Thuthukisa ikhono lokonga izinombolo ngokubenza bakhiphe bapakishe kahle izinto zokubala ezinhlanu noma yiziphi izinto ngzindlela ezahlukene. Isib.  Uma kubalwa, isibalo sezinto asiphazanyiswa ubungako bazo, noma isikhundla, noma ukuthi ziwuhlobo olulodwa. Isibonelo: - Hlela izinkinobho 10, amapensela, amahula hups10, abafundi 10.njl. - Zibale ngendlela eyahlukile isib. Zibale zisabalele, zindawonye, sisemgqeni, noma zibekwe isitaki enye phezu kwenye.	Amakhadi anezinombolo zabafundi zocingo 	

Isonto 37	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha wekilasi olongiselelwe (iringi) okungenani imizuzu enga 30 ngosukungenani umsebenzi wezibalo o 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekiwe**
	Okucishe kuphatheke usebenzisa izinto ezinhlangothi mbili noma izithombe 2-D Yenza abafundi ngokwemiyalelo kathisha: - Babeke izinto ngokwamaqoqo ambanakanya izinombolo 1 uku 10 babuye bazibale lezizinto bephimisela. Uthisha uhlukanisa abafundi abenze amaqoqoqo amahlanu. Yenza abafundi ukuba: - Bahlele futhi bahlanganise amakhadi ezithombe, amafleshikhadi anamachashazi, izimpawu zezinombolo, namagama ezinombolo ezihleleke ngendlela efanele ukufika 10 isib.  - Pakisha inombolo yezinto zokubala ngaphezu kwekhadi lechashazi ngalinye	Izinto eaisekilasini Isethi yamakhadi anezithombe ukufika 10 0 Izinto zokubala	

Isonto 37	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha wekilasi olongiselelwe (iringi) okungenani imizuzu enga 30 ngosukungenani umsebenzi wezibalo o 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekiwe**
2.1 **Amaphethini okusazibalo mdwebo**	• **Dlala umdlalo wephethini– "Isikoshi"** Kuxutshwe nesifundo sokuvocavoca umzimba Isifundo samAkhono Empilo **Ukunyakazisa umzimba** - Bahambe bazungeze ikilasii.uma uthisha enza uphawu oluthile, noma uma umculo uthula, uthisha ubiza igama lomfanekiso/ isimo. Abafundi benza lesosimo ngeminwe yabo.Bangabuye bezenze iqembu bese benza isimo esithile ngemizimba yazo . - Dweba iphethini ngezansi phansi endlini/ phansi ngaphandle noma kuveranda ukwenzela ukuthi abafundi bazonyakaza ngendlela thize. Xoxa ngamaphethini isib. - Buza imibuzo efana nalena elandelayo: - "Yisiphi isimo esiza emuva kukanxande osekuqaleni?" - "Yisiphi isimo esiza ngaphambi kwendilinga osekuqaleni? Abafundi balandela iphethini ngalendlela elandelalayo: - Uthisha uthi: "Jabu, ugxuma ngaphambi kuka Thandiswa" ,kanti wena Musa,ungagxuma ngemuva kuka Kabelo" - Gxumela kunxande ngezinyawo zombili. - Gxumela kunxantathu ngonyawo langakwesobunxele. - Gxumela esikweleni ngonyawo langakwesokudla. - Gxumela kundilinga ngezinyawu zombili ujikise umzimba wakho ngenkathi umi kundilinga. - Qedela iphethini.	Isibonelo sephethini enikeziwe edwethswe phansi	Usuku olu-1

Isonto 37	**Isikhathi esinconyiwe sokufunda:** **Umsebenzi kathisha wekilasi olongiselelwe (iringi) okungenani imizuzu enga 30 ngosukungenani umsebenzi wezibalo o 5 ngesonto)**		
ISIHLOKO	**Amanothi Acacisayo**	**Izinsiza kufunda ezinconyiwe**	**Isikhathi esibekiwe**
2.1 **Amaphethini okusazibalo mdwebo**	**izinto eziphathekayo usebenzisa izinto ezinhlangothi ntathu 3-D** - Umfundi ngamunye uthola lemifanekiso elandelayo:  Uthisha wakha iphethini ngezimo zakhe Yenza abafundi: - Bakopishe iphethini besebenzisa izimo ezingenhla. - Ukuzakhela amaphethini ngemifanekiso abayinikiwe.	Umfundi ngamunye uthola lemifanekiso elandelayo: 	
